# *IKhaya Lesikhathi esizayo LoMyeni WaseZulwini NoMlobokazi WaseMhlabeni*

Asibe silokhu simile okwesikhashana, njengoba sikhothamisa izinhliziyo zethu manje phambi kukaNkulunkulu.

2 Baba wethu waseZulwini, sibonga kakhulu impela ngenhlanhla yokuba sibe lapha namhlanje, sibuthene ndawonye eGameni leNkosi uJesu. Sikhulekela ukuba Usithethelele izono zethu, futhi njengoba silapha ukuba siphenduke sinake izinto zaPhakade nokuPhila okubekwe ngaphambili kwalapho okungafinyelela khona lomuntu osazokufa. Manje sikhulekela ukuthi Usinike iziqondiso zaKho, zokuthi sifanele sijike kanjani, ukuthi sifanele senzeni esikhathini esizayo, futhi ngisho nasesikhathini samanje, ukuba sizuze leyondawo esi . . . thenjisiweyo.

3 Baningi abagulayo nabadingayo ezweni, futhi abakaluqedi uhambo lwabo. Nesitha sethu esikhulu, kungesiso isitha sethu kuphela, kodwa isitha saKho, size ukuzobathandela noku—nokumisa impilo yabo, nokubathumela e—ethuneni isikhathi singakafiki. Futhi siyabacelela, namhlanje, ukuthi Wena nesihawu saKho nomusa, Nkosi, kuzokwandisa izinsuku zabo esikhathini esabiweyo.

4 Okubekwe phezu komsamo, noma epulpiti, lapha kubekwe amaduku namaphasela. Nangaphandle emahholo nasendaweni ezungezile, yibo abasezinhlakeni zemibhede, izinhlaka, abagulayo nabahluphekileyo, bemi ezethamelini cishe bengenawo impela amandla enele ukuba bame ngawo.

5 O Nkulunkulu oPhakade, Wena oBusisiweyo, sengathi Ungezwa umkhuleko wethu kulokhu ukusa, ngeGazi leNkosi uJesu; ungabuki ububi bethu, kodwa wazi ukuthi Wama endaweni yethu, futhi NguYe osimele ngalomkhuleko. Sengathi yilowo nalowo angaphiliswa kube yinkazimulo yaKho, Nkosi.

6 Busisa lamaduku. Uma ebekwa phezu kwabagulayo, sengathi bangasinda.

7 Namanje, Baba, size silindele inkonzo enkulu yokuphilisa, esikholwa ukuthi izolandela, sibhobozele indlela yokuPhila, Nkosi, ukuze sazi ngeZwi laKho esifanele sikwenze. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

8 Njengasemihleni yonke, lena ithatheka njengenye yezinhlanhla zami eziphakeme kunazo zonke, kungukuba sendlini kaNkulunkulu nokukhuluma kubantu baKhe. Namanje ngiyazi kuminyene ngempela, futhi nginesifundo eside ngempela. Ngakho nge. . . nge—ngethemba ukuthi—ukuthi nizothokomala, ngakho konke, size siqede uMlayezo.

9 Manje, kuyashisa, kodwa siyabonga kakhulu ngesishayisamoya. Kodwa, iqembu eliwusayizi ongaka, akukho-sishayisamoya esingakwazi ukulenelisa, niyabo, ngoba umzimba wakho uqobo ungokukodwa okwenza, cishe izinga elingamashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalombili, futhi zonke izikhathi ubanga ukushisa, futhi nihlezi ndawonye nisondelene. Kodwa nge—ngethamba ukuthi uNkulunkulu uzonenza nithokomale ngakho konke Angakwenza.

10 Futhi uma siphakathi, sakhe imibuthano enjengalona, bengi—bengingeke nganiletha lapha, nhlobo, ukuba angicabanganga ukuthi bekungokokunisiza, ukuba angicabanganga ukuthi bekunenzela okuhle, nokuthi nizozuza ngakho, ngokuza. Bese-ke, ngazi futhi ukuthi asinaso isikhathi eside kakhulu sokwenza lokhu, ukuthi si—siza e—emahoreni okuvala impela, futhi ngi—ngifuna ukusebenzisa wonke umzuzu, engingawuthola, kube ngokoMbuso waKhe. Namanje ngethemba iNkosi uNkulunkulu ukuthi izosibusisa njengoba sibuthana.

11 Futhi ngifuna ukuphawula ngani, ukuthi, izolo bengiya ezindaweni ezehlukene, ngaphandle ngibona abanye abagulayo nabahluphekile, emahhotela abahamba ngezimoto, futhi ngahlangana nezinye zezimenenja kuleliviki, ezinye zezindawo zokudlela. Njengoba, bengingale eRanch House kuleliviki, ngapha, nemenja ibingixhawula lapho siqala ukuphuma. Futhi ithe, yangibiza ngo, "Mfowethu Branham." Ngimangele ukuthi ingaze kanjani. Futhi ithe. . .

Ngathi, "Uyimenenja na?"

12 Yathi, "Ngingumnikazi." Ngakho ngaleyonkathi wathi, "Yebo, abantu bakho bangena lapha bezokudla, besuka ezansi lapho." Wathi, "Ba. . . "

Ngase ngithi, "Awu, ngiqagele baminyana kuwe kuze kweqe."

13 Wathi, "Mnumzane, leso ngesinye isigejane sabantu abahle kunabo bonke esengake ngababona." Wathi, "Banomoya omuhle kabi."

14 Ngiye ehhotela labahamba ngezimoto izolo, ukuyobona inkosazana ebengifuna ukuxoxa nayo, uyise nonina ekhona, futhi ngidingeke ngiye kwimenenja ukuyothola ukuthi ngabe ikuphi i—imot-. . . ikamelo abebekulo.

15 Yathi, "Nawe ngabe unguMfowethu Branham na?" Lapho kusenhla eOaks.

Ngase ngithi, "Yebo, mnumzane."

16 Yathi, "Ngifuna ukukuxhawula." Yathi . . . Yangethula kumkayo; izithandani ezinomoya omuhle kabi. Zithe, "Wonke umuntu kulelihhotela labahamba ngezimoto wethamela izinkonzo zakho. Siligodlela bona." Futhi zathi, "Onke amanye amakhastoma ethu siwenqabile."

Ngase ngithi, "Awu, ngiyanibonga ngalokho."

17 Yathi, "Mfowethu Branham, esinye isigejane sabantu abanomoya omuhle kunabo bonke engake ngababona, bangabantu onyukela lapha, owethamela imihlangano yakho.

18 Ngingene izolo ebusuku kwamngane wami, uMnu. Becker ezansi lapha, futhi ngangiwathanda njalo amasemishi akhe. Ngempela uyi . . . Yena, ngamazi ngisengumfana; ngimaze impilo yami yonke. Bekukhona izithandani zihlezi lapho ezivela ezansi e—endaweni endala, ezansi eRiverside Hhotela ezansi lapho. Ngakho ba . . . UMnu. Becker uthe, "Billy?"

19 Ngathi, "Yini, Homer na?" Sazana kahle kakhulu.

Wathi, "Ngiphakela bonke abantu bakho enhla laphaya."

20 Abanye abangamakhulu amabili, noma okuthize, njalo ngeSonto, udla eBlue Boar. Futhi nomaphi lapho engiya khona, ngiyakuzwa ukuphawula kokuthi ninomoya omuhle kangakanani.

21 Lomfo uthe, "Ezansi e—eRiverview ezansi laphaya," wathi, "yonke leyondawo ithathwa abantu abethamele umhlangano." Wathi, "Kungahle kube ngamakhulu angeke angene."

22 Ngakho, ukuba yilokho, kimi niwusawoti womhlaba. Ngi—ngibonga kakhulu ukwazi ukuthi nginenhlanhla yokushumayela kubantu okuthi ngisho izoni nabantu . . . Angisho ukuthi lababantu bayizoni, kodwa ngiqonde abantu abathi, ibhizinisi nokunjalo, abangasho ukuthi ningabantu abanomoya omuhle, futhi bayanithokozela ebhizinisini labo, ngasezindaweni zabo. Niyazi, lokho ngukuba nobusawoti. Ngiyakuthokozela lokho, ukuziphatha kwenu, ngendlela eninakekela ngayo izinto.

23 Bengihlala njalo ngithi, "Uma kungena umuntu futhi engenayo, engenayo imali yokubhekana nesikweletu sakhe, ubovele nje ungibizele enhla." Niyabo? Ngathi, "Sizokwenza okuthize ngaso." Futhi ngathi, "Ubaphakele njalo, noma benayo imali noma bengenayo." Niyabo, kungenziwa noma yini.

24 Ngiyakuzwa ukuthi ningabantwana bami. Niyi—niyizinkanyezi engi . . . Uma ngiyoke ngibe nayo eyodwa uma sengifika laphaya, niyoba yilelogugu, ingxenye ekhanya ukwedlula konke, e—emqheleni wenkonzo yami. Uma isiqheliswa umqhele, niyoba yilelogugu.

25 Futhi benginitshela, ezikhathini ezedlule, ngeziMpawu eziyisiKhombisa, imiNyaka yeBandla, nezinto o—obekwenzeka.

26 Namanje, kulokhu ukusa, nginendaba esemqoka kakhulu. Kimi, ingegcwele isibusiso kakhulu. Ngethemba ukuthi izozwakala kini ngendlela efanayo. Futhi uma kuphela ngingayinikeza ngokuphefumulelwa engiyemukele ngakho, ingamangalisa, kodwa lokho kuzoba kuNkulunkulu ukwenza lokho.

27 Benginitshela ngokuthi *kukuphi* futhi *kuyini* okwenzekayo, futhi sibona zonke lezizinto zenzeka.

28 Manje ngikhuluma, kulokhu ukusa, ngokuthi: *IKhaya Lesikhathi esizayo LoMyeni WaseZulwini NoMlobokazi WaseMhlabeni*, lapho bezohlala khona. Futhi, ngokuba, ngethemba ukuthi ngomusa kaNkulunkulu sonke siyingxenye yalowomnotho omkhulu kaNkulunkulu.

29 Namanje nge—ngethemba ukuthi nizongibekezelela, nithathe amaBhayibheli enu, amapensela enu, kumbe noma ngabe yini eniyenzayo ukuba nifunde kanye nami, ngoba ngizothathisela emiBhalweni eminingi. Ngizame ukuqeda ngesikhathi esenele ukuba ngibe nomkhuleko wabagulayo; futhi ngikwethembisile lokho. Benikhulekela esikhashaneni esincane esedlulile, emakamelweni nasemaceleni, labo nje abacishe impela bangabi nakuzisiza futhi bengenathemba.

30 Futhi, iNkosi ithanda, mhlawumbe ngizoba nenye inkonzo ziyishumi nesithupha, nje mhlawumbe kube umkhuleko wabagulayo.

31 Kuqala iholide lami manje. Selokhu kusukele ngoJanuwari odlule, bengihamba, futhi ngibuyela lapha. Ngizobakhona. Ngithatha umndeni wami ngiwuyise eTucson ekuseni, ngizobeke sengibuyela ukuba ngichithe isikhathi ezansi lapha eKentucky, nabanye babangane bami, sizingela, nokuzingela izingwejeje, amaviki athi awabe mabili, noma mhlawumbe izinsuku eziyisikhombisa noma eziyisishiyagalombili, izinsuku eziyishumi, noma kuyini, ngaphandle uma iNkosi ingiholela kwenye indawo ethize. Angazi neze, ukuthi nje uzoba kuphi; asikwazi neze lokho, ngoba lokho kusezandleni zikaNkulunkulu, uNkulunkulu yedwa.

32 Manje okwalendaba enkulu, si—si . . . Ngicabanga ukuthi, uma ngingathatha isikhathi sami kulokhu, ngoba ungadingeka ungenise izinto eziningi, kungathatha amaviki. Kodwa ngibhale phansi eminye imiBhalo, amanye amanothi, ukushaya nje izinto ezisemqoka zayo, ize ifike lapho ezokwenza khona ukuba ufundisise.

33 Bese ngokushesha, mhlawumbe, iNkosi ithanda, ngo-Oktoba, angazi nini, kodwa noma yikuphi la Izozibonela khona, ngizothanda ukuba ne—nezinsuku ezimbalwa, nje zomhlangano wezikhathi zonke, ngesahluko 12 seZambulo, ukukubophela

phakathi nalokhu lapha. O, ngikholwa ukuthi kungaba kukhulu. Kungabanjalo nje. Kungaba kukhulu ukubona ukuthi Ikwenze kanjani.

34 Bese-ke, thina sihlangana ndawonye manje, ngithe izolo ebusuku, ngathi, "Niyazi, uma ngi . . . " Ekuseni, njengasekuseni njalo, ngicabanga, "Uma ngehlela lapha, ngizobazi bonke ababangane bami olapho." Manje ngizokwenza kanjani na?

35 Ukuba abe nami lapha, njengomngane wami olungileyo, uDokotela Lee Vayle ehlezi ngemuva lapha, umkakhe othandekayo nendodakazi. NoMfowethu Roy Borders, no, ngiyacabanga, Mfowethu Ruddell, uMfowethu Beeler, noMfowethu Palmer, noMfowethu Jackson. No, o, he, u—u . . . Labo bazalwane abathandekayo abavela kuzo zonke izingxenye ezehlukene! UMfowethu Anthony Milano, no, o, ndawo zonke obuka kuzo, ubona omunye umfowethu! Abavela ezansi eArkansas, angisalikhumbuli igama labo; uMfowethu John, uMfowethu Earl Martin, noMfowethu Blair. No, o, kukhona nje . . . u . . . Nje akupheli, niyabo. Ngijabula kakhulu ukuba neqembu elinjalo libuthene lingizungezile uma ngifundisa ngeZwi likaNkulunkulu, indoda engicabanga ukuthi ayindoda eyiqhawe, indoda kaNkulunkulu ngempela.

36 Nginokubonga ngalelitabernakele elincane. Ngiyabonga kakhulu ngeminyango yalo emihlanu evulekileyo emphakathini. Umnyango ngamunye . . . Sinabadikoni abane lapha, indoda egcwaliswe ngoMoya; abaphatheli abane, indoda egcwaliswe ngoMoya. Babili emnyango ngamunye. Futhi linomnyango oyidabuli ngaphambili, wabafundisi ababili, abelusi bezimvu.

37 Siyajabula ukuba nani; siyabonga kuNkulunkulu ngalokhu. Sengathi Anganibusisa njalo.

38 Manje sifuna ukuma umzuzwana nje, sisafunda kuPetru wesiBili isahluko 3, kanti futhi naseNcwadini yeZambulo 21.

39 Njengoba sima, O Nkosi, gcwalisa izinhliziyo zethu ngenjabulo ngenxa yokufundwa kweZwi laKho, ngokwazi ukuthi uJesu ushilo, ukuthi, "Kodlula amazulu nomhlaba, kepha iZwi laMi alisoze lehluleka." Siyazi futhi ukuthi Wathi, "Yonke imiBhalo imele igcwaliseke." Futhi njengoba sifunda lezizinto, sengathi singaba nokuqonda okuvela kuWe, ihora esiphila kulo. Sikucela eGameni likaJesu, uMqambi weNcwadi. Amen.

40 UPetru wesiBili 3.

> *Lencwadi yesibili, bathandekayo, enginilobela yona; kuzo zombili engivusa ngazo ingqondo yenu emhlophe ngokunikhumbuza:*
>
> *Ukuze nikhumbule amazwi ashunyayelwa phambili yibo abaprofethi abangcwele*, nemiyalo *weNkosi noMsindisi owashunyayelwa itina abaphostoli*:

*Nazi kuqala lokhu, ukuthi ngezinsuku zokugcina kuyakufika abahleki abahleka usulu, behamba ngezinkanuko zabo,*

*Bethi, Siphi isithembiso sokufika kwakhe na*?. . . (Uma lokhu kungahlangani nalo wesifazane ongumphikinkolo!. . . futhi *selokhu obaba balala, konke kumi kunjalo njengakwasekuqaleni kokudalwa.*

*Ngokuba bathanda ukukhohlwa lokhu, ukuthi kwaphakade amazulu ayekhona, kanye nomhlaba owavela emanzini nangawo amanzi umi ngezwi likaNkulunkulu:*

*Okwathi ngawo izwe elalikhona, labhubha, ngokukhukhula kwamanzi:*

*Kepha amazulu nomhlaba, okukhona manje, kubekelelwe umlilo ngalo lona lelizwi, kulindele usuku lokwahlulela nolokubhubha kwabantu abangamesabi uNkulunkulu.*

*Kodwa, bathandekayo, aningahlali ningazi lento inye, yokuthi kuyo iNkosi usuku lunye lunjengeminyaka eyinkulungwane, nokuthi iminyaka eyinkulungwane injengosuku lunye.*

Manje, *iNkosi ayilibali ngesithembiso sayo, njengalokhu* omunye *bathi kungukulibala; kepha isihlalela kade, ingathandi ukuba kubhubhe namunye, kodwa ukuba bonke beze ekuphendukeni.*

*Kepha usuku lweNkosi luyakufika njengesela lifika ebusuku; mhla amazulu* nomhlaba, ngokuhlokoma. . . *eyakudlula ngokuhlokoma, kuyakusha konke kubhidlike, nomhlaba nemisebenzi yawo kuyakusha.*

*Njengokuba konke kuyakubhidlika kanjalo, kumelwe ukuba* sibe umuntu onjani *ekuhambeni okungcwele nasekumesabeni uNkulunkulu,*

*Nibheka* uku*langazelela ukufika kosuku lukaNkulunkulu ayakubhidlika ngalo amazulu ashe, konke kushe kuncibilike na?*

*Kepha, siyalindela ngesithembiso sakhe, amazulu amasha nomhlaba omusha, okukhona kuwo ukulunga.*

*Ngakho, bathandekayo, lokhu* sibheka *lezozinto, khuthalelani ukuba* ningafunyanwa. . .*nifunyanwe ninokuthula, ningenabala ningenacala kuye.*

*Nithi ukubekezela kweNkosi kungukusindiswa; njengalokho. . .wethu othandekayo uPawulu wanilobela ngokuhlakanipha ayekuphiweyo;*

*Njengalokhu. . .ezincwadini zakhe zonke, ekhuluma kuzo* ngez*into; okukhona kuzo* ngezinye izikhathi

*okulukhuni ukuzwisiswa, okuthi abangafundile nabangaqinile* babambana, *bakuhlanekezela, nje—njengalokhu bayiguqula eminye imibhalo, kube ngukubhujiswa kwabo.*

*Ngakho, bathandekayo, njengokuba nazi lokhu ngaphambili, xwayani, funa neduswe ngokukhohlisa kwababi, niwe ekuqineni kwenu.*

*Kepha khulani emseni,. . .ekwazini kweNkosi noMsindisi wethu uJesu Kristu. Inkazimulo mayibekuye namanje naphakade. Amen.*

41 Manje e—eSambulweni sikaKristu, esahlukweni 21, ngifunda lamaZwi.

*Ngase ngibona izulu elisha nomhlaba omusha: ngokuba izulu lokuqala nomhlaba wokuqala kudlulile; nolwandle alusekho.*

*Mina Johane ngabona umuzi ongcwele, iJerusalema elisha, wehla uvela ezulwini kuNkulunkulu, ulungisiwe njengomlobokazi ohlotshiselwe umyeni wakhe.*

*Ngase ngizwa izwi elikhulu livela ezulwini lithi, Bheka, itabernakele likaNkulunkulu liku*muntu, *uyakuhlala nabo, babengabantu bakhe, yena uNkulunkulu abe-nabo, abe nguNkulunkulu wabo.*

*UNkulunkulu uyakwesula izinyembezi zonke emehlweni abo; ukufa akusayikuba-khona, nokudabuka, nokukhala, nobuhlungu akusayikuba-khona: ngokuba okokuqala kudlulile.*

*Wayesethi ohlezi esihlalweni sobukhosi, Bheka, ngenza konke kube-kusha! Wathi kimi, Loba: ngokuba lawamazwi athembekile aqinisile.*

*Wayesethi kimi, Sekwenzekile. NginguAlfa no-Omega, ukuqala nokugcina.* Futhi *owomileyo ngiyakumphuzisa ngesihle* emithonjeni *wamanzi okuphila.*

*Onqobayo uyakulidla ifa lalezozinto; ngiyakuba nguNkulunkulu kuye, yena abe-yindodana kimi.*

Asikhuleke futhi.

42 Nkosi Jesu, ngesethembiso esinje nangenkulumo eqine kanje njengoba uJesu qobo lwaKhe nomphostoli esinike yona mayelana nehora esisondela kulo, siphe, O Nkosi, okwesiqondiso saKho, ukuze sazi ukuthi sisondele kanjani kuso ngendlela efanele. Ngoba, liyeza, siyazi. ImiBhalo ifanele igcwaliseke, futhi kuyoba njalo. Namanje, Nkosi, sicela umusa waKho futhi phezu kwethu sonke, njengoba sifundisisa iZwi laKho. Yiba nathi futhi usisombululele Lona, Nkosi, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

43 Manje, angazi noma ingabakhona yini indlela engathi mhlawumbe, mhlampe abangacisha ngayo amalambu asehholo elikhulu, futhi bashiye nje lawa asemsamo lapha, mhlambe okuzobangcono, futhi bathathe amanye amandla kagesi. Sacishe sashisa isigubhu esiphethe ugesi, ngobunye ubusuku. Futhi uma umgcini ezosenzela lokho, sizokuthokozela ukuba amalambu angaphansi, amalambu asehholo elikhulu, acishwe. Bese-ke ngicabanga ukuthi nizoba neningi indawo yokuba nibone, ukuba nibhale.

44 Manje, indaba futhi, ukuyimemezela, esisondela kuyo i—indaba ethi: *IKhaya Lesikhathi esizayo LoMyeni WaseZulwini NoMlobokazi WaseMhlabeni.*

45 Manje njengoba kade ku. . . Ngizodingeka ngenze lokhu nje. Ukuthi nje kushisa kakhulu phezulu lapha, niyabo. Yebo, mnumzane. Njengoba si. . . Ngiyazi umkami akathandi ukuba ngenze lokho; kodwa, lokho, ukukhumula ibhantshi lami. Ukuthi nje kushisa kakhulu phezulu lapha. Niyabo, ninomoya nina lapho, futhi uthi nje ukunqamuka esibayeni esincane lapha, niyabo. Manje, e—esikhathini esizayo, noma . . .

46 Enkathini edlule, njalo, sifundisise *IziMpawu eziyisiKhombisa*, *AmaBandla ayisiKhombisa*. UMfowethu Vayle nalabo bayazisebenza lezo manje, ngokwethembeka, ukuba bazenze zibe yizincwadi.

47 Nokubona zonke lezizinto eziyizimfihlakalo esizibonile zifezeka, bese-ke ngicabanga, emva kokukuqonda lokho, ehoreni esiphila kulo, nesimo; akukho-muntu ongathanda ukuhlala phansi ngokuhlakanipha kwangempela futhi akuhlole okukhulunywe ngakho, nokwethenjiswe ukuthi kwenzeke, nalokho okwenzekile, kodwa angasho ukuthi lezozinto ziyagcwaliseka. Niyabo? Khona impela uNkulunkulu athi Wayezokwenza, Wakwenza nje impela ncamashi. Niyabo?

48 Manje, ngicabanga ukuthi kulokhu, ukuthi, ngingazi ukuthi sikhathi sini iNkosi uJesu engahle ibonakale ngaso, ngicabange ukuthi kungakuhle, kubonakale kukuhle kuMoya oNgcwele ukuthi sikhulume ngalokhu, bese-ke; futhi mhlawumbe ngibuyele kukho futhi, kabili noma kathathu, ngoba angizukuba naso isikhathi esenele ngempela ukukukhipha konke lokhu.

49 Njengoba lapho oshaya khona i—indaba engahle ithi ukuba yisikhubekiso kancane komunye, awukwazi ukuyiqhuba yonke ize iyophela ukuyenza icace, bese uyabuya futhi ukuzobamba indaba elandelayo.

50 Bese kuthi-ke kamuva, e. . . uma iNkosi ithanda, size kwese 12 izimpawu, noma hhayi. . . Ngiyaxolisa. Isahluko 12 seZambulo, okubekwe phakathi kokuFika kweNkosi nokuphela kwamaCilongo, nokunjalo. Sizozama ukukubuyisa lokho, ukukhombisa ukuthi ubani uSathane, nokuthi wenzani,

uvelaphi, yini inhloso yakhe, nokuthi ubuhle bakhe obukhulu aphiwa bona bakubangela kanjani ukuwa kwakhe. Inkohliso yakhe yabubangela ukuthi buwe; ubuhle.

51 Bese-ke, ukuthi kuba kanjani okungenakwenzeka kunoma yimuphi umuntu ofuna ukukubuka ngokuyikho, leyo "nzalo" yenyoka. Ngingenza inselelo kulokho, kunoma yimuphi umuntu, niyabo, ongafuna ukukubuka, ngo—ngokuqonda nje ngokoqobo okujwayelekile. Umntwana angakubona. Niyabo? Manje, futhi sizofika kulokho kamuva.

52 Manje, siyaqonda lapha ukuthi lemiBhalo emibili . . . Isizathu sokuba ngifunde uPetru wesiBili isahluko 3, futhi ngiwuqhathanise neZambulo 21, yomibili lapha ikhuluma indaba efanayo, kodwa uJohane akazange—akazange ayibhale ngokuphelele njengoba kwenza uPetru. Niyabo? Siyaqonda ukuthi leliKhaya elikhulu loMlobokazi lizoba lapha emhlabeni.

53 Futhi manje uma ufunda, njengesahluko 21 nje, isahluko 21 seZambulo, umphostoli lapha washo, noma umprofethi washo, ukuthi, "Ngabona iZulu eLisha noMhlaba oMusha." Kuzwakala sengathi kuzobakhona ukushabalala.

54 Manje, indlela njalo engithola ngayo iMilayezo yami kungomkhuleko. Ngisuke ngihlezi emkhulekweni bese kubakhona okwembuleka kimi. Futhi ngiwulinde imizuzu embalwa futhi ngibone ukuthi ulungile yini, bese ngiwuzwa usondela kakhudlwana. Bese kuthi-ke ngezinye izikhathi ngiba lokhu ngilindile uze ubonakale embonweni. Kodwa uma usuqala ukuza, futhi ngeneliseke ukuthi uvela kuNkulunkulu, bese-ke ngiya emBhalweni. Niyabo, Yiwo, ufanele ube yisiqinisekiso sayo yonke into yokombhalo eyenziwe, ngoba iBhayibheli liyisambulo esiphelele sikaJesu Kristu; niyabo, LinguMzimba waKhe.

55 Namanje, kulokho, mhlawumbe ngithola indawo emBhalweni engezwakali nje kahle, bese ngiyamangala. Ngibuyela emuva futhi emkhulekweni. Uyabuya futhi. Bese ngi—bese ngiqala uku—ukuhlola umBhalo wami.

56 Manje, iBhayibheli lethu libhalwe ngesiNgisi, futhi amagama esiNgisi ayashintsha, sonke isikhathi. Isibonelo nje, njengoJohane oNgcwele 14, wathi, "EKhaya likaBaba waMi kukhona izindlu eziningi," indlu ekhaya. Awu, bese-ke, wena, okwenzayo-ke ngalokho, ngukuba ukuhlehlise kubuyele ko—kokokuqala futhi ubone ukuthi uJames wayeqonde ukuthini, noma ubuyele emuva kwelesiHeberu, noma elesiGreki, ehumusheni lokuqala. Futhi phakathi lapho kuthi, "EMbusweni kaBaba waMi kukhona izindlu zobukhosi eziningi." Awu, bese-ke, ubuye uze esikhathini abahumushi abahumushela ngaso uKing James, u*mbuso* wawubizwa, ngesiNgisi, nge "ndlu," nenkosi yayingubaba phezu kwezithunywa zayo. Naso isizathu sokuba bahumushe bathi, "EKhaya likaBaba waMi kukhona

izindlu eziningi." Niyabo? Bese-ke uthola lawomagama futhi ufanele uwafunisise.

57 Bese-ke, niyabo, kusukela kulokho kuphefumulelwa... Lelipulpiti kulokhu ukusa, ngithi, alikaze nakanye lingabi nalutho ukuphela oqondile, umBhalo. Ifika kanjalo *Inzalo yeNyoka* nazo zonke lezi ezinye izinto. Niyabo? Nge...

58 Futhi kunje, ngempela, uma umfo engavele nje afunde bese ethi, "EKhaya likaBaba waMi kukhona izindlu eziningi," uma ungamanga ukuba ufundisise, ukhuleke, uzodideka kakhulu. Niyabo? Kodwa nje qhubeka ukhuleka. UNkulunkulu njalo ukwenza kube yikho, uma kuvela kuNkulunkulu.

59 Manje, uJohane uchaza ukushintsha necom-...ukuthi kufika kanjani...Akakuchazi, njalo, kodwa uPetru uyakuchaza. UJohame wavele nje wathi, "Ngabona amaZulu Amasha noMhlaba Omusha; amazulu okuqala nomhlaba wokuqala kwase kudlulile. Ulwandle lwalungasekho. Mina Johane ngabona uMuzi ongcwele wehla uvela eZulwini kuNkulunkulu, ulungisiwe njengoMlobokazi ehlotshiselwe uMyeni waKhe." Kodwa, siphendukela emuva kuPetru wesiBili manje ukuba sithole, uPetru uyachaza ukuthi lendlela eqhubekayo iyofika kanjani. Manje, uma ungabuka kulokho okwashiwo nguJohane, kuzwakala sengathi, "Ngokuba amazulu okuqala nomhlaba wokuqala kwase kudlulile," kwashabalala. Niyabo, bese-ke, lokho kuzwakala kuyinqaba impela. Ngakho yilokho okwangishayayo, ngase ngiqala ukufuna igama, "dlula." Futhi, manje, kodwa kucacile ukuthi zombili lezi, eyomphostoli nomprofethi, babekhuluma ngento efanayo.

60 Namanje, futhi, eNcwadini kaIsaya, manje, ukuthi nifuna ukubhala lemiBhalo phansi, kuIsaya 65:17. UIsaya, ekhuluma ngesikhathi seminyaka eyiNkulungwane, leyominyaka eyinkulungwane yokuphumula kwa—kwabantu bakaNkulunkulu. UIsaya wakhuluma ngayo, futhi wathi, "Ngi...Kwakukhona i...Zonke izinto zakuqala zase zedlulile," nokuthi bayozakha kanjani izindlu, bahlale kuzo. Ukuba besinesikhathi...Mhlawumbe sithathe isikhathi nje futhi—futhi sifunde lokhu umzuzu nje, uIsaya 65, futhi asifunde nje imizuzu embalwa lapha. Futhi nakhu, impela, okwethu. Manje, ukuqala, uIsaya 65:17.

> *Ngokuba, bheka, ngiyadala amazulu amasha nomhlaba omusha*:...

61 Manje, uIsaya, umprofethi, wayengomunye wabaprofethi ababhala iBhayibheli lonke impela esiprofethweni sakhe. Uqala ngendalo; phakathi neNcwadi yakhe, cishe esahlukweni 40, bese kufika uJohane uMbhaphathizi, iTestamente eLisha; futhi lisongeleka lapha, eNcwadini yakhe, eZambulweni, esikhathini seminyaka eyiNkulungwane. Zingamashumi ayisithupha-nesithupha izincwadi eBhayibhelini, futhi kukhona izahluko

ezingamashumi ayisithupha-nesithupha kuIsaya. Wabhala incwadi ephelele ehlaziyayo.

62 Manje, siyathola, lapha manje uthola isahluko 65, esinye futhi isahluko, futhi ukhuluma ngesikhathi seminyaka eyiNkulungwane. Kuqapheleni, ukuthi kuhle kanjani.

> . . . *bheka, ngiyadala* izulu *elisha nomhlaba omusha*: into *zakuqala aziyikukhunjulwa,* noma *zingene enhliziyweni*. (Kuzo "kwedlula.")
>
> *Kepha ja—jabulani nethabe* . . . ngisho *ngengiku*dalileyo: *ngokuba, bheka, ngilidala iJerusalema libe-ngukwethaba, nabantu balo babe yinjabulo.*
>
> *Ngiyakwethaba ngeJerusalema, ngijabule ngabantu bami: kungabe kusezwakala izwi lokulila kulona,* ngokuba . . . *nezwi lokukhala.*
>
> *Kusukela lapho akusayikuba-khona ingane yezinsuku nje, nexhegu elingazigcwalisanga izinsuku zalo: ngokuba omusha uyakufa eneminyaka eyikhulu yobudala*; futhi *isoni sibekwe icala sineminyaka eyikhulu*. Khona-ke bayo . . .
>
> *Bayokwakha izindlu, bahlale kuzo; bayakutshala izivini, bayakudla izithelo zazo.*
>
> *Abayikwakha, kuhlale omunye*; (lokho kungukuthi, ipulazi lakho, indodana yakho ilidle ifa, noma amanye amafa akho) . . . *abayikutshala, kudle omunye* lapho: (bazitshalela bona futhi bahlale lapho; banokuPhila okuPhakade) . . . *ngokuba njengezinsuku zomuthi zinjalo nezabantu bami,* . . . *bakhethiweyo bami bajabule ngesikhathi* sami eside imisebenzi *wezandla zabo.*
>
> *Abayikusebenzela ize, baveze inhlupheko; ngokuba bayinzalo yababusisiweyo beNKOSI, ne*zinzalo *yabo kanye nabo.*

63 Manje qaphelani, nakhu lapho engizofika khona, emva kwesikhashana.

> *Kuyakuthi, bengakabizi, mina ngiphendule; besakhuluma, mina ngiyakuzwa.*
>
> Futhi *impisi iyakudla ndawonye newundlu, ingonyama idle utshani njengenkomo*: . . . *thuli lube-ngukudla kwenyoka.* Futhi *aziyikulimaza* noma *zingachithi kuyo yonke intaba yami engcwele, isho iNKOSI.*

64 Isethembiso esinje pho, salababaprofethi nezazi ezinkulu, abafundisi beBhayibheli, emuva le ezinsukwini zasendulo, zibona loluSuku oluhle kakhulu luza!

65 Ngalezizahlukwana, umuntu angahle acabange, noma aholeleke, njalo, ekukholweni ukuthi yonke imbulunga yomhlaba, yalomhlaba, iyobhujiswa, "Ngenza iZulu eLisha noMhlaba oMusha," niyabo, ukuthi amazulu ayobe engasekho nomhlaba uyobe ungasekho, ushabalale nya. Kodwa ukufundisisa okusondele, nangosizo lukaMoya oNgcwele, singalibona iQiniso lalokhu; futhi yilokho esizongena kukho.

66 Yimimoya eyemboze umhlaba jikelele kuphela, nesono esiphezu komhlaba, okuyobhujiswa. Niyabo? Manje, siyaqonda ukuthi *amazulu* kuchaza i "mimoya eyemboze umhlaba jikelele ngaphezu kwethu." Niyabo?

67 Wenzani na? Uba wona-ke, lamakhakhasi, nokugula, nokufa, nezombusazwe, nowesilisa oyisoni, nowesifazane oyisoni, nemimoya emibi, konke kuyobe kungasekho futhi kwashabalala. Niyabo? Kufanele kwenziwe ngaleyondlela, ngoba sizohlala khona lapha. Sizokufakazela lokho ngeBhayibheli. Khona lapha yikhona esihlala khona. Manje qaphelani, amakhakhasi, amagciwane, zonke izifo nezinto, kuyosuswa nya. Konke lokhu, ukubakhona kwakho okusemhlabeni manje, izinqubo ezenziwe ngabantu, ezombusazwe, isono, zonke izinhlobo zomoya ababi izwe elonakaliswe yibo, nawo onke amazulu phezu kwethu phakathi lapha, konakaliswe umoya omubi. Manje sizojula futhi sithathe isikhathi, kulokhu, niyabo.

68 Konke lokhu kukhona emazulwini, noma emimoyeni emboze umhlaba jikelele, nomhlaba okhona manje. Lomhlaba ubambe lezozinto, kodwa wawungenzelwanga leyonhloso. Isono sawubangela ukuba ubenjalo. Niyabo? Wenziwa nguNkulunkulu, uMdali. Kodwa konke . . .

69 Nakho konke okwemizimba yethu, esiphila kuyo manje, kwabekwa emhlabeni ngenkathi uNkulunkulu ewudala, ngoba nivela othulini lomhlaba. Konke kwakubekwe lapha. Ngenkathi uNkulunkulu qobo lwaKhe ewudala, nanisekucabangeni kwaKhe. Futhi kuYe, oMkhulu, oPhakade kwakuwumcabango, oyingxenye yaKhe.

70 Futhi manje isono sabangela ukuthi kwenzeke konke lokhu. Futhi uNkulunkulu, ngalonyaka, uqoqa impahla yaKhe.

71 USathane usekhona lapha. Yingalesosizathu zonke lezizinto zenzeka. Usekhona lapha, nawo onke amandla akhe amabi asekhona lapha. Qaphelani, yingakho umhlaba manje ungcole kangaka. Yingakho ukugqwala nezinto ezuwubuthutha okwenzekayo; ukuchitheka kwegazi, impi, ezombusazwe, isono, ukuphinga, zonke izinhlobo zokungcola okwenzekayo, yingenxa yokuthi uSathane ungumbusi walomhlaba nalomoya owemboze umhlaba jikelele.

Wena uthi, "Iatmos- . . .?" Yebo, mnumzane!

72 Kokubili amazulu nomhlaba manje konakaliswe ngodeveli abangasimangalela phambi kukaNkulunkulu. UJesu uLapho ukuba asikhulumele. Niyabo? Ngenkathi abamangaleli beyilokhu bekhomba ngomunwe, "benza *lokhu*, benza *lokhu*, benza *lokhu*," kodwa iGazi lisalokhu lisibekela. Wafikela ukuhlenga lowo oKhethiweyo Ambona ngaphambili. Yingakho kungcole kangaka namhlanje.

73 Lapha, umphostoli, kuPetru wesiBili lapha, isahluko 2, nelesi 5 ne . . . nevesi lesi 5 nelesi 6. Yebo, sengikutholile. Ubhekise ezigabeni ezintathu zomhlaba. Niyabo, u—uthatha izigaba ezintathu zawo. Qaphelani ukuthi uziletha kanjani.

74 "Izwe elidala elavela ngamanzi," manje, lelo kwakuyizwe langaphambi kokubhubha komhlaba ngamanzi.

75 Manje, leli elikhona, izwe lamanje esiphila kulo manje, walibiza nge "zwe."

76 "Izwe elidala elavela ngamanzi," uGenesisi 1:1. Manje ne "zwe" elikhona manje. Bese-ke, futhi, ubhekisela kwelinye, "izwe elizayo," iZwe eLisha. Amazwe amathathu; izigaba ezintathu zezwe.

77 Futhi qaphelani ukuthi uNkulunkulu usenzela licace kahle kanjani icebo laKhe lokuhlengwa. O, lokhu nje kwawuxhuxhumisa umphefumulo wami ngenkathi ngikubona, ukuthi Usenzela kucace kahle kanjani lapha manje icebo laKhe lokuhlengwa. Manje qhathanisa lokhu esikubonayo ngamehlo ethu. Ukuthi uNkulunkulu wenzeni ukuze ahlenge izwe laKhe, Wenze icebo elifanayo ukuhlenga abantu baKhe, ngokuba uNkulunkulu ongaguquleki akaguquki nakuliphi lamacebo aKhe noma yini. Into ejabulisa kangaka pho!

78 Ukuthi Wasiholela kanjani kuYe uqobo, eza etabernakeleni phakathi kithi, ngezigaba ezintathu zomusa; njengoba nje Ehole izwe ngezigaba ezintathu, ukuba eze ezweni. Njengoba uNkulunkulu ezoza ezweni emva kokuba seledlule ezigabeni ezintathu ezehlukene zokuhlanzwa, Ufika kanjalo impela kithi ngezigaba ezintathu zomusa. Ngakufundisa lokho ekuqaleni; angikaze ngishintshe, kusukela lapho. YiZwi likaNkulunkulu.

79 Ufanele ukugcine kuhlangene okuthathu kwakho, okwesikhombisa kwakho okuyishumi nambili kwakho. Izinombolo zeBhayibheli zifanele zihambe ngokuphelele kungenjalo uzothola isithombe sakho sixovekile sonke. Uma ungenakukuqonda, qhubeka nje ukhuleke. Uqaphele, kuzosika kungene ngqo, ncamashi. UNkulunkulu upheleliswa ebuthathwini. Niyabo?

80 Qaphelani, "izwe elidala," ngaphambi kokubhubha komhlaba ngamanzi; i "zwe" elikhona manje; nalelo eLizayo.

81 Manje, isigaba sokuqala Asiletha kuso . . . Niyabo, icebo laKhe lokuhlenga lifana nse ngakho konke. Usebenzisa

indlela efanayo. Akaguquki neze. Wathi, kuMalaki 3, “Mina nginguNkulunkulu, aNgiguquki.” Indlela Akwenza ngayo, ngakho-ke, uma Asindisa umuntu wokuqala Ake amsindisa, ngeGazi elichithekileyo Longenacala, Uzofanele asindise olandelayo; futhi wonke Amsindisayo uzofanele abe ngendlela efanayo.

82 Uma Aphilisa umuntu noma nini ohambweni lokuphila; kungaba sezinsukwini zikaJesu, abaphostoli, abaprofethi, noma ngabe kwakunini; uma kuhlangatshezwana nezimo ezifanayo, Ufanele akwenze futhi. Kunjalo. Akaguquki. Umuntu uyaguquka, isikhathi siyaguquka, unyaka uyaguquka, ukuhleleka kwesikhathi kuyaguquka, kodwa uNkulunkulu uhlala efana. Uphelele. Ithemba elingaka pho elifanele linikeze abantu abagulayo!

83 Uma Ake aphilisa umuntu, Uzofanele akwenze futhi uma kuhlangatshezwana nezimo ezifanayo. Wake wakwenza, wake wasindisa umuntu, Ufanele akwenze phezu kwezisekelo ezifanayo Akwenza ngazo okokuqala. Uma Ake agcwalisa umuntu ngoMoya oNgcwele, Uzofanele akwenze phezu kwezisekelo ezifanayo Enza ngazo okokuqala. Uma Ake avusa umuntu ethuneni, Uzofanele akwenze ngokwesibili, naso sonke esinye isikhathi, ngomgomo ofanayo.

84 Akaguquki. O, ithemba elingaka okunginika lona pho! Kuyini na? Akukho esichasiselweni esibonwe ngukucabanga kwengqondo esenziwe ngumuntu, into amaqembu endoda ayiqoqanele ndawonye; kodwa iZwi laKhe elingaguquleki.

Wena uthi, “KuyiQiniso na?”

85 Wathi, “Wonke amazwi omuntu angamanga, futhi awaMi aqinisile.” “Ngokuba kodlula amazulu nomhlaba, kepha iZwi laMi alisoze lehluleka.” “Yonke imiBhalo iphefumulelwe, ngakho ilungele ukufundisa.” Futhi khumbulani, ukuthi, “Wonke umBhalo uzogcwaliseka,” wonke nomncinyane.

86 Qaphelani ukuthi uNkulunkulu ukwenza kusicacele kahle kanjani. Futhi uma lokho kwakungesikho u—ukuqinisekisa okukhulu, esihle. . . esikhulu, isibusiso esithandekayo esivela kuNkulunkulu! Uma ngikubona lokhu, futhi ngikubone lokho kusukela ngisengumfana, kungokokuqala ukuba uKristu asebenzane nami, bengisalokhu njalo ngifundisa ngalezozigaba ezintathu zomusa. Qaphelani ukuthi akusilo yini iqiniso manje.

87 Manje, isinyathelo sokuqala singuku “phendukela kuNkulunkulu.” Bese-ke okulandela emva kwalokho, ngumbhaphathizo wamanzi, “umbhaphathizo wamanzi,” “Phendukani, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu.” Niyabo, kulandela umbhaphathizo wamanzi, ukhombisa ukuthi ukuphenduka bekuyikho ngempela. Noma, uku “thethelela” izono zethu ezedlule, lokho akuhlangene nesono sesikhathi esizayo. Kuphela kuyathethelela. “Phendukani, nibhaphathizwe

eGameni likaJesu Kristu." Kwenziwelani na? "Ukuthethelelwa." Ukususwa kwesono esedlule akuhlangene nesikhathi esizayo. Nje, isono sakho sigawuliwe, owakwenzayo.

88 Ngeke waphendukela okwenziwe nguAdamu. Awuzange ukwenze; kwenziwa uAdamu. Uthola nje ukuthethelelwa kwalokho okwenzile. Imvelo endala isekhona lapho.

89 Ake ngithathe lelibhodi umzuzu nje. [UMFowethu Branham udweba imifanekiso ebhlekbhode—Umhl.] Manje, *nansi* inhliziyo yomuntu. Manje, angi...ngikude kabi ekubeni ngumdwebi. *Nansi* inhliziyo yomuntu; futhi *nansi* inhliziyo yomuntu. Manje, lena *ngapha* inenyoka kuyo, leso yisono, lapha unokuphila kwakhe. Lena *ngapha* inejuba kuyo, okunguMoya oNgcwele, lapha unokuPhila. Awu, lona *lapha*, unobubi, inzondo, umhawu; ibangelwa yilokho, yilomfo *lapha*. Awu, lena *ngapha* inothando, nokujabula, nokubekezela; futhi kwenziwa yiLokho, ngaphansi *lapha*.

90 Manje, uma ucelwa, noma uthethelelwa izono zakho, kuphela usenze lokhu, wasusa *lokho*. Kodwa into ekwenze wakwenza isekhona lapho. Leyo yimpande endala yobubi; isekhona lapho. Qaphelani, bese-ke uyaphenduka futhi ubhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, ukuthi Wakuthethelela ezonweni zakho. Qaphela.

91 Bese-ke, okwesibili, kufika ukungcweliswa, okubeka ingqondo yethu ohlelweni lobungcwele, ukuba ucabange ngokuyikho. Kususwe...*ukungcweliswa* kuyigama eliyinhlanganisela lesiGreki, elichaza ukuthi "okuhlanziwe, kwase kubekwa eceleni kwenzelwa inkonzo."

92 Bese-ke, okulandelayo, kufika umbhaphathizo woMlilo noMoya oNgcwele, ukuze uNkulunkulu ahlale kithi. NoMlilo kaNkulunkulu uhlanze izinhliziyo zethu esonweni, futhi ufake uMoya oNgcwele ngaphakathi. Bese-ke siveza ukuPhila okufanayo nokwenziwa yi*Lokhu*, ngoba Lokho kuphakathi kithi.

93 Qaphelani, ekuzalweni ngokwemvelo, uma owesifazane ezala ingane. Ukuphila kwemvelo kufanekisa ukuphila komoya. Uma owesifazane ezala ingane, okwemvelo, into yokuqala eyenzekayo kuba ngukuqhuma kwamanzi, bese kuba yigazi, bese-ke kuba ngumoya (ukuphila). Bamdumele umfo omncane bese bemthwansula [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kanye—Umhl.], futhi nanguya ehamba, ekhala kakhulu. Amanzi, igazi, umoya.

94 Futhi manje uma ingane izalwa eMbusweni kaNkulunkulu, ifika ngendlela efanayo: amanzi, iGazi, uMoya.

95 Manje qaphelani, ukungcweliswa, isigaba sesithathu... isigaba sesibili sakho, sihlanza ingqondo; sihlele inhliziyo, ingqondo yenhliziyo, ohlelweni lobungcwele.

96 Owesilisa angaphenduka ezonweni futhi usalokhu ecabanga nge. . . Awu, mhlawumbe u—ungowesilisa owonakeleyo, bonke abesifazane ababonakala bonakele abatholayo, kusekhona lapho. Mhlawumbe uyisidakwa; njalo nje uhogela utshwala, busekhona lapho. Niyabo?

97 Kodwa ngaleyonkathi uma esethola ukungcweliswa, lokho kuhlanza lesosifiso siphume kuye. Niyabo? Kususa ukukufuna. Angalokhu esalingwa, kodwa Ususa ukukufuna. Noma kunjalo, akakalungi nokho.

98 Bese-ke, usebhaphathizwa ngoMoya oNgcwele noMlilo. Wahlanzwa, washiswa, wahlanzisiswa; bese-ke efakwa enkonzweni kaNkulunkulu.

Ukungcweliswa kubabeka kuphela eceleni *kwenzelwa* inkonzo.

99 Futhi qaphelani nje ukuthi lokho kufika kanjani ncamashi, imilayezo ifika. UMartin Luther, ukulungisiswa; uJohn Wesley, ukungcweliswa; ipentecostal, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Imilayezo, yilapho okungeke kusabakhona eminye iminyaka yawo, niyabo. Sisesikhathini sokuphela. Izigaba ezintathu. Umbhaphathizo uhlanza inhliziyo ngoMoya oNgcwele.

100 Kumangalisa kanjani manje, Uthatha indawo esizohlala kuyo, ngendlela eqhubekayo efanayo.

101 Manje, Ubize iBandla ngokulungisiswa, waLibiza ngokungcweliswa, wase-ke eLigcwalisa ngoMoya oNgcwele noMlilo. Futhi WaLithatha ngendlela eqhubekayo, ukuze Yena uqobo lwaKhe, uMoya oNgcwele uqobo lwaKhe, iNdodana kaNkulunkulu, akwazi ukuhlala enhliziyweni yomuntu. Manje, Lifanele ledlule kulokho ngaphambi kokuba Angene kuLo.

102 Qaphelani, Wenze izwe, lapho ezohlala khona lowoMlobokazi, indlela efanayo, icebo laKhe elifanayo le—lensindiso.

103 Qaphelani izwe langaphambi kokubhubha komhlaba ngamanzi. Yena, emva kokuba seliphendukile, ngaye uMlobokazi wangalolosuku, uNowa, Uwunika umbhaphathizo wamanzi, wawumboza ngamanzi. Bese kuba, ukulungisiswa, ekhombisa ukuthi Usemgwaqeni waKhe ukuba abize lelizwe eliwileyo, kusukela e-Edeni, libuyele ekubuyiselweni kwalo futhi.

104 Kwase kufika uKristu futhi wachitha iGazi laKhe phezu kwalo, elihlanza futhi elithatha. [UMfowethu Branham ushaya epulpiti kaningana—Umhl.] Niyabo, lelo yizwe esiphila kulo manje.

105 Niyabona ukuthi uSathane, lapha emBhalweni, wazama kanjani ukuMenza ephule icebo likaNkulunkulu ukulemukela,

uMnika lona lapho Emyisa entabeni, futhi wazama ukuMnika lona lona ngaphandle kokuthi lithengwe ngeGazi?

106 Niqaphelile ukuthi kwaba kanjani uAbrahama, ngenkathi bezama ukumnika izwe, walithenga ngamashekeli angaka esiliva, phambi kwabantu, njengesiboniso, njengobufakazi? "Makwazeke namuhla ukuthi ngiyithengile lendawo yokumbela." Niyabo, ukuyithenga! NoSathane wazama uku—ukuMnika umbuso osengowakhe okwamanje. Wazama ukuMnika wona njengesipho, kodwa Akawemukelanga. Imbangela ukuthi, niyabo, khona-ke uSathane wayesayolokhu elithatha ngokuthi lingelakhe. Kodwa, lalifanele lithengwe. Amen. WayeyiZwi ekugcwaleni kwalo-ke. Babengeke baMkhohlise kulo.

Bese-ke manje ufanele uthole umbhaphathizo woMlilo.

107 Niyabo, lifanele manje . . . Kwenzekani na? UKristu wafika futhi wabizela iBandla ekuphendukeni, umbhaphathizo eGameni likaJesu Kristu, kukho ukuthethelelwa; ungcwelisa iBandla; nangoMlilo kaNkulunkulu wehla wase eshisa konke ukungcola, bese efika ahlale enhliziyweni yomuntu.

108 Manje, izwe, ukuba lihlengelwe lomuntu ohlengiweyo, Usebenzisa indlela yaKhe efanayo. Walibhaphathiza ngamanzi, emva kwembubhiso yezwe langaphambi kokubhubha komhlaba ngamanzi. Wachitha iGazi laKhe phezu kwalo, ukulingcwelisa nokulithatha libe ngelakhe. LingelaKhe.

USathane wazama ukuthi, "NgizoKunika lona."

109 Wathi, "Qhabo, mnumzane, Ngizolithenga." Makube ubufakazi. Waphakanyiselwa phezulu, kube yisiboniso, ukuthi Walithola ngokuthi alithenge. Walithenga.

110 Kodwa manje ufanele wedlule embhaphathizweni woMlilo, uMlilo ongcwele ovela kuNkulunkulu, ohlanza umhlaba namazulu awuzungezile. Bese-ke, uthengelwa ukuthi abahlengiweyo bakwazi ukuhlala kuwo, bahlale kuwo ngokuthula. Qaphelani, umbhaphathizo woMlilo ungowokuwuhlanza esonweni, ekuguleni, emagciwaneni ezifo, ezonini, kudeveli nawo onke amaqembu akhe. Uzophoselwa ngaphandle, angene eChibini loMlilo. UMlilo ongcwele ovela kuNkulunkulu, wehla kuNkulunkulu, uvela eZulwini, futhi uwushise, qaphelani, ukuwenza ulungele uNkulunkulu ukuba ahlale kuwo. Ngokuba, uNkulunkulu, eZweni eLisha elizayo, uzohlala emhlabeni. Imbangela, wena uthi, "UNkulunkulu, Uhlala enhliziyweni yomuntu." Kodwa, Yena noMlobokazi uba Munye, futhi baya eKhaya labo eZweni eLisha. Necebo elifanayo lokuhlengwa liyasetshenziswa ukuhlenga, kokubili, izwe nabantu abahlala kulo.

111 Niyabo, inhliziyo izofanele ihlanzwe kanjalo. Ngaphambi kokuba uNkulunkulu ehle engumuntu uMoya oNgcwele, onguKristu ehla futhi ahlale enhliziyweni yomuntu, kuqala

ifanele iphenduke. Ifanele ibhaphathizwe emanzini, eGameni laKhe, ukukhombisa ukuthi ingekabani.

Bese-ke ifanele ihlanzwe ngeGazi likaJesu.

112 Bese kuthi-ke uMlilo ongcwele noMoya oNgcwele, ovela kuNkulunkulu, wehla futhi ushise ukhiphe sonke isifiso sesono, yonke imvelo yezwe. "Futhi, ngakho-ke, owona ngamabomu emva kokuba esamukele ukwazi kweQiniso . . . " Bese-ke, futhi iBhayibheli lathi, "akunakwenzeka . . . " "Ngokuba, u—umuntu ozelwe nguNkulunkulu angeke one; akoni." Ayikho indlela yokuba one. Angaba kanjani yisoni, nohlengiweyo, ngasikhathi sinye na? Ngingaba kanjani sesitolo esibolekisa ngemali kuthathwe isibambiso, futhi ngibe ngaphandle kwesitolo esibolekisa ngemali kuthathwe isibambiso, ngasikhathi sinye na? Niyabo? O, Wasihlenga ngeGazi laKhe; ngoMoya waKhe Wasihlanza; usefika-ke ukuba azohlala phakathi kithi, iBandla. Hhayi ihlelo, manje; iBandla!

113 Qaphelisisani manje njengoba sithatha lokhu, izindawo esizo—zohlala kuzo. Manje, manje, u—ukuphenduka kwezwe langaphambhi kokubhubha komhlaba ngamanzi, kwase, kuletha umbhaphathizo wamanzi. Kwase kufika uKristu wase Echitha iGazi laKhe phezu kwawo, ukuwuhlanza nokuwuthatha ube ngowakhe. Bese-ke kufika, okulandelayo, ukubhujiswa kwezwe njengoba likhona manje.

114 Sonke isono esisemazulwini phezulu, "ungumbusi wamandla omkhathi," uvimbela (kuvimba izimpi) izibusiso ezivela kuNkulunkulu. Phakathi lapho kuvela ukushaya kwezulu kombani futhi lishaye umhlaba, nakho konke, okuvela emazulwini, imvula engamathantala eqobayo, nezivunguvungu zasolwandle, ityph- . . . iziphepho nakho konke, "kuvela phezulu," okunguSathane, "umbusi wamandla omkhathi."

115 Qaphelani, bukani ukuthi uSathane wazama kanjani ukulithatha, njengoba ngishilo emizuzwini embalwa edlule, ngokulinika uJesu ngaphandle kokulithenga. Kanti, uSathane usenakho ukuthi lingelakhe, ngoba libekwe uphawu, niyabo. Kodwa uJesu uyalithenga ngeGazi laKhe elichithiweyo futhi ulibuyisela kumninilo wangokomthetho. Niyabo? Wasithenga kanjalo-ke, ngeGazi laKhe, ukuthi Walithenga kanjani iBandla.

116 Futhi manje umbhaphathizo walo woMlilo ulihlanza kuwo onke amagciwane, zonke izifo zalo, konke ukugula, ngisho nazo zonke zinto zokomoya; ezingathi, futhi, kwenza indlela efanayo; ukulilungiselela uNkulunkulu ukuba ahlale kulo, kulonyaka omkhulu ozayo, uMhlaba oMusha. Niyabo, Uwuhlenga ngendlela efanayo Enza ngayo abantu baKhe. Ukwenza konke kufane nje, icebo laKhe lokuhlenga. Ngokuba, UnguNkulunkulu ongaguquleki, uhlala njalo efana emacebweni aKhe.

117 Ukuthi nginitshele kanjani, ngaphambili, futhi nganazisa, nangayo yonke iminyaka, ukuthi uNkulunkulu angeguquke; kwaziswa, ngezindlela zonke, ngokufanayo.

118 Wawazisa, umlayezo waKhe wokuqala, ezweni langaphambi kokubhubha komhlaba ngamanzi, ngoNowa umprofethi.

119 Bengikhuluma nomfowethu othandekayo okhona ohlezi kanye nami manje. Izolo, uthe, "Into eyodwa owayisho, Mfowethu Branham, eyayihlala njalo ingethusa."

Ngathi, "Iyini, mfowethu na?"

120 Wayesethi, "Nakhu owakushoyo," futhi kuyiqiniso, "'Idlanzana, ukuthi iqembu elincane lizosindiswa kanjani ezinsukwini zokuFika.' Futhi sakhuluma ngokuthi uJesu washo kanjani ukuthi, 'Isango lincane nendlela iyingcingo, futhi kepha bayingcosana abayifumanayo.' Manje qaphelani, iBhayibheli lathi, 'Njengokuba kwenzeka emihleni kaNowa imiphefumulo eyisishiyagalombili yasinda ngawo amanzi, kuyakuba-njalo ekuFikeni.'"

Ngathi, "Mfowethu, uthole nje . . . "

Wathi, "Khumbula, yimiphefumulo eyisishiyagalombili kuphela lapho."

Ngathi, "Uthole nje uhhafu wesithombe."

121 Nokho, uNowa wayengumfanekiso wensali eweliswayo, hhayi isigejane esithathwayo. UEnoke, umuntu oyedwa, waya ekuHlwithweni ngaphambi kokuba kufike uzamcolo, kukhombisa ukuthi iBandla aliyi ekuhlushweni noma yini eseduze kwakho. UEnoke wathathwa, umuntu oyedwa. O, ibandla lingaba yisibalo; kodwa uMlobokazi uzoba yiqembu elincane kakhulu elizokwenza uMlobokazi. Manje, ibandla lingaba yisibalo esikhulu; kodwa, uMlobokazi, niyabo, qhathanisa abayisishiyagalombili noyedwa. Abangaphansi ngokuphindwe kasishiyagalombili, bayoba nguMlobokazi, kunebandla.

122 "Futhi uma olungileyo esindiswa kalukhuni, uyakubonakalaphi ongamesabi uNkulunkulu noyisoni," labo abazi kangcono, ukuthi bakwenze, futhi baqhubeke benze noma ikanjani? Labo abalandela imigomo yehlelo esikhundleni seZwi, bayobonakalaphi, nokho bebizwa ngamaKristu, bethatha iGama likaKristu na?

123 Manje, ngokuphelele, uNowa wayengumfanekiso walabo abaweliswayo. Khumbulani, ngenkathi uNowa ephuma, uHamu wayekanye naye. Isono sasisekhona phakathi lapho. Isono savele sawela, ngomkhumbi. Ukungakholwa, ukungabaza, kwawelela emkhunjini, kwathwalwa ngaphezu kokwahlulelwa. Kodwa uEnoke wahamba waba ngaphezulu kunomkhumbi, wahamba waqhubeka wayongena eBukhoneni bukaNkulunkulu. Kodwa uNowa wedlula kukho wase ephuma, futhi sasisekhona isono;

umfanekiso wesikhathi seminyaka eyiNkulungwane, okwesimo sezwe.

124 Isikhathi seminyaka eyiNkulungwane asisikho ukuphela kwalo. Siyobe sisekhona isikhathi emva kwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane. Isikhathi seminyaka eyiNkulungwane siyibanga lesikhathi; kodwa, hhayi uMhlaba oMusha. Qha, lutho. Qaphelani, kulokho, sizongena kukho emva kwesikhashanyana.

125 Niyabo, umhlaba, ohlengiwe, ubuyela kuMniniwo wasekuqaleni futhi. Wathatha . . . Wawephuca uSathane. Wadonsa, ephuca uSathane umhlaba, njengoba nje wena Akwephuca uSathane, njengoba Ephuca uSathane owesifazane omncane emthonjeni. Nakho kumi umpristi, ecabanga ukuthi wayenoNkulunkulu, futhi wayengenalutho. Niyabo?

126 Ngithanda ukunidwebela lokho okomzuzwana nje. Manje, sifuna ukukuthola kahle hle lokhu, ngakho manje bhekisisani manje kulokhu ukufundisa. [UMfowethu Branham udweba imifanekiso ebhlekbhode, emaparagrafini ambalwa alandelayo—Umhl.]

127 Manje, lona *lapha*, nangu uNkulunkulu. UNkulunkulu, oyiPhakade, ongena . . . Akukho-muntu kuphela nguYe. Kepha, kuNkulunkulu, Wayenezingxenye. Manje, lokhu *lapha* kumele iZwi, iZwi likaNkulunkulu, elaba yinyama lakha phakathi kwethu kumuntu uJesu.

128 Manje lona *lapha*, umfo lapha, sizomenza *kanje*. Manje, *lo* ubizwa ngowesifazane emthonjeni. *Lo* ngumpristi, uMfarisi. Futhi lapho obona khona *lokhu*, ibhlekbhode elingenalutho, kusho umusa nensindiso.

129 Manje, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi. ULizwi wabayinyama wakha phakathi kwethu." Izigaba ezintathu. Kwakuyingxenye kuqala, yayikuNkulunkulu, ukuthi Wacabanga ngaYe uqobo engumuntu; nalokho kwaMthumela phansi ukuba abe nguJesu; futhi manje, uma uyoke ube Lapho, wawunaYe ngaleyonkathi. Ngokuba, sinye kuphela isimo sokuPhila okuPhakade, lowo nguNkulunkulu; futhi wawufanele ube yingxenye kaNkulunkulu ekuqaleni, hhayi nje lokho owakukhetha phansi lapha. Wakukhetha. "Konke uBaba aNgiphe khona kuyoza.."

130 Manje bukani lompristi lapha. Sithola ingxenye yakhe ephansi, *lapha*, impilo yemuva lakhe, emuva ngemva kwakhe, ukumiselwa kwakhe ngaphambili emuva lapha, kuyisono.

Lapha yisihogo, phansi *lapha*.

131 Manje, lengxenye encane phakathi *lapha*, ebukeka njengebhlekbhode, emele ubumhlophe bakhe. Wayengumpristi. Wayengumuntu ohloniphekile. Lokho kwakumele *lokhu*. Wayefanele, futhi, abe ngumuntu olungileyo, kungenjalo

wayengeke abe ngumpristi. Kodwa niyabo ukuthi wabuthola kanjani, kwakungukufunda kokuhlakanipha.

132 Manje, lona wesifazane omncane, impilo yakhe yokuqala, phezulu *lapha*, wayeyisifebe, wayengowonakele wonke. Kodwa le phansi phakathi kuye, *lapha*, kwakungukuqonda okuncanyana nje. "Ngiyazi uma uMesiya efika . . ." Niyabo? Niyabo, lokho kwakulapho.

133 Qaphelani, ngenkathi uJesu efika futhi ebonakalisa iZwi, ngoba iZwi lehlulela imicabango owawusenhliziyweni; njengoba amaHeberu 4 ethi Liyokwenza, 4:12, ukuthi Wayezokwenza. "IZwi lalehlulela imicabango yenhliziyo," futhi Wafika njengeNdodana yomuntu, umProfethi. Kwenzekani na? Lompristi, enokufunda kokuhlakanipha kuphela, wathi, "Ngudeveli," ngoba ihlelo lakhe lalikubiza kanjalo. Kwenzani na? Wayengenakho okummele, ngakho kwabamnyama-ngci kuye.

134 Kodwa lo wesifazane omncane wayengenalutho olummele; wayengcole futhi enokungcola okwesabekayo. Kodwa, qaphelani, le phansi phakathi kuye, unakho okummeleyo, niyabo. Futhi, ngaleyonkathi, wayebheke lokhu ukuba kube yinyama.

Futhi lapho Ethi, "Hamba ubize indoda yakho uze lapha."

Wathi, "Nkosi, anginayo."

135 Wathi, "Usho iqiniso, 'ngoba unayisihlanu, futhi le onayo manje akusiyo eyakho. Usuke waba-nayisihlanu. Lokho kwenza abe yisithupha obunawo."

136 Wathi, "Nkosi!" (Hhayi, "Ungu," hhayi, u "Belzabule.") "Ngiyabona ukuthi ungumProfethi Wena. Manje, siyamazi uMesiya, othiwa uKristu, uyofika. Futhi uma Efika, Uyokwenza lokhu."

Wathi, "NginguYe."

137 Akusekho-kungabaza. Awudinganga ukuthi ukuchaze. Wakubona. Wakukholwa. Wasuka wahamba! Ngani na? Lenzani kuye na? Lamhlenga.

138 Manje bhekisisani, Wafikela ukuba nguMhlengi. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kusho ukuthini *ukuhlenga* na? "Buyisa." Akamtholanga ngani umpristi na? Wayengakaze abe-phezulu lapho. Niyabo? Niyabo, wayengenakho okummele.

139 Wafikela ukuhlenga lokho okwakuwile. Ekuweni, *lokhu* konakala, ngaleyontombazane; kodwa uNkulunkulu wayenayo ekucabangeni kwaKhe ngaphambi kokusekelwa kwezwe, futhi Ufikela ukuzoyihlanza. Niyabo? Bese-ke E . . . WayenokuPhila okuPhakade. Niyabo?

140 Kuphi, umpristi, kwenzani kuye na? Kwambuyisela ngqo endaweni yakhe yokugcina. Wayengenalutho, kwasekuqaleni, kuphela ukufunda kokuhlakanipha.

141 Manje lalela, mngane, uma into kuphela onayo nje kungukufunda kokuhlakanipha, uthola okwehlukile kulokho. Futhi awusoze ukwazi ukuLithola ngaphandle uma unokukummele. Yingalesosizathu engikholwa ukuthi niphuma empumalanga nasentshonalanga, enyakatho naseningizimu; iZwi, eliphilayo, libonakaliswa.

142 Qaphelani manje ukuthi Uyazisa kanjani indlela yaKhe ngabaprofethi baKhe, ekuqaleni. Akakaze ayiguqule.

143 [Akuqoshwanga—Umhl.] . . . insindiso. Walungisisa umuntu; wamngcwelisa; wathumela uMoya oNgcwele noMlilo, wase eshisa isono saphuma kuye, wase ehlala kuye, qobo lwaKhe.

144 Wenza umhlaba, Azowusebenzisa ngecebo lokuhlengwa, indlela efanayo. Waphenduka futhi wabhaphathizwa ngamanzi, e . . . ngoNowa. UJesu uyafika futhi wawungcwelisa, ngokuconsisela iGazi laKhe phezu kwawo, futhi wawuthatha ngokuthi ungowakhe. Futhi eMhlabeni oMusha ozayo, uzoba nombhaphathizo woMlilo ongcwele, ukuwuhlanza kubobonke odeveli, onke amagciwane, konke ukugula, konke okukhona, futhi awenze ube-musha. "Ngabona uZulu eLisha noMhlaba oMusha."

145 Uba ngumuntu omusha. Amen! Hhayi nje omdala opheshiwe, ngokujoyina ibandla noma azame ukuqala impilo entsha, kodwa ungoyedwa omusha sha ngokuphelele. UNkulunkulu uthatha umuntu omdala futhi amshise amkhiphe ngokupheleleyo, ngoMoya oNgcwele noMlilo, bese eza qobo lwaKhe, ehlisele phansi okukumele. "Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsanga. Nakho konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi." Niyakubona na? [Ibandla, "Amen."—Umhl.] Icebo elifanayo; indlela efanayo.

146 USathane waye . . . uyosuswa emhlabeni, njengoba nje impela uSathane wasuswa kuwe. USathane ngeke ahluphe; noma, angalinga, kodwa angeke amthole umKristu ozelwe ngokusha. Ngokuba, uNkulunkulu, kusukela ekusekelweni kwezwe, wambona ngaphambili, futhi wathumela uJesu ukuba amhlenge, neGazi liyamkhulumela. Angona kanjani uma singenakubonwa, ngisho, nanguNkulunkulu na? Aka ngisho . . . Into kuphela Ayizwayo yiphimbo lakho. Ubona okukumele. Amen! Yiqiniso lelo. Niyabo?

147 Ngezindlela ezifanayo, ngokuba izwe lingenye yezingxenye zaKhe ngokufanayo nje njengoba nawe ungenye yezingxenye zaKhe. Izwe liba ngenye yezingxenye zaKhe, ngoba kwakungukucabanga kukaNkulunkulu, ekuqaleni. Ukubanezwe, ukuba sesiHlalweni sobukhosi, ukuba yiNkosi, ukuba nguMhlengi, ukuba nguMphilisi, lokho yizingxenye zaKhe.

148 Njengengxenye yakho nje. Ngeke ngithi i—i "posi" ngaphandle uma ngicabanga ngeposi. Ngeke ngithi "umuntu" ngaphandle uma ngicabanga ngomuntu. Futhi uma ngicabanga

ngomuntu, bese ngithi "umuntu," ukucabanga kuyingxenye yami nokuphimisela kuyizwi. Niyabo?

149 Njengo Isaya, wayengasho kanjani, ukuthi, "Intombi yayizokhulelwa na"? Yini umcabango na?

150 Manje, abaningi benu bayamangala ukuthi lokho, ukwahlulelwa, kufika kanjani. Ngizonitshela. Niyabo, yizwi engilishoyo. Futhi akusikho ukucabanga kwami, ngoba angazi. Angazi ngokucabanga kwakho. Ngingakutshela kanjani ukuthi ungubani nokuthi uvelaphi, ngingakwazi na? Ngingakutshela kanjani ukuthi wenzeni eminyakeni eyishumi eyedlula, ngingakaze ngikubone empilweni yami na? Ngingakutshela kanjani ukuthi uzokwenza kuphi futhi uzokwenzani eminyakeni eyishumi kusukela manje na? Ngisazi kanjani isikhathi esizayo na? Kodwa ngumcabango womunye uMuntu.

151 "Mawube kini lowomqondo owawukuKristu. Mawube kini lowomqondo owawukuKristu." Niyabo, khona-ke akusikho ukucabanga kwakho. Ngukucabanga kwaKhe, ngawe. Futhi awuzwakalisi wona amazwi awakho; uzwakalisa amaZwi aKhe.

152 Kukanjalo ukuthi izikhathi eziningi abazalwane uthola ukudideka, ekuhunyushweni kwezilimi, nezinto. Niyabo, basho izinto engalungile, abaqondi ukuthi lowo nguSathane. Wena uthi, "Ensimini kaNkulunkulu?" Linda nje size siqede, uthole ukuthi akunjalo, noma qha. Ukhula nokolo kumila ensimini efanayo. Kokubili kuphila ngelanga elifanayo nemvula efanayo. Niyabo?

153 "Kepha uma ekhona phakathi kwenu ongumprofethi, Mina iNkosi ngiyakukhuluma kuye. Futhi uma akushoyo kwenzeka, khona-ke lowo yiMina, niyabo, ngoba akezwakalisi okungokwakhe. Uzwakalisa imicabango yaMi, izingxenye zaMi zezinto okuzofika, futhi Ngiyosebenzisa umlomo wakhe ukuzizwakalisa ngawo. Futhi emva kokuba esezishilo, zifanele zifezeke. Kodlula amazulu nomhlaba, kepha iZwi laMi alisoze lehluleka."

154 UIsaya wathi, "Intombi iyokhulelwa." Lokho kwenele. Izokhulelwa. Okushiwo nguNkulunkulu, Uyakwenza.

155 O, azise, ngabaprofethi baKhe, zonke izibonakaliso zaKhe, ngoba yizingxenye zaKhe zemicabango yaKhe ezwakalisiweyo.

156 Manje, kwakulapha, ku*lo* wesifazane omncane. Wayengomunye wezingxenye zaKhe. Niyabo?

157 Futhi nango umpristi wayekhona, emele ukuKhanya. Wayekufunde eBhayibhelini. Wayefundile ukuthi uNkulunkulu wayenguNkulunkulu. Wayefundile ukuthi ubungcwele babulungile. Wayefundisiwe ukuthi kwakukhona umthetho kaNkulunkulu. Wayekufunde ngenxa yomqondo wokuhlakanipha. Futhi wayezalwe esizukulwaneni esikahle; wayengumLevi. Kodwa wayekwazi kuphela ngomqondo

wokuhlakanipha. Futhi lapho ukuKhanya kwehora . . . Niyabo, wakufunda ngalokho *okwakwe*nzekile, hhayi ngalokho okwakwenzeka; okwakwenzekile! Futhi lapho esethola ukuthi kwakwenzekani, ihlelo lakhe alishongo lutho ngaKho, ngakho-ke wayengenakho okuKumele.

158 Kodwa nangu uMhlengi wayesekhona emhlabeni ngalesosikhathi, ukuba ahlenge lezozingxenye zikaNkulunkulu, futhi wakwemukela. Akazange neze akubuze. Wathi, "Nxa uMesiya efika, Uyokwenza lokhu," futhi lokho kweneliseka. Futhi wakubona kwenzeka, ngakho . . . Wathi, "NginguMesiya," ngakho lokho kwenela. Awubange usabakhona umbuzo. Wavele wahamba nje, etshela wonke omunye umuntu, "Wozani, nizobona engiMfumene."

159 Lezizindlela eziqhubekayo zisenza sihlanzeke, sibe yithempeli lendawo yokuhlala kwaKhe: ukulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele ngoMlilo. Owenza ukuhlanzwa kwa (lethu) lelithempeli.

160 Ngakho, njengoba uhlaka lwezwe elidala lungazange lubhubhe, ngamanzi amaningi ngenkathi ligezwa; uhlaka lwembulunga yomhlaba, uhlaka oludala, i . . . lonke uthuli, yonke into uNkulunkulu ayibeka emhlabathini, ayibhujiswanga ngenkathi kubhujiswa izwe lokuqala. NeBhayibheli lathi la "bhujiswa," kodwa awazange abhubhise uhlaka. Wabhubhisa isono nje nezoni ezazikulo. Umsebenzi owuhlaka wasala.

161 Kodwa, niyabo, njengokulungisiswa, njengani maBaptisti namaMethodisti nifuna ukucabanga ngakho, ukulungisiswa nje, nikholwa futhi nibhaphathizwa, lokho akwenele. Nizozulazula nibuyele ngqo ezintweni zezwe, futhi niphungule izinwele zenu nigqoke nezikhindi, nakho konke okunye. Niyabo, akukabibikho osekwenzekile. Nibuke nje emuva nabona ukuthi nenze okungafanele.

162 Kwenzani ukulungisiswa ezweni na? Akwenzanga lutho neze kulo; kwaphinde kwaqala nje futhi, kwaba yisono nje esiningi njengoba sasilokhu sinjalo. Yileyondlela umuntu enza ngayo, futhi uhamba agcine lapho kuphela.

163 Yileyondlela umvangeli omkhulu, uBilly Graham, abefanele ayibone. Wathi, "Ngiyahamba ngithole abaphendukayo abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu, ngibuye ngonyaka futhi ngingatholi ngisho amashumi amathathu." Bahamba bagcina lapho kuphela. Niyabo? Futhi, ngempela, bayaphenduka. Ngiyakholwa ukuthi bayaphenduka; iningi labo, noma abanye babo, okungenani. Kodwa akuthathi khona lokho. Kuyakufakazisa lapha.

164 Manje, ngakho umsebenzi wohlaka oludala lwezwe awuzange ubhujiswe amanzi. Izwe kuphela lagezwa. Lathola umbhaphathizo walo. Labhaphathizwa.

165 Luyohlala lunjalo nohlaka, noma lushiswa ngoMlilo. Awuwubhubhisi umhlaba, niyabo, ubhubhisa nje isono esikuwo.

166 Qaphelani lapha, abanye benu zitshudeni zeBhayibheli, futhi ikakhulukazi uDokotela Dale ongibukayo. Qaphelani kuPetru, esahlukweni 2 sikaPetru lapha, isahluko 3, njalo, usebenzisa igama “izwe,” njengegama lesiGreki *kosmos*, okusho, “isimo sezwe.” “Umhlaba uyodlula, kushe konke kubhidlike.” Niyabo? Akusho ukuthi umhlaba, imbulunga yomhlaba, izodlula. Kodwa izwe, *kosmos*, ezombusazwe, izoni, izinqubo, isono, isifo, amagciwane, konke okungalungile, kodlula. Konke okwake kwa . . .

167 UNkulunkulu wake wazamazamisa amazulu, kodwa ngalesisikhathi Uthe Uzonyakazisa umhlaba, amazulu nomhlaba . . . “Wazamazamisa umhlaba,” njalo, “kanti-ke ngalesisikhathi Uzozamazamisa amazulu.” Niyabo? “Ngokuba semukela uMbuso ongenakunyakaziswa.” NguMbuso oPhakade. Qaphelani ukuthi uya kanjani kuwo.

168 Qaphelani lapha, uPetru wathi, “Futhi kuyakusha konke kubhidlike, nemisebenzi yawo kuyakusha,” hhayi imbulunga yomhlaba. “Imisebenzi yawo,” imisebenzi yomuntu, bonke abezombusazwe babo namasu abo, nawo onke amahlelo abo namasu enziwe ngabantu, konke kuyohamba kanye nawo uma ususha.

169 “Na—namazulu ayodlula ngokuhlokoma.” Niqaphelile lapha na? “Amazulu ayodlula ngokuhlokoma.” Lalelani! Umhlaba wonke uyosha, futhi uyokokhela amagesi okusemhlabeni futhi kuwuqhumise. Kunjalo impela. Ukhuluma . . . IBhayibheli lathi lapha, uPetru wathi, “Namazulu ayodlula, nomhlaba, ngokuhlokoma.” Ukuqhuma okunje kuyowungqangqazelisa, o, he, ngoba kuzobulala zonke izifo, onke amakhakhasi, onke ameva. Konke okukhona okuzokwenziwa, uMlilo uyokushisa kuphele. Futhi, khumbulani, akusiwo nje umlilo lo wangempela impela, nguMlilo ongcwele futhi, niyabo, ozosusa uSathane nabo bonke abakhe, bonke odeveli. “Kokubili izulu nomhlaba,” amen, “kodlula,” ubulale onke amagciwane, zonke izilokazana, yonke impilo yemvelo ekuwo nokuyizungezile, ngisho neH2O (amanzi) ayoqhuma. Kucabange. Ukhuluma ngomsindo!

170 Ucabanga ukuthi lowomsinjwana phandle lapha eTucson wawuwutho, ngenkathi Evula iziMpawu eziyisithupha, owazamazamisa izwe yonke indawo, futhi wabangela ukukhuluma. Lindani lomhlaba uze wemukele umbhaphathizo wawo!

171 Niyazi, uma umuntu emukela umbhaphathizo woMlilo, kukhona omningi umsindo ngapho. Bacabanga ukuthi lokho kungamahloni, ukuzwa abantu bekhala kakhulu futhi bememeza kanjalo. Lindani nje lomhlaba uze uthole umbhaphathizo wawo!

172 Yebo, uzokuchaza...uwuqhumise, iH2O, amanzi, ngoba iBhayibheli lathi lapha eSambulweni 21, "nolwandle alusekho," uyaluqhumisa. Lokhu kuyobuguqula bonke ubuso bomhlaba jikelele. Uyosakazeka futhi uqhume ube yizicucu. Konke okungaphandle, uqweqwe, namafidi angamakhulu phansi kwawo, kuyovele nje kubhidlizwe nya. Imimoya eyemboze umhlaba jikelele, amagesi okusemhlabeni manje, lapho abathola khona lemicibisholo engengene kuwo, isibhakabhaka sezulu esikhulu phezulu phakathi lapho, phezulu le ohlobweni oluthize lwesibhakabhaka sezulu lapho okukhona khona zonke izinhlobo zamagesi, basho njalo; nalokho kozosakazeka. Ulaka olungcwele lukaNkulunkulu luyofika phezu kwawo, niyabo, futhi luzowuhlanza, luzobuguqula bonke ubuso jikelele.

173 Manje, abaningi benu abafuna ukulibhala phansi leligama, igama lesiGreki, "dlula." Livela egameni...Kwadingeka ngilithole. Ngacabanga, "Lizodlula kanjani lelizwe, kodwa sibe sizohlala kulo na?" Kodwa uma nizoqaphela, abanye benu bantu ofuna ukulibhala phansi, ngizonipelela lona. Angikwazanga ukulibiza, p-a-r-e-r-e-c-h-o-m-i-a. Angazi ukuthi libizwa kanjani.

174 Manje, ngaleyondlela, njengoba ngishilo, uma ngithola... Ukuphefumulelwa kushaya kimi ngento ethize, bese ngibuyela emuva ngiyolifuna igama. Manje, lapha, angikwazi ukulipela igama, noma angikwazi—angikwazi ukulibiza. Kodwa, kulokho, iNkosi ibisalokhu inginika indlela. Ngiyahamba ngiyolifuna ukuthi lelogama lisho ukuthini, bese ngiyalithola. Niyabo? Bese ngiyalithola, futhi. Niyabo?

175 *Kodlula* amazulu nomhlaba, manje, leligama lisho, "ukwedlula kusuka esimweni esisodwa kuya kwesinye." Alisho "ukushabalala," njengoba igama lesiNgisi lingasho, *dlula*, kushabalele. Kodwa igama lesiHeberu, noma isiGreki lapha, alisho *ukudlula*; lisho, "ukusuka ekudluleni kusuka entweni eyodwa kuya kwenye." Bukani, kodwa, "ukudlula esimweni esisodwa," kuthi, "kuya kwesinye."

176 Manje qaphelani, uPawulu walisebenzisa, uma nifuna ukukufunda manje. Kubhaleni phansi, ningakufunda kamuva. KuThithu 3:5, uPawulu usebenzisa leligama elifanayo, lisho ukuphindukuzalwa komuntu, ukuthi umuntu wedlulile ekubeni yisoni waba ngongcwele, akashabalalanga nya. Uma umuntu eseguqukile, akashabalele, kodwa usengumuntu oguqukileyo. Useguqulwe esuka kulokhu abe eyikho waya kulokhu ayikho, akashabalele.

177 UJesu wasebenzisa igama elifanayo kuMathewu 19:28; manje, akusuye u 28:19. Manje, 19:28, Wathi kubo, "Niyohlala naMi eMbusweni kaBaba waMi, uphindukuzalwa," niyabo, "uguqukile," uma uguqulwa. Wasebenzisa igama elifanayo.

178 Futhi Wasebenzisa igama elifanayo ngenkathi Ethi, etholeni lembongolo, wathi "Lithukululeni ithole lembongolo lihambe."

179 Washo into efanayo ekuvukeni kukaLazaru, "Mthukululeni! Mguquleni! Ubeboshiwe; myekeni ahambe!"

180 Kusho ukuthini na? Umhlaba uyothukululwa ekuxhakathisweni nguSathane. Uyothukululwa. Uyothukululwa kwezombusazwe, uyothukululwa ezinqubweni zenkolo yamahlelo; ukuba usetshenziselwe uMbuso kaNkulunkulu, ukuba umiswe lapha emhlabeni. Kodwa inqobo nje uma usesezandleni zikaSathane, ezombusazwe . . . USathane umbusi wasemhlabeni, ungumniniwo; wawungowakhe, kodwa manje uKristu usewuhlengile.

181 Ngesinye isikhathi, ngangiyimpahla yakhe, kodwa hhayi manje. Ngesinye isikhathi, lowo wesifazane omncane wayeyimpahla yakhe, kodwa hhayi manje. Niyabo, Ufikela ukuzothukulula ekuxhakathiseni kwawo. Wathukulula ukuxhakathisa kwesono, kukaSathane, phezu kwempilo yami, phezu kwempilo yakho, futhi manje asisesibo abakhe.

182 Ngabe beningizwa njalo ngithi, emkhulekweni, "susa izandla zakho empahleni kaNkulunkulu na"? Niyabo? Amen! Yiba nokukholwa kokubiza okungokwakho. Lokho kungamalungelo akho. "Susa izandla zakho kuye owesifazane! Susa izandla zakho kuye owesilisa!" Niyabo, ukukholwa kuzokwenza. O, he! Akusikho ukukushabalalisa, kodwa, nje, "Susa izandla zakho kuwo," ukuwuthukulula, uyeke uhambe, wedlulise. Uyaguquka.

183 Umhlaba uzoguquka. Ezombusazwe zizoguquka. Izinkolo zizoguquka. Amahlelo ayodlula. Ezombusazwe ziyodlula. UMbuso kaNkulunkulu uyokwakhiwa.

184 Siyafunda kuJohane, fundani uJohane eSambulweni 6:14, niyabo, "wamuka njengencwadi esongiweyo." IBhayibheli lathi i . . . ukuthi i . . . UJohane wathi, "Ngabona izulu nomhlaba kumuka njengencwadi esongwayo." UJohane, iSambulo 6:14.

185 UJesu wathi, "Kodlula amazulu nomhlaba," noma, ngamanye amazwi, "kuyoguqulwa amazulu nomhlaba." Niyabo, kusetshenziswe lelogama elifanayo khona lapho futhi.

186 Qha, akushabalalele. Ngokuba, kamuva, eZambulweni 21:2 kuya ku 24, ubone iJerusalema eLisha lehla kuNkulunkulu livela eZulwini, futhi lihlala phezu kwalomhlaba. Akusho ukuthi uyoshabalaliswa. Izinqubo ziyoguqulwa.

187 UDaniyeli wabona into efanayo. IDwala lashaya izwe, laqheshulwa kungengazandla; nawo wonke umfanekiso wezinqubo wabhidlizwa waba njengamakhoba ezibuyeni ehlobo, nomoya waliphephetha. Futhi iDwala, qobo lwaLo, lakhula laba yiNtaba enkulu eyasibekela umhlaba. Bhekisisani

leyoNtaba manje, esikhashanyaneni. LeyoNtaba yasibekela umhlaba.

188 Futhi, siyathola lapha, ngale phakathi, futhi, eZambulweni lapho, kwathi, "Amakhosi oMhlaba oMusha ayoletha udumo nobukhosi bawo kuwo." Emhlabeni, kuhlezi . . . IJerusalema eLisha lihlezi kulomhlaba. Niyabo, nje usuguquliwe.

189 Usengowesilisa ofanayo, ngokomumo, owawunguye ngenkathi uNkulunkulu ekubiza, owesifazane ofanayo. Kodwa, uyabo, okwakwenzayo, kwaba ngukuphindukuzalwa. Impilo endala yedlula. Isifiso esidala sedlulile. Lapho, wena usakuthanda ukuphuza, nokuthuka, nokuqophisana, nokukhathazeka, nokwehla wenyuka, nesimilo esibi, leyonto yavele nje yafa. Niyabo? Kodwa manje ususetshenziselwa . . . Ngalesosikhathi wawuyithuluzi likaSathane; manje usuhlengiwe.

190 Futhi yilokho izwe elizoba yikho, indlela efanayo, wahlengwa, amaZulu aMasha noMhlaba oMusha.

191 Njengawe nje, "Uyisidalwa esisha." Negama lesiGreki lapho, noma ubani uyazi, lathi, "Ungokudaliweyo okusha." Amen! Okudaliweyo okusha kulo lona lelithempeli elidala. Haleluya. Bhekisisa ukuthi kwenzekani lapha manje. Kujabulisa kakhulu! Kulungile.

192 Manje sithola ukuthi lomhlaba uyobamba amakhosi omhlaba.

193 Kanti, futhi, kuMathewu 5:5, uJesu wathi, "Abamnene bayakudla ifa lomhlaba." Akuzukuba, ngomunye nje umhlaba. Kuzoba nje ngumhlaba ofanayo. Ngizama ukunitholela i— icebo lokuhlengwa, ngaphambili, uma ngingatholi lutho olunye, niyabo. Umbhaphathizo woMlilo, kuwo, kuphela ungowokuwuhlanza futhi uwenze ube yindawo efanele yabamnene baKhe ukuba bahlale kuwo. Niyabo? O!

194 Njengoba Enza thina, indalo yaKhe, ukuba ahlale kuyo. Ngaphambi kokuba Angene kuyo, Wafanele asinike umbhaphathizo woMlilo; bese kungena uMoya oNgcwele futhi uhlale, umbhaphathizo woMlilo. Bese, uma uthola lowombhaphathizo woMlilo, khona-ke uMoya oNgcwele usungangena. Ini? Lapho Ungena, Ushisa yonke into ephambene neZwi, iphume kuwe. Niyabo? Awuyikukholwa lutho olunye kuphela iZwi, ngoba UyiZwi. Niyabo? Niyabo? Niyabo?

195 Manje, yilokho esasikukhuluma ngelinye ilanga, ubufakazi bokuba noMoya oNgcwele. Niyabo? Ubufakazi bokuba noMoya oNgcwele kulapho uma ungemukela khona iZwi; hhayi inqubo ethize, kodwa ube nokuqonda okucacile. Wazi kanjani ukuthi iZwi licacile, uyaLiqonda na? Libhekisise Liziqinisekisa uqobo lwaLo.

196 "Awu," wena uthi, "Ngibona *lo* ekwenza, na*lowo*." O, yebo, ukhula luphila ngendlela efanayo. Niyabo?

197 Kodwa kufanele kube yiZwi lonke jikelele. Ukuze ube nguMlobokazi, ufanele ube yingxenye yaKhe. UyiZwi. Niyabo? Futhi kuyingxenye yini yaKhe na? IZwi elethenjiselwe lolusuku uma Ebiza uMlobokazi waKhe. Yiba yingxenye yalokho. Niyakuthola na? Manje, ninga—ningalahlekelwa yilokho manje. Qaphelani.

Futhi Uwenza ube yindawo efanele yokuhlala ingunaPhakade.

198 Qaphelani, lokhu manje akukakhombi e . . . Lokhu ukubusa isikhathi seminyaka eyiNkulungwane, iminyaka eyinkulungwane, ayisiwo uMhlaba oMusha. Niyabo, ukubusa isikhathi esiyiminyaka eyiNkulungwane kungukubusa okwehlukile. Yilokho esingena kukho, isikhathi seminyaka eyiNkulungwane, kodwa lowo akusiwo uMhlaba oMusha, iZulu eLisha. Qhabo, qhabo. Leyo nje yindawo yokuphumula, niyabo, isikhathi sokuphumula, akusiwo nhlobo amaZulu amaSha noMhlaba oMusha; ngokuba, niyabo, esikhathini seminyaka eyiNkulungwane sinezinto ezingeke zingene kuLowo. Singumfanekiso wosuku lwesikhombisa oludala, le e-Edeni; usuku lwesikhombisa, emva kokuba Esenze izwe. Usuku lwesikhombisa, Waphumula e-Edeni, nasesikhathini seminyaka eyiNkulungwane.

199 Niyabo, izwe manje cishe impela selineminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha, ubudala. Niyabo? Njalo iminyaka eyizinkulungwane ezimbili beliba ne—nembubhiso. Niyabo?

200 Izinkulungwane ezimbili zokuqala, kwafika uzamcolo, futhi Wawubhaphathiza nga (ngani?) manzi.

201 Izinkulungwane ezimbili ezilandelayo, uJesu ufikela ukulingcwelisa futhi alithathe libe ngelakhe, waconsisela igazi laKhe phezu kwalo, walibiza ngelaKhe. Kulungile.

202 "Ngizobuya futhi," ehhe, manje njengeNkosi neNdlovukazi yaYo, neminyaka eyizinkulungwane ezimbili zesibili (Wenzani na?) Uyafika futhi anikeze isikhathi saKhe sokuphumula.

203 Bese-ke eyalishisa, bese elithatha libe ngelabaKhe uQobo; abeke abaKhe uQobo babuyele kulo.

204 Futhi qaphelani, asisilo izwe eliphelele, lesisikhathi seminyaka eyiNkulungwane, singumfanekiso wosuku lwesikhombisa. Bese kuza ukwaHlulela kwesiHlalo sobukhosi esiMhlophe. Niyabo, sisenakho ukwahlulela. Sisekuso isikhathi, esikhathini seminyaka eyiNkulungwane. Wusuku, iminyaka eyinkulungwane. Kuyinto eyisikhathi. Ungakwenzi, ungakuxubi lokho noMhlaba oMusha, manje, ngoba akusiwo.

205 Ungahle usho lokhu kimi. Manje ngizwa nje sengathi umuntu angahle asho lokhu kimi, ukuthi, "Manje, Mfowethu Branham, uzokwenzenjani manje na? Usuphelelwe yizo zonke izikhombisa zakho. Uzokwenza kuphi manje na? Manje, ungowokuhlelwa kwezikhathi." Okungukuthi, nginguye. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu unguye, naye. Bhekisisani, qaphelani. "Usuphelelwe yimifanekiso yokuhlelwa kwezikhathi. Ngoba, uma uzobeka okunye ngale ngaphambi kwalolosuku lwesikhombisa, uzokuthola kanjani na? Uyaphi manje na?"

206 Kulungile, ngizoninakisa okuthize, niyabo. Niyabo? Qhabo, angiphumile, angiphumile ekuhlelweni kwezikhathi, okwamanje. Nginomunye umBhalo lapha. Futhi, khumbulani, konke okwaWo kufanele kugcwaliseke, konke nokuncinyane kwaWo. Niyabo?

207 Manje wena uthi, "Mfowethu Branham, uzama ukubeka okuthize okungale ngaphambili kwalolosuku lwesikhombisa, lelosabatha losuku lwesikhombisa."

208 NjengoNkulunkulu wenza umhlaba futhi wasebenza izinsuku eziyisithupha, waphumula ngolwesikhombisa, kuphela kwakungumfanekiso wesikhathi, isikhathi. Kodwa ngisanda kusho lapha, siba yiPhakade.

209 "Pho uphi umfanekiso wakho manje na? Uthe ungumfanekisi. Ngakho, wena, usuphelelwe yimifanekiso manje." Qhabo, angiphelelwe. Ake sithole nje ukuthi siphelelwe yini.

210 Asiye kuLevi, emuva esahlukweni 23 sikaLevi. Manje ngifuna niqaphele kuLevi, lapho ebesikhona ngeSonto eledlule, noma eledlule . . . Yilokhu okunginikeza umqondo, khona lapha. Isahluko 23 sikaLevi, nevesi 26.

211 Manje khumbulani, kukhona izinsuku zomkhosi eziyisikhombisa. Umkhosi wamacilongo, umkhosi wa— wamadokodo, umkhosi wokuzuliswa kwesithungu, u . . . Konke lokhu, kukhona izinsuku zomkhosi ezinkulu eziyisikhombisa, lokho kuphela kwakungumfanekiso wemiNyaka yeBandla eyisiKhombisa. Futhi niyakhumbula ukuthi mangaki amasabatha ayekhona phakathi kwelinye nelinye na? Niyabo, amasabatha ayisikhombisa phakathi kwepentekoste namacilongo, okwakuyimiNyaka yeBandla eyisiKhombisa. Futhi kwakukhona izinsuku zomkhosi eziyisikhombisa, lokho kumele imiNyaka yeBandla eyisiKhombisa. Yiba ulokhu uhambisa izinombolo zakho.

212 Uthi, "Awu, manje, Mfowethu Branham, usukuqedile. Usunaso isikhombisa sakho."

213 Kulungile, asithathe umkhosi wokugcina, ongumkhosi wamadokodo. Manje qaphelani lapha evesini 36.

*Izinsuku eziyisikhombisa niyakunikela* ngeminikelo *womlilo eNKOSINI: ngosuku lwesishiyagalombili—ngosuku lwesishiyagalombili koba umkhosi ongcwele (kukhona esinye isikhathi esingcwele esizayo). . .koba kini umkhosi ongcwele; ninikele ngomnikelo womlilo eNKOSINI*: futhi *kungumhlangano ongcwele; ningasebenzi-msebenzi.*

214 Manje sinosuku lwesi "shiyagalombili." Manje, ziyisikhombisa kuphela izinsuku, kodwa lapha sikhuluma ngosuku lwesi "shiyagalombili," umhlangano ongcwele, umhlangano. Qaphelani, "Ningasebenzi ngalo." Usuku lwesishiyagalombili, zi (yini na?) buyela osukwini lokuqala. Ngani, kukhuluma ngePhakade, njengoba lizungeza lingenandawo yokuma. Amen. Niyakubona na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

215 Qaphelani, futhi kwakungalolusuku lwesishiyagalombili. Usuku lokugcina, usuku lomkhosi wedokodo, qaphelani emva kwalokho, emva kosuku lomkhosi wokugcina, emva koNyaka weBandla wokugcina, emva kwezinsuku eziyisikhombisa eseziphelele zokugcina phezu komhlaba, emva kwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane, lapho loMhlangano oNgcwele ofika khona.

216 Khumbulani, lona ngumkhosi wamadokodo, *tabernacles*, "izindawo zokubuthana." Amen! Kuphi, "Esikhathini seminyaka eyiNkulungwane," iBhayibheli lathi, "bayokwakha izindlu; bayohlala kuzo."

217 Kodwa eMhlabeni oMusha, Usevele uhambile futhi wayilungisa indawo. Wakhiwe. Asihlanganise lutho nokwakhiwa kwawo. Amen. Uphakade! O, nje ngiyalithanda leloZwi! He! Umhlangano oNgcwele, usuku lwesishiyagalombili. Okungukuthi, yizinsuku eziyisikhombisa kuphela. Bese kuthi ngosuku lwesishiyagalombili, olubuyela emuva osukwini lokuqala futhi, lubuyele ngqo osukwini lokuqala, usuku lwesishiyagalombili ngoNgcwele uConvo-. . . uMhlangano.

218 Qaphelani, izinsuku eyisikhombisa, kuphela ziphathelene nokudaliweyo okudala, isikhathi sezwe. Izinsuku eziyisikhombisa, leso yisikhathi seminyaka eyiNkulungwane, usuku lokuphumula. NjengoNkulunkulu wasebenza izinsuku eziyisithupha, waphumula ngolwesikhombisa; iBandla lisebenza izinsuku eziyisithupha, futhi liphumule ngolwesikhombisa, kodwa nisalokhu nisentweni eyisikhathi. Angikhulumi ngokuPhakade.

219 Kodwa, niyabo, ayikho into ethiwa yizinsuku eziyisishiyagalombili; ubuyela osukwini lokuqala futhi, niyabo, usuku lokuqala.

220 Isabatha likhuluma ngomthetho omdala, owawuzokwedlula. Ukugcinwa kwesabatha, ele "dlulayo," noma, ngithe,

"laguqukela kokunye." Alizange ledlule; lavele nje laguquka lisuka emthethweni omdala, wokugcinwa kosuku oluthize lweviki.

221 UIsaya, isahluko 19, wathi, ngikholwa ukuthi esama 28:19, wathi, "Isiyalezelo sifanele sibe phezu kwesiyalezelo; lapha ingcosana nalapho ingcosana." "Ubambisise lokho okulungileyo." "Ngokuba ngezindebe ezingingizayo nangezinye izilimi ngiyakukhuluma kulababantu. Futhi nakhu ukuphumula." Niyabo?

222 Ungena ekuPhileni, hhayi ukugcina usuku noma isithunzi. UPawulu wathi, laphaya kumaHeberu isahluko 4. "Nigcina izinsuku nezithunzi, nezinto ezinjalo; ngiyalwesaba ulwazi lwenu." Niyabo, asedluleli ezinsukwini ezithize nezimiso. "Wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni okuPhakade," hhayi izinsuku nezikhathi. Wedlulile wangena ePhakadeni. Lowo ngongcwele uconvo- . . . umhlangano, umhlangano, njalo.

223 *Izinsuku eziyisikhombisa*, bhekisisani, eze "dlulayo," noma, ngithe, ziyo "guqukela kokunye." Izinsuku eziyisishiyagalombili ziphathelene nokudaliweyo okusha, niyabo, hhayi okudaliweyo okudala. Izinsuku eziyisishiyagalombili ngokudaliweyo okusha.

224 Ngokuba, kwakungosuku lwesishiyagalombili iNkosi yethu eyavuka ngalo kwabafileyo. Nanko omunye umhlangano wakho, ubungcwele; kungesikho ukwazisa amasabatha, nhlobo, noma imikhosi yamadokodo, umkhosi wa*lokhu*, nomkhosi wepentekoste. UJesu wavuka kwabafileyo, ukuze kube ukulungisiswa kwethu, ngosuku lwesishiyagalombili. Emva kwamasabatha ayisikhombisa, noma izinsuku eziyisikhombisa, imiNyaka yeBandla eyisiKhombisa, uJesu wavuka kwabafileyo. Usuku lwesishiyagalombili, okungumhlangano ongcwele, niyabo, okulusuku lokuqala.

225 Niyabo, usuvele, wedlulile esikhathini, wase ungena ePhakadeni futhi; hhayi ukugcinwa kwezinsuku, nokugcinwa kwamasabatha; nezinyanga ezintsha, nezinto ezifana nalokho. "Kodwa *we*dlulile," waguqula isimo sakho; awangashabalala. Udumo! "Kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni okuPhakade." O, lisifundisani iBhayibheli! Niyabo, wedlula kokunye waya kokunye.

226 Kulungile, "dlulile," isabatha elidala ledlulile. UJesu wavuka ngosuku lwesishiyagalombili. Lolo kwakulusuku oluzothileyo, olungcwele. Futhi kwakungesilo usuku; ngoba usuku, isikhathi, sasesiphelile. Sasesedlule sangena ePhakadeni. Niyabo, lwajika lwabuyela emuva ngqo osukwini lokuqala futhi. Niyabo?

227 IPhakade linje—njengeringi. Ungeke ulithole ikhona kuyo. Ungeke uthole-ndawo yokuma endingilizini ephelele. Uqhubeka njalo-njalo. Angikhathali ukuthi uhamba isikhathi eside kangakanani, uyobe ulokhu usahamba. Ungaqala uhamba

*kanje*; uhambe wedlule kwiphansi, uhambe wedlule emhlabeni, uhambe uye ngale ngaphambili komhlaba, usalokhu ugo- . . . [Akuqoshwanga—Umhl.]

228 Konke okwadalwa phansi phakathi *lapha*, kuphendukezelwe, akudalwanga, nguSathane, kuyophuma uma insimbi enkulu yegolide isikhala neCilongo likhala.

229 Futhi emuva le ngaphambili ekuqaleni, lapho isigxobo sokubophela senziwa khona e-Edeni, lapho umuntu efika emhlabeni wase ewa, iwundlu elincane lachitha igazi lalo, lokho kwakukhuluma ngeWundlu elikhulu elalizochitha iGazi laLo. IKalvari yaphakamisa isiphambano, esabophela iTestamente eliDala; kulabo abalungisiswa, baLibheka. Futhi kulokhu ukuhlelwa kwesikhathi okusha, ekuFikeni kweNkosi, eMhlabeni oMusha, intambo yensindiso (iGazi, Amandla ahlengayo engikhuluma ngawo, nangenqubo efanayo usehlenge bobabili umuntu nomhlaba) uyovuka ngqo ayongena ePhakadeni futhi. NeChibi loMlilo liyoqothula konke okungamesabi uNkulunkulu nabangaKumiselwanga ngaphambili. Niyabona na?

230 Qaphelani, usuku lwesishiyagalombili, uJesu wavukela ukulungisiswa kwethu. INkosi yaPhakade, noMbuso waPhakade ukuba nibhaphathizelwe kuwo, ekuPhileni okuPhakade. Hhayi izinsuku eziyisikhombisa; kwakungahlanganise lutho nanoma yiluphi lwezinsuku. Kukhuluma ngokunye, okuPhakade, okuzayo; kukhulunywa ngesikhathi saPhakade, iZwe engikhuluma ngalo.

231 Futhi, qaphelani, emva kwezinsuku ezingamashumi amahlanu, noma amasabatha ayisikhombisa kusukela lapho, futhi nakho kufika omunye umhlangano ongcwele. Kwenzekani na? UMoya oNgcwele wehla ngoSuku lwePentekoste, ngosuku lwesikhombisa . . . Noma, usuku lwesishiyagalombili, njalo, usuku lwesishiyagalombili, wehla ngosuku lwesishiyagalombili. Kwaba ngamasabatha ayisikhombisa kamuva, impela ngqo, emva kokuvuka kwaKhe, niyabo; ngakho kwakukade kuphindwe kasikhombisa lokho futhi, kukubuyisela ngqo kujike kuye osukwini lokuqala lweviki futhi, impela. Niyabo?

232 Nanko umhlangano wakho ongcwele, awuhlangene ngalutho nezinto eziphathekayo. Kungaphambili kwalokho. KuseMbusweni kaNkulunkulu, nokuPhila okuPhakade, nabamiselwa ngaphambili abangazange baqale. Akuzange kuqale noma ngaluphi usuku. Alukho usuku owasindiswa ngalo. Wawulokhu usindisiwe njalo. Amen. UJesu ufikela ukuba nje ahlenge lokho; kodwa wawusindisiwe, kusukela ekuqaleni, ngoba wawunokuPhila okuPhakade, zisuka nje.

233 Inhlanzi itrawuti ngeke yaze yaba yinhlanzi igar noma unoshobishobi. Ingahle ibe semanzini afanayo kanye nayo, kodwa yayiyiyo, kusukela ekuqaleni, itrawuti. Inethi iyibambile

kuphela, niyabo, kodwa yayiyilokho kusekela ekuqaleni. Nanso leyo . . .

234 Manje, asiphumile ekuhlelweni kwezikhathi. Siphumile na? SisemBhalweni impela. Ezinsukwini ezingamashumi amahlanu kamuva, kuyafika.

235 Niyabo, isishiyagalombili singeke sabalwa kanye neviki. Niyabo, singeke sabalwa, izinsuku eziyisishiyagalombili evikini. Ungeke wakwenza, niyabo, ngoba ziyisikhombisa kuphela izinsuku evikini. Kubale noma ngayiphi indlela ofuna ukukubala ngayo. ISonto liwusuku lokuqala lweviki. Niyabo, ubala isikhombisa, khona-ke ufanele ubuyele emuva phakathi uqale phansi futhi. Ubale isikhombisa, ubuye uphinde futhi. Niyabo?

236 Futhi siphile kuyo yonke lemifanekiso phakathi lapha, kodwa, uma ufika kwisishiyagalombili, uhamba ungene ePhakadeni. Awuzi ngemithetho, nezinkambiso zenkonzo, nezimiso. Uza ngokumiselwa ngaphambili. Amen! [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kathathu—Umhl.] Nanko owangokoqobo, umhlangano ongcwele! Niyabo? Futhi siqeda unyaka webandla wesikhombisa, unyaka webandla, unyaka wePentekoste. Niyakubona na? Singena kulowomhlangano ongcwele. Singena kulelo langempela, langoqobo, iPhakade, lapho iBandla elibizwa khona; hhayi esiteshini esithize, ihlelo elithize, kodwa bangena ePhakadeni neNkosi yabo yaPhakade. Niyabo? Asinakho nhlobo, ayikho into okuthiwa yizinsuku, nezinto, nezikhathi. Wedlulile wangena ePhakadeni, lapho ovela khona. WawuLapho, kwasekuqaleni. Niyabo?

237 Uma unokuPhila okuPhakade kukhona okuyisimo esisodwa kuphela, lowo nguNkulunkulu, futhi wena uyingxenye eveziweyo. Niyabo? Uma u . . . Uma ungenjalo, ngeke ube lapho, noma kanjani. "Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsanga." Niyabo? Okungukuthi, "kuyedlula," zonke lezizinto ezindala; kodwa leziZinto azinjalo, ngakho kukhuluma ngePhakade. UMoya oNgcwele uPhakade. Manje-ke, ususePhakadeni, lapho owawukhona ngaso sonke isikhathi, kodwa usanda kukuqonda ukuthi kwenzekani.

238 Niyabo, wena wenzelwa inhloso yaPhakade, ngoba wawungu—ngukubonakaliswa kwengxenye eyayikuNkulunkulu, acabanga ngawe futhi wakuveza wena; futhi Wenza umhlaba ukuba akuthathe kuwo, nokuthi akwenze ube yisidalwa esingumuntu. Nesono siyafika sasesiphendukezela indlela yaKhe. Uyeza wena, noma kanjani, kodwa wawulahleke kanye nezwe. Ngakho Uyafika wayesekuhlenga, ingxenye eveziweyo, kanti futhi uhlenga lomhlaba ngendlela efanayo. Manje-ke, inhloso yaKhe igingqika iya phambili. Niyabo? O! Haleluya! O, lokho kungenza

ngibe kahle kakhulu, cabanga ukuthi kubekweni ngaleya ngaphambili!

239 Manje, kwabase-Efesu 1:10, kubizwa ngokuthi . . . Manje, uma nikubhala phansi kwabase-Efesu 1:10, kubizwa ngokuthi, hhayi ngokuhlelwa kwesikhathi, hhayi ngosuku lwesikhombisa. Kubizwa ngokuthi "Ukuphelela kwesikhathi." Futhi lapho "ukuphelela kwesikhathi" sekufikile, kulapho isikhathi sesigcwalisiwe. Lapho kungasekho-sikhathi, khona-ke ungena ePhakadeni, emva kokuba unyaka webandla lesikhombisa usuphelile, futhi usuphelile; unyaka kaLuther usuphelile, unyaka weMethodisti usuphelile, unyaka wePentekoste usuphelile. Futhi manje ungena (kukuphi?) ePhakadeni; asisekho isikhombisa, asisekho isithathu, akusekho okunye. BasePhakadeni, lapho ingekho into okuthiwa yisikhathi njengezinombolo, nezikhathi, nezinto. Amen! O, he! Niyakubona manje na?

240 Noma, emva kokuba isikhathi sesigcwalisekile, sonke isono sesihambile, sasuswa, esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, ekwaHluleleni esiHlalweni esikhulu esiMhlophe. (Umfanekiso, ngoMoya oNgcwele.) Emva kokuba izwe selisha futhi labhaphathizwa, umbhaphathizo walo woMlilo ongcwele ovela eZulwini; sonke isono sesihambile, onke amagciwane sekuhambile, bonke odeveli sekuhambile, zonke izilingo ezimbana sekuhambile bonke ububi sebuhambile. (Umfanekiso manje.) Bese-ke uNkulunkulu enzani na? Usengahlala phezu komhlaba, niyabo, ngoba sonke isono sesihambile.

241 Leyo yinto efanayo Ayenzayo uma Ekupha umbhaphathizo kaMoya oNgcwele ngoMlilo. Angeza ahlale nawe, futhi singahlala ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, ngoba sesivele sikuYe. Hhayi ukuthi si "yoba." Sihlezi manje kuKristu Jesu. Singena kanjani kulo na? Ngambhaphathizo munye kaMoya oNgcwele. "NgaMoya munye thina sonke sabhaphathizelwa kuKristu," okungukuthi, sikuye manje. Asiyi "kuba" kuKristu; sikuye! UyiNkosi enkulu yokomoya phezu koMoya okithi, ngoba sasikuYe ekuqaleni.

242 Niyabo, uNkulunkulu, ekuqaleni, ngenkathi Ecabanga ngawe futhi wacabanga ngabanye kanjalo, wacabanga ngaYe uqobo engobambekayo. Lokho kwakuyimicabango yaKhe. Niyabo? Ngakho, Wezwakalisa imicabango yaKhe ngeZwi. Wathi, "Makube-khona." "Makube-khona," kwaba-khona. "Makube-khona", kwaba-khona.

243 Kwase kuthi, emva kwesikhashana, Waqhubeka ethi "makube-khona," baze bathi abantu, ngelinye ilanga, "Makangakhulumi uNkulunkulu!"

244 Wathi, "Manje Ngiyokhuluma kubo ngomprofethi." Niyabo? "Kusukela kulokhu kuqhubeke, Ngiyokhuluma kubo ngomprofethi."

245 Nomprofethi wathi, "Kuyofika; kuyoba-khona," futhi kwaba-khona. Futhi kwaba-khona, futhi kwaba-khona, niyabo, kanjalo nje. Niyakuthola manje na?

246 "Ukuphelela kwesikhathi" sekufikile emva kokuba isikhathi sesigcwalisekile. Isono sesihambile, emva kombhaphathizo wezwe, emva kokuba umbhaphathizo wezwe usulenza libe yindawo efanele; akukho-kugula, akukho-magciwane; akukho-meva, akukho-makhakhasi; akukho-kufa, akukho-kudabuka, akukho-sizi; akukho-kuguga, akukho lutho okuzomela ukufa; akukho okungalungile; konke kulungile; akukho okwemvelo. KuPhakade!

247 Bese-ke, ingxenye yaKhe iyavezwa ngoba yayilapho, kuqala, kwasekuqaleni. Yilokho Akucabangayo. [UMfowethu Branham ukhombisa ngomfanekiso ebhlekbhode—Umhl.]

248 Kwase kwenzekani-ke na? Wabeka uAdamu noEva lapha emhlabeni, wayesethi, "Yandani manje nigcwalise umhlaba." Imizimba yabo yonke wawubekwe lapha, ukuba nidle futhi nenze umzimba wenu. Yileyondlela Ayenayo yokukwenza.

249 Kodwa isono siyafika sasesiphazamisa icebo laKhe. Uyilokhu nje uphenduphenduka, ngokufanayo nje, isikhathi senzenjalo.

250 Kodwa wenzani uJesu na? UNkulunkulu wehla wase Eziveza Yena uqobo esimweni soMuntu, isidalwa esingumuntu; wanikela ngokuphila kwaKhe, esikhundleni sokuhlala lapha. Okungukuthi, WayeyiNkosi, kodwa Wazinikela ngaYe uqobo ukuba ahlenge bonke abasele. Niyakuthola na?

251 Futhi uma sekuphele konke, khona-ke udonswa ubuyiselwa emuva ngqo, nenhloso kaNkulunkulu isigcwalisiwe. Nanso iNkosi yaPhakade futhi nezikhonzi zaYo zaPhakade, zivezwe enyameni yomuntu, ngayo impela indlela Ayenakho ngayo; isono sesisusiwe; udeveli usehambile; konke sekwenziwe manje.

252 Uzokwenziwani na? Lomhlaba ungeke waba yindawo yeZulu ukuba kuhlalwe khona manje. Awuwubheke, isono. Uzofanele uhlanzwe.

253 Akukho-silisa, akukho-muntu, akukho-sifazane, umfana, intombazane, angikhathali ukuthi ungubani yena, ofanele ukungena epulpiti, noma ngisho ukuba azisho ukuthi ungumKristu, engagcwaliswanga ngoMoya oNgcwele. Awunalungelo lokuba sesidlweni sakusihlwa seNkosi, noma nanoma yisiphi isidlo, ukugezana izinyawo, noma yini, kuze kube usuhlanziwe ngoMlilo oNgcwele kaNkulunkulu.

254 Akukho-muntu onelungelo lokushumayela ngaphandle uma wena, njengoMose, uhlangane naYe phandle lapho kuleyomihlabathi engcwele, leyoNsika yoMlilo ilenga lapho, lapho azi khona ukuthi ukuphi. Niyabo?

255 Qaphelani ukuthi kukanjani, ukuthi sihamba kanjani. Emva kombhaphathizo woMlilo wezwe, onke amagciwane sekuhambile, uwenza ube yindawo efanele-ke yokuba iZulu lihlale lapha emhlabeni.

256 Umfanekiso, manje, ngokuhlala ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu; sesedlulile kulokhu, singcole njengoba wayenjalo owesifazane omncane; sangena engxenyeni eveziweyo kaNkulunkulu. "Manje singamaDodana kaNkulunkulu," hhayi ukuthi si*yoba*. Siyizingxenye zokucabanga kukaNkulunkulu. Niyabo?

257 Manje wena uthi, "Awu, buka lompristi. Wayengesiyo yini indodana kaNkulunkulu?" Kwafakazisa ukuthi wayengesiyo. Akazange ayiqonde ini? Washo yini ukuthi, "Ngiyalikholwa iBhayibheli"? Impela. Kodwa akaliqondanga iZwi elizwakalisiweyo lehora. Kuphela wayenokufunda kokuhlakanipha okuvela kwelinye iqembu elalikhona emuva ngaphambi kwakhe.

258 Futhi kuyinto efanayo namhlanje! Niyabo? Ngiyazi ukuthi lokho kuqinile, kodwa kuyiQiniso.

259 Nanto iZwi lalikhona, njengoba lakhulunywa nse lalolosuku; futhi, yena, nokho wayeyisifundiswa esikhulu, nokho wayengumuntu onodumo, kodwa akaLiqondanga. Ngani na? Akunandaba ukuthi wayeyisifundiswa esikhulu kangakanani, noma yini efana naleyo, wayesalokhu engakabinakho okummele kokumiselwa ngaphambili. Niyabo?

260 Omiselwe ngaphambili kuphela oyoba nguye kuphela okwenzayo; yena kuphela ongakwenza. Futhi yinina kuphela eningakwenza . . . Ngoba, bukani, kufakazela ukumiselwa ngaphambili. Isizathu, uma unokuPhila okuPhakade, wafanele ube yingxenye kaNkulunkulu ngazo zonke izikhathi, ngoba nguYe Yedwa kuphela oyiPhakade. Niyakubona na? O, he! Cabanga ngakho.

261 Manje bhekisisani ukuthi kwenzekani ngesikhathi esikhulu seminyaka eyiNkulungwane. Isono sonke sesihambile, isikhathi seminyaka eyiNkulungwane manje sesiyangena, sekuyisikhathi manje sokuba uMoya oNgcwele athathe indawo yaKhe.

262 Njengoba Enza nje phakathi kithi, "wedlula ekufeni ungene ekuPhileni," sihlezi ezindaweni zaseZulwini kuKristu, eBukhoneni baKhe obuhle kakhulu. Ngisho nokufa kwenyama kodlula ngalesosikhathi; njengokufa komoya nje kwedlulile manje.

263 Ayikho into ewukufa komoya manje, ko—ko—kobhaphathiziweyo ongcwele kaNkulunkulu. "Noma efa, wophila. Ophila akholwe ngoNgithumileyo akasoze afa." Wonke umBhalo, Ufanele ugcwaliseke. Niyabo? Ungeke wafa. UnokuPhila okuPhakade. Into kuphela, uMhlengi ukwenze ukuba ukuqonde. Futhi wawulokhu uyiLokho, futhi

yingalesosizathu ubona usuku ophila kulo. Bangaki okubonayo na? Phakamisa isandla sakho. Niyabo? Ngiyabonga. Niyabo? Usuku esiphila kulo, niyaluqonda.

264 Manje, iMethodisti yathi, "Uma umemeza, unaWo." Inqwaba yabo yayimemeza kodwa ingenaWo.

265 IPentekoste yathi, "Uma ukhuluma ngezilimi, unaWo." Abaningi bakhuluma ngezilimi, futhi babengenaWo.

266 Bukani ukuthi kanjani, lonke uhlobo lwezimo zalabo baFarisi ababenazo, kodwa ngenkathi iZwi libonakaliswa, abaLiqondanga. Niyabo? Niyabo?

267 Futhi uma unguMlobokazi, uMlobokazi uyingxenye yoMyeni. Futhi uma . . . Indawo kuphela oyoze uLiqonde ngayo, ngukuqonda ukuthi iyiphi ingxenye yalowoMyeni (leloZwi) oyiyo, kungenjalo ungeke uqonde ukuthi unguMlobokazi. Bangaki okubonayo lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo? Niyabo? Ufanele uyiqonde indawo yakho.

268 Ungeke wayiqonda eyomunye umuntu. Ukuba-ke—ukuba-ke uMose wayefike nomlayezo kaNowa? NoNowa wayeyingxenye yawo, kodwa wawungeke usebenze. Ukuba-ke—ukuba—ukuba—ukuba uJesu wayefike noMlayezo kaMose? Wawungeke usebenze. Niyabo, kwakungunyaka owehlukile, kwakuyisiprofetho esehlukile, ingxenye ehlukile yeZwi yayifanele igcwaliseke lapho. Yayingolunye usuku lweviki. Ngeke, umsebenzi wangoLwesibili ngeke wenziwa ngoLwesithathu. Futhi owangoLwesithathu ufanele wenziwe ngoLwesithathu. Niyabo? OwangoMgqibelo ufanele ube umsebenzi wangoMgqibelo. Niyabo?

Futhi, bona, babeqonda ukuthi, "O, uMose, sinoMose."

269 Wathi, "Uma benimazi uMose, beniyakungazi naMi, ngokuba nguye owakhuluma ngaMi. 'INkosi uNkulunkulu wenu iyakunivusela umprofethi onjengami.'" Niyawuthola umqondo na? O, he! Niyabo?

270 Wayesethi-ke uJesu, kuJohane 14, "Uma Yena, uMoya oNgcwele esefikile, Uyakunikhumbuza lezizinto, niyabo, anikhombise ukuthi suku-luni eniphila kulo. Bese kuthi-ke, enye into eniyoMazi ngayo, Uyonibikela okuzayo," niyabo, niyabo, kubuyele emuva ngqo ekuprofetheni futhi, "uma Esefikile." Niyabo?

271 EMhlabei oMusha namaZulu aMasha, akusophinde kubemnyama futhi, uma sekuyiloMhlaba oMusha ozayo. Udeveli uyoboshwa . . . USathane, usadedelwe manje; ungummangaleli. Kodwa eMhlabeni oMusha, uyoboshwa aphonswe eChibini loMlilo, kuloMlilo ongcwele.

272 Bese-ke, kuloMhlaba oMusha, ake siwubuke imizuzu embalwa manje. KuloMhlaba oMusha, izibhakabhaka ngeke ziphinde zibemnyama futhi; qha, lokho kuvela esiqalekisweni,

niyabo. Ngeke ziphinde zibe-mnyama futhi zinamafu athukuthele. Imimoya ayisoze yavunguza inqamula kuso futhi kanjalo. Qhabo. Awusoze usiphule izihlahla, futhi usiphule izindlu, futhi ugumbuqele izinto. Umbani nolaka akusoze kwabhodla kuvela kuSathane kunqamula lapho, futhi kubulale umuntu ehamba phansi emgwaqeni, noma ushise indlu. Niyabo? Qhabo, akusophinde. Ngeke zisabakhona izivunguvungu zasolwandle zishwibeka phansi, noma izichotho neziphepho ezinamandla, futhi zisiphule izindlu, futhi zibulale abantwana abancane, nezinto. Hhe-e, akusayikubakhona. Kuzama ukubhubhisa, ngeke kubekhona lapho. USathane usekhishiwe.

273 Ngifisa sengathi ngabe besinesikhathi manje. Ngedlula imiBhalo nje, manje, ukuze singashiywa yisikhathi. Kufanele ngikhulekele abagulayo.

274 Amazulu nomhlaba sekuhlangene; uNkulunkulu nomuntu usebuyisene. IEdeni elibuyiselwe seliqalile; niyabo, sonke isiqalekiso sesihambile.

275 Njenganje, sonke isiqalekiso sesono sesihambile ngenkathi uMoya oNgcwele ekwemukela. Niyabo, awuWemukeli; Wemukela wena, niyabo, ngoba Uyingxenye kaNkulunkulu. Niyabo, uma UnguMoya oNgcwele, kuchaza, uMoya kaNkulunkulu; futhi yingxenye, umcabango kaNkulunkulu, ukwemukele ngoba wamiselwa leyonhloso. Niyabo? Nokho, wazalelwa esonweni; kodwa uNkulunkulu wayenaleyongxenye, futhi lapha uziveze wena lapha emhlabeni, futhi Uyehla akuthole. Niyabo, ungemuva *lapha*; *lapha* yilapho ongowakhona. Niyabo? Niyabo, isono silahlekelwe amandla aso. Kunjalo. Isifiso sesono sesisuke sahamba enhliziyweni yakho, ngenkathi uMoya oNgcwele ungena. Usungumuntu obuyiselwe.

276 Kothi-ke uma umhlaba usubuyiselwe, ngento efanayo, ngeke kusabakhona ukuqalekisa, zingabe zisabakhona izichotho, ingabe isabakhona imimoya, zingabe zisabakhona izivunguvungu zasolwandle—izivunguvungu zasolwandle, njalo. Senibuyisene; umuntu noNkulunkulu usehlangene. UMhlaba oMusha uyobekwa e-Edeni lawo elihle futhi. UMhlaba oMusha uyokwendlaleka, wona, emva kombhaphathizo wawo woMlilo.

277 Cabangani nje, uyokokheleka futhi ushe. Kuyakusha konke ku—kubhidlike. Yonke imisebenzi esemhlabeni iyakusha. Onke amanzi ayoqhuma; uyokokheleka futhi usakaze konke. Yonke into iyosakazeka. Izintaba-mlilo ziyoqubuka futhi, izinkulungwane zamamayela emoyeni, kuyophuma kundize ubindiza olushisa bhe. Onke amagciwane . . . UMoya oNgcwele kaNkulunkulu uyosihlanza kuphele konke okwaso sonke isono nakho konke. Wonke udeveli uyoboshwa aphonswe eChibini loMlilo, uMlilo oqothulayo, ulaka lukaNkulunkulu loMlilo.

278 Ngeke kubekhona-silwane lapho ukuba siphinde sikubhubhise. Uma uhamba wehla ngomgwaqo, ezingadini zezimbali, ngeke kubekhona-nyoka lapho ukuba ikufuthele futhi ikulume, ngesihlungu esiwuphoyizeni. O, he! Akuyikumangalisa na? Lalelani. Ngeke kubebikho nokukodwa kwalokho uMhlaba oMusha oyoke ukubumbe kube yindunduma yamagade amancane aphuzi, kube yithuna; ngeke kubebikho nelilodwa lawo lapho.

279 Umuntu noNkulunkulu usehlangane ndawonye; uMlobokazi noMyeni. Amazulu nomhlaba sekusingathene; uNkulunkulu usehlele phansi ukuba azokwakha phakathi kwesintu. Itabernakele laKhe linabo.

280 Ngeke sisabakhona isono, ngeke kusaba-nokudabuka. Akusophinde kubekhona iconsi lonyembezi olwehla esihlathini sikamama, ekhalela ingane yakhe. Amen. Ngeke kubekhona, kulowoMhlabathi oMusha. Qhabo. Usuhlengiwe. UsungowaKhe, nowaKhe owahlengwa kuwo. Niyabo?

281 Futhi, bukani, uyingxenye yalowomhlabathi. Kunjalo na? Futhi ngenkathi Ekuhlenga, Wahlenga umhlaba ngento efanayo, futhi senindawonye futhi. O, kungacaca kakhulu ukwedlula ini. Niyabo? Ufanele uhlengwe ngoba uyingxenye yawo. Futhi uma iGazi lingaconselanga kuwe, awukahlengwa; awubiziwe. Bese Eyawuhlanza; leyo yinto efanayo Ayenzayo eMlilweni. Ngisho, iGazi laconsa, nokho usafanele uhlanzwe ngoMlilo, kunjalo, ukuba kube yindawo yokuhlala kaNkulunkulu.

282 UNkulunkulu Wayesevele eqalile ukuhlala, ingxenye. UMbuso kaNkulunkulu ususemhlabeni manje, ezinhliziyweni zabangcwele baKhe. Yizingxenye zaKhe Aziqalayo ekuqaleni. Manje izingxenye zaKhe isihlengiwe. Ulindeni na? Ukuhlenga umhlaba, ukuhlalisa izingxenye zaKhe kuwo, ukugcwalisa ngqo icebo laKhe elamiselwa ngaphambili. Niyakubona na?

283 Qaphelani, akukho-mathuna, akukho-kuqathaka kwezinyembezi, neze, akusekho-kuchitheka kwegazi. Alisoze liswakamiswe ngukuqathaka kwezinyembezi noma igazi. Qhabo. Ngeke kusabakhona-zimpi. Qhabo. Akukho-mafu asebusika. Akukho-qhwa lamakhaza esifubeni sawo; ngeke liphinde libe lapho phezu kwawo. Ilanga elishisayo ngeke, neze lishise utshani bawo. Haleluya! Ngisho nogwadule luyoveza izimbali. "Lolo oludala, ugwadule oluyinamfunamfu luyokhahlela, ngelinye ilanga, njengentebe," uNkulunkulu washo njalo; uma usuhlengiwe, uma usuthatha umbhaphathizo wawo woMlilo. Kukhona zonke izinhlobo zomdolofiya nonamathela nakho konke okunye manje, kodwa linombhaphathizo woMlilo ozayo.

284 Njengoba umuntu wayenjalo, ngenkathi esalokhu enenzondo, ububi nomhawu kuye; uma kufika umbhaphathizo woMlilo, wawuhlanza nya. Akusekho-mona, akusekho-lutho;

ngokoqobo nje uyindawo yokuhlala kaNkulunkulu. Futhi, khumbulani, lelo yiviyo lamanxusa aKhe elizohlangabezana naYe ngaleya. Amen! O, i . . .

285 Leyo akusiyo indaba nje; lelo yiQiniso. Yilokho uNkulunkulu akushoyo. Yilokho Akwethembisile. Yilapho uMlobokazi aya khona. "Ngisho nogwadule," Wathi, "luyokhahlela, lube yimbali."

286 USathane, isono, nezoni, sekuhambile, kuze kube phakade. Sekwenziwe konke; kwaxubana kwangena ePhakadeni. Futhi konke lokho okwaphendukezelwa, leyongelosi enkulu eyahlala lapho ngelinye ilanga, uSathane, owenza bonke lobububi, uyobhujiswa. Niyakhumbula, iBhayibheli lathi, "Uma lowomphefumulo ungayikwenza njengoba Enza, washo njalo, Uyowubhubhisa ngisho nalowomphefumulo."

287 Kodwa, niyabo, Angeke Azibhubhisa yena uqobo futhi ahlale enguNkulunkulu. Ngakho, uma lowomphefumulo ungowezwe, uzofanele ubhujiswe. Kodwa uma ungowaPhakade, noNkulunkulu, awuzange uqale, ngoba uyingxenye kaNkulunkulu futhi ungeke uze ubhujiswe. Amen! Okuhle kangaka pho! Ku—kubongeka kakhulu, ukuthi iBandla belifanele likubone lokho!

288 Abantu, konke enikwenzile kubekwe khona lapha. Yilokhu engizama ukukusho. Ngiyakushiya okunye kwakho ngoba ngifuna ukubuyela kukho futhi.

289 Ngisho nalezizinto, uSathane, izoni, sezihambile, ingunaPhakade; ngeke kusaphinde kubekhona. Konke . . . Niyabo, uSathane angeke adale. Uma edala, unguNkulunkulu. Niyabo? Kuphela angaphendukezela lokho okudaliweyo. Niyabo? Futhi yonke impendukezelo iyo, ukuphendukezela, kuyophela. Nokufa kungukuphila okuphendukezelwe; futhi uma impendukezelo isiphelile, ngeke kusabakhona ukufa. Ukuguga kuwuphawu lokufa; futhi uma ukuguga sekungasekho, kungena ukuphila. Zonke izimpawu zempendukezelo nakho konke okunye sekuhambile. Ameva namakhakhasi kuwuphawu lwesono, "umhlaba uyoqalekiswa ngakho," futhi sekuphelile. Kufika ukugula, ngalokho; kuyophela. Ukufa kuyophela. Ukuchitheka kwegazi kuyophela.

290 Akukho okuyothinta lelogabade kuphela ubungcwele, Abahlengiweyo. O, he! Yebo. O, nje ngizizwa ngikahle kakhulu. UNkulunkulu, nokudaliweyo kwaKhe; nezidalwa zaKhe zalendalo kuhlengwa ngeGazi laKhe uQobo. Nahlanzwa yindlela yaKhe uQobo eqhubekayo; ukubulala kwaKhe amagciwane, indlela eqhubekayo yokubulala isono!

291 Njengokuthi uma noma yini ihlanzelwa ukuqeda amagciwane, ukuhlanza okuqeda amagciwane okwedlula konke esake sabanakho bekungumlilo. Ungathatha noma yini futhi uyigeze ngamagwebu ensipho nazo zonke lezizithako

ezingamakhemikhali abakhuluma ngawo, lisuke lingakasuki. Kodwa ake ulishise kanye!

292 Futhi uma uMlilo kaNkulunkulu uhlanza uqeda amagciwane omhlaba ngezithako amaKhemikhali; Uphakamise uMlobokazi waKhe, ongangena eZulwini kanye naYe, ngenkathi lokhu kusenzeka. Bese ebuyela emhlabeni futhi, amaZulu aMasha noMhlaba oMusha. Ubusika obubandayo angeke buwulimaze. Amahlobo ashisayo angeke awulimaza. Izingwadule ziyokhahlela njengentebe. Isono nezoni sekuhambile.

293 UNkulunkulu, nezidalwa zaKhe nokudaliweyo, uhlezi ndawonye ngokuzwana okuphelele. Njengamazulu nomhlaba yindoda nomfazi, unjalo uKristu neBandla, futhi bonke bahlangana ecebweni elihle kakhulu elikhulu elilodwa lokuhlengwa futhi lingeniswa ngqo ezifubeni zikaNkulunkulu futhi. Niyakubona na?

294 Futhi, eMhlabeni oMusha, kukhona uMuzi oMusha. O, he! Manje lalelisisani. Ningakukhohlwa lokhu. Ukuthi, uJesu wathi, kuJohane 14, Uyolungisa. "Izinhliziyo zenu mazingakhathazeki." Ngenkathi Esemuka, "Nginesizathu sokumuka. Nikholiwe nguNkulunkulu," Wathi, "kholwani nayiMi." Abakwazanga ukubona ukuthi WayenguNkulunkulu. Wathi, "Nikholiwe nguNkulunkulu, manje kholwani yiMi. Futhi Ngiyonilungisela iNdawo. EKhaya likaBaba waMi kunezindlu eziningi; eMbusweni kaBaba waMi kunezendlu zobukhosi eziningi." UKristu ulapho, ekwakhiweni kwaleliJerusalema eLisha manje. Manje lalelisisani. Ninganyakazi. Ningakwenzi, ningakugeji lokhu. UKristu useZulwini, namhlanje, ulungisa iJerusalema eLisha.

295 Njengoba nje uNkulunkulu adala umhlaba ngezinsuku eziyisithupha, wenza umhlaba ngezinsuku eziyisithupha, noma iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha. Njengoba Wathi, "Ningabi ngaba ngazi," sifundile emBhalweni, "iminyaka eyinkulungwane ilusuku olulodwa."

296 NoKristu uhambile futhi ulungisa iNdawo, leyo ibiyakhiwa eziningi, izinkulungwane eziningi zeminyaka, elungisa iNdawo. "Nanxa Ngiyonilungisela iNdawo, Ngobuya futhi, nginamukele; ukuthi lapho Ngikhona, nibekhona nani." Qaphelani uMhlengi nabaHlengiweyo!

297 Ngifisa sengathi ngabe besinesikhathi manje. Nginokumakwe lapha, uSolomoni ecaphuna, "lentombazane, uMlobokazi." O, sizofanele sikushiye nje; isikhathi siyahamba, niyabo. Ngizokuthola, futhi. "Uma ezama ukumthola, kodwa wethembisene nomfana ongumelusi wezimvu." Abanye mhlawumbe bacabanga ukuthi lelo kwakuyiculo ayelicula. O, qhabo. USolomoni wayeyindlalifa yesihlalo sobukhosi sikaDavide, emhlabeni, kodwa wakhombisa ukuthi lowombuso

wawuzokwedlula. Kwakungumfanekiso kaKristu ethandana noMlobokazi. Niyabo?

298 Qaphelani ukuthi uJesu wathi, uJohane 14 manje, "uyolungisa iNdawo."

299 O, iyobukeka kanjani na? Nike nacabanga manje, Mlobokazi, ukuthi iyobukeka kanjani na? Ilungiswa futhi iqanjwa yiSazi sokwakha izindlu esinibuNkulunkulu. LowoMuzi uyobukeka kanjani na? Manje sizokhuluma ngawo imizuzu embalwa. ISazi sokwakha izindlu esinobuNkulunkulu siwulungisile, sawuqamba. Futhi, bukani, Siwuqambe ngezandla ezithambileyo, siwenzela uMlobokazi waSo othandekayo. Uzobukeka kanjani na?

300 Ake ucabange nje indoda iganwa ngumfazi, ekwaziyo, ukuthi yakha kanjani futhi ifake zonke izinto ezincane kukho nse okumthintayo, khona impela nje akuthandayo na? Amen.

301 Manje, iSazi sokwakha izindlu esinobuNkulunkulu siqambe uMuzi oMusha, lapho Esizohlala khona noMlobokazi waSo, lokho nje Akuthintayo. Akumangalisi umphostoli athi, "Iso alikubonanga, indlebe ayikuzwanga, okungakaze kungene enhliziyweni yomuntu." Ake sibone ukuthi singakuhlola yini okwesikhashana nje, sibone ukuthi izobukeka kanjani.

302 ISazi sokwakha izindlu esinobuNkulunkulu siqambe le yabaThandekayo baSo. Niyabo? O, kufanale ukuthi kuyoba yindawo enhle kanjani pho, lapho, iSimo sobuNkulunkulu, iSazi sokwakha izindlu esinobuNkulunkulu siwuqambele ingxenye enobuNkulunkulu emiselwe ngaphambili nguNkulunkulu waPhezulu O—Ongumqambi wokuPhila kobuNkulunkulu! LowoMuzi uyobukeka kanjani pho! Cabanga ngawo.

303 Khumbulani, akusilo iZulu. UJohane uthi, "Ngawubona wehla uvela eZulwini." Uzoba semhlabeni. Niyabo?

304 Akusiwo lomhlaba ozokwedlula; ngumhlaba ohlengiweyo. UNkulunkulu akashongo ukuthi wayezovusa isizukulwane esisha; Uzohlenga sona lesi esilapha. Akazukuvusa isizukulwane esisha; Uhlenga sona lesi esivele sesilapha. Akazukwenza izwe elisha; yilo leli elikhona lapha. Uzolishisa nje, alihlanze, njengoba Enza wena. Amacebo aKhe afanele ahlale kuze kube-phakade. Manje, bukani lizoba njalo.

305 Khumbulani, akuzukuba silo iZulu. "Wehla uvela eZulwini." YiNdawo yokuhlala, iNdawo yokuthi kuhlalwe kuyo, ukuba Athathe indawo yakhe yokuhlala. Njengoba, kwakunguJohane, esiqhingini sasePatmose, lapha eSambulweni 21, wawubona "wehla." UJohane wabona uMuzi, "wehla uvela eZulwini," njengejuba, njengoba ebonile.

306 Nakhu kufika uNkulunkulu, ehlela phezu kwetabernakele laKhe lasemhlabeni, uJesu, e . . . "ehla evela eZulwini." UJesu wabhaphathizwa, masinyane waya . . .

307 Lapho Ehlangana nomprofethi! "IZwi liza kumprofethi." Futhi WayeyiZwi. Nomprofethi wayemi lapho, ephika lonke ihlelo labo, konke. Futhi, lapho esebone iZwi, iZwi liza kuye ngqo.

308 Nomprofethi wethuka kakhulu, wathi, "Ngidinga ukubhaphathizwa nguWe. Yini Wena uze kimi na?"

309 Wathi, "Vuma kalokhu, ngokuba kusifanele (siyawazi umlayezo) ukugcwalisa kanjalo ukulunga konke. NgingumHlatshelo; Ufanele ugezwe." Wamvumela.

310 Esephuma emanzini, wathi, "Ngabona amazulu evuleka." Umprofethi walibona. Wabona amazulu evuleka.

311 Futhi nakhu kufika, kwehla kuvela eZulwini, isimo seJuba; nePhimbo lithi, "Lena yingxenye yaMi yomhlaba eNgiyihlengile, futhi kusukela kulengxenye yomhlaba ngiyohlenga konke okusele kwawo, ngokuba UyiZwi laMi elibonakalisiwe." "Nomhlaba wonke, Ngakhuluma wabakhona ngeZwi laMi," amaHeberu 11. "NoSathane ubewubambile sonke lesisikhathi, kodwa Ngifikele ukuwuhlenga. Okuningi kakhulu kwakho kwenze umzimba waKhe, futhi Ngizohlala kuwo."

312 UJohane wathi, "Ngabona uMuzi ongcwele, iJerusalema eLisha wehla uvela eZulwini, njengoMlobokazi ohlotshiselwe uMyeni wakhe." Futhi wahlala phezu kwani na? Njengoba nje impela wenza phezu kwalapho; phezu komhlaba.

313 UJesu wayeyingxenye yalowomhlaba uMoya oNgcwele owehlela phezu kwawo, (kunjalo na?) futhi wahlala uphezu kwaKhe ingunaphakade. Angeke uze uMshiye. Uhlala njalo ulapho. Yena noNkulunkulu baMunye. Ufanele ahlale njalo!

314 Futhi ngakho uJohane wabona uMuzi ongcwele, iJerusalema eLisha, lehla njengenkanyezi enomsila, noma i—ijuba, wehla uvela eZulwini futhi wahlala phezu kohlengiwe, umhlaba-jikelele, (ukwenzani na?) ukuyithatha ibengeyakhe yonke ingxenye Ayenzela umhlaba. Wonke owesilisa owayemelwe ePhakadeni, nawo wonke owesifazane, usehlengiwe-ke. Usukolojiwe futhi washiswa ngoMlilo.

315 UJesu, ezilingweni zaKhe ezishisayo ehlane, izinsuku ezingamashumi amane. Emva kwalokho, qaphelani, wase uyilungele inkonzo yaKhe ngalesosikhathi.

316 Kucabange, uMoya oNgcwele wehlela phezu komhlaba, uJesu, naleloGazi elingcwele! Manje bhekisisani, futhi ngiyethemba anginijuleli kakhulu, niyabo. IGazi elingcwele eladalwayo [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kaningana—Umhl.] nguNkulunkulu; iGazi, ukuPhila, okudaliweyo kukaNkulunkulu. "UJesu wayengukuqala kokudaliweyo kukaNkulunkulu." O! Niyakubona na? UNkulunkulu, wenziwa endalweni. WayenguMoya. IBhayibheli lathi, "Ungukuqala kokudaliweyo kukaNkulunkulu." Waqala

kanjani na? Ezizalweni zowesifazane. Okuyini na? Owesifazane aka . . .

317 Njengokuthi kukanjani labobantu abayizimpumputhe bangakwazi ukubona i "nzalo yenyoka" khona lapha. Niyabo? UEva wabekwa lapha emhlabeni, futhi, ngaphambi kokuba uSathane aze amthinte, noma yini okunye, uNkulunkulu wathi kubo, "Yandani nigcwalise umhlaba." Kunjalo, kodwa uSathane ungena lapha. Futhi, uma leyo kwakuyindodana ka-Adamu pho iphi . . .

318 UAdamu wayeyisizukulwane esivela ngqo kuNkulunkulu. Futhi uthatha kuphela imvelo yomzali wakho.

319 Futhi uma uzalwa ngokusha, uthatha iMvelo yoMzali wakho, waseZulwini. Futhi uMzali wakho waseZulwini yingxenye yeZwi . . . Noma, iZwi liyingxenye yoMzali wakho. Manje-ke, ungaLiphika kanjani, wenzela ihlelo na? He!

Ngiyethemba anikugeji lokhu. Ngiyazi kuvela kuNkulunkulu.

320 UJesu. Nangu Efika, ehla; futhi nanguya noJesu wayekhona, ingxenye kaNkulunkulu.

321 Manje, "owesifazane," yena. Bhekisisa. UNkulunkulu wathi, "Ngoba benza lokhu," wathi, "Ngizakubeka ubutha phakathi kweNzalo yakho nenzalo yenyoka." Kunjalo na? Futhi owesifazane akana-nzalo. Senake nacabanga ngalokho na? Unensimu, hhayi inzalo. Niyabo, inyoka yase ivele iyibekile "inzalo" yayo lapho.

322 Manje-ke, uma owesifazane engenayo inzalo, uzofanele ahlale ukuze abe neNzalo.

323 Niyabo, ngokulalana lapha, kwaletha evela kuSathane, inyoka, okwakungesiyo inyoka ehuquzelayo; yayinemilenze, ngoba imilenze yayo yaphuma kuyo. Yayinobuqili obedlula konke, isilwane kuphela esasinga—esasinokuqondana nowesifazane.

324 Inzalo yesilwane ingeke ikwenze manje, futhi akukho okunye. Bazamile. Ngeke kusebenze. Niyabo, ukuphila kwenzalo yeduna ngeke kungene esifazaneni. Ngeke kukwenze.

325 Kodwa lokho kwakuyinto esondelene kunakho konke. Niyabo, abakwazi ukuthola lobo buhlobo phakathi kweshimpanzi inkawu enkulu nomuntu. Niyabo, ngakunye, njengoba okunye kuvela kokunye, kusukela ezinyonini, futhi kwenyuke njalo kuyofika ezinkawini, nokunjalo, kuze kuyofika kwishimpanzi inkawu enkulu, bese-ke kubakhona "ukulahleka." Leyo kwakuyinyoka eyayimisise okomuntu hhayi inyoka ehuquzelayo; sonke isimo asisekho kuyo, ngoba yaqalekiswa.

326 Manje, uNkulunkulu akamqalekisanga uAdamu; wayengahle ukuba wayenze into efanayo, kodwa Waqalekisa umhlaba, "ameva namakhakhasi."

327 Akamqalekisanga uEva, kodwa wathi uAdamu uyoba ngu "mbusi" wakhe. Kusukela manje kuqhubeke njalo, akazami-kushumayela kumbe noma yini, uAdamu ungumbusi wakhe. "Futhi zonke izinsuku zokuhamba kwakho, nangokukhathazeka, futhi uyoletha ukuphila kwakho emhlabathini." Kodwa Wathi, "Ngiyobeka ubutha phakathi kweNzalo yakho . . . "

328 Manje, wayengena-nzalo, akazange aze abe nayo, ngakho, wayefanele emukele iNzalo evela kwenye indawo. UNkulunkulu wamnika iNzalo, hhayi ngokulalana, kodwa ngendalo.

329 Ninabantu abayizimpumputhe aniboni ukuthi leyo yi "nzalo" yenyoka na? O, he! USathane wafika lapho ngaphambi kuka-Adamu; leyo kwakuyi "nzalo."

330 Kodwa wemukela iNzalo. Yayiyini na? UNkulunkulu qobo lwaKhe. "Wayengukuqala kokudaliweyo kukaNkulunkulu."

331 Manje bukani ngesikhathi uSeti ezalwa, noma uAbela, wayengumuntu olungileyo, ovela kuyise. USeti yindlela efanayo.

332 Wavelaphi lowomfo omubi; umbulali, umqambi-manga na? Niyabo, niyabona ukuthi kuvelaphi na? Kwafanele kube yi "nzalo," ngoba wayeyinzalo; uKhayini wayengumuntu.

333 O, bakuphi labobantu abayizimpumputhe na? "Unkulunkulu walelizwe ubaphuphuthekisile." Awu, akumangalisi, uJesu wathi akekho umuntu ongakubona. Niyabo?

Wena uthi, "Abakuboni ngani na?"

334 UJesu wake washo, kubafundi baKhe, "Niphiwe nina ukwazi uMbuso kaNkulunkulu, kepha bona abakuphiwanga."

335 Futhi yingalesosizathi nisuka emamayeleni ayisikwele esingamakhulu ayishumi nesihlanu, niyabo, "Niphiwe nina ukwazi uMbuso." Bukani, abafo bavela ngisho eNingizimu Afrika nasemaceleni, ngalelihora eselihambile lapho uMlobokazi enziwe khona ukuba ayongena eMbusweni.

Anginaso nje isikhathi esenele. Qaphelani. Bhekisisani manje, niyabo.

336 Manje ningayibona "inzalo" yenyoka lapho, nibone ukuthi ikwenze kanjani na? Kuphelele, niyabo. Manje abanye babo bathi . . .

337 Manje, njengalowomfo eTucson ngelinye ilanga, ezama . . . A, angahle alalele leteyipu. Kodwa, uma kuyikho, ndoda, ngifuna ukukutshela okuthize.

338 Ngenkathi ethi, "UEva wathi," nakhu lapha abaya khona, "'Ngitholile indodana eNkosini, noma indoda eNkosini.'" Ngani, impela. UNkulunkulu unomthetho.

339 Bukani, uthatha imbewu bese uyitshala phandle lapha ensimini lapho okukhona khona ukolo, bese utshala ameva phandle lapho. Angikhathali, ilanga elifanayo nemvula efanayo kuphilisa leyombewu. UNkulunkulu unomthetho, nalowomthetho ungephulwe.

340 Angikhathali uma u—uma u . . . owesifazane onesimilo esibi kunabo bonke edolobheni nowesilisa onesimilo esibi kunabo bonke, nabangashadile nakho konke, bangaba ne—nezothando, futhi bahlale ndawonye futhi bazale umntwana; lowomntwana angabe efike ngomthetho kaNkulunkulu, ngoba ayikho enye indlela. Uma ungezi kanjalo, wenza uSathane abe umdali, kusho ukuthi-ke ungunkulunkulu. O, ningaphuphutheka kanjani! Niyabo, umthetho kaNkulunkulu, impela.

341 Uma wake wathola ingane, angikhathali noma kwakunguEsawu, uJakobe, noma kwakungubani, noma yimuphi umuntu ongaziphethe kahle, noma kwakunguJuda, kwafanele kufike ngoNkulunkulu. UNkulunkulu unomthetho.

342 IBhayibheli lathi, "Ilanga likhanyisela abalungile nabangalungile; imvula inela abalungile naba un- . . ." AmaHeberu isahluko 6, futhi kuyasho ukuthi, "I—imvula efika kaningi emhlabathini, ukuyinisa, futhi ulungiselelwe okuwulinyelweyo, niyazi, ukuphilisa; kodwa ameva namakhakhasi aphila ngamanzi afanayo, ukukhanya kwelanga okufanayo." Ngokuba, ngumthetho kaNkulunkulu, ukuvuthwisa yonke imbewu, ukwenza yonke imbewu iziveze.

343 Ngakho, yafanele iveze "inzalo" yenyoka. Futhi ayizange—zange imvimbele uNkulunkulu; yagcwalisa icebo laKhe eliphelele, yaMenza umHlengi. Noma yiyiphi impumputhe ibifanele cishe impela ikubone lokho, ngaphandle uma kufihliwe. "Unkulunkulu wezwe" ukufihlile kini. Kucace nje njenganoma yiyiphi into eningayibona. Nakho lapho okhona. Nanso "inzalo" yakho yenyoka. Manje qaphelani.

Kodwa, "UJesu wayengukuqala kokudaliweyo kukaNkulunkulu."

344 Manje wenzani owesifazane na? Uma, imbewana ivela ebulilini bowesilisa. Manje ukuphike lokho na? Owesifazane akanakuphila kuye, nhlobo. Kuphela uneqanjana, eliyinsimu phandle lapha.

345 Njengoba usuke uthathe insimu wayihhala yonke, bese—bese ubeka isichelo kuyo, futhi uchele onke amagciwane aphume kuyo. Futhi kunga—kungabikho ngisho utshani noma lutho olungamila kuyo; bese-ke uvundisa futhi, uhlwanyele izimbewu ezithize ezinhle phakathi lapho. Uma kufika isitha futhi

sihlwanyele enye imbewu, umthetho ofanayo kaNkulunkulu uyozivuthwisa zombili izimbewu.

346 Awu, uNkulunkulu wayengahlosile ukuba lokho kubenjalo, niyabo. Kodwa kwenzekani na?

347 Niyabo, isidoda esivela esiliseni sithwala umbala obomvu wezinhlayiya zegazi, okuyigazi. Egazini ngukuphila. Futhi uma wake . . . Ngike ngakubhekisisa, ekukhwelisweni kwezinkomo zohlobo olungafani nezinto ezifana nalokho. UMfowethu Shakarian nami sakuthatha sakwedlulisa, nodokotela nokunjalo, sikubuka ukuthi kwedlula kanjani, osomakhemisi. Niyabo? Bese-ke nakhu kuphuma isidoda ensikazini, okuyinqwaba yamaqanda. Nakhu kuphuma isidoda eduneni, okuyinqwaba yezimbewana.

348 *Lokhu* akunayo nencanyana imbewana kukho. Kuphela kungokuvele eceleni kokwesilisa. Wafika kanjalo-ke lapha, endaweni yokuqala, futhi kuphela uyinsimu. Kukhona iqanda; linomhlabathi ovundileyo walokhu ukuphila. Nalokhu ukuphila kungena phakathi kushume. Kukhona imfihlakalo, ukuthi kuba kanjani i . . .

349 "Mhlawumbe," wena uthi, "awu, kuhlangana esekuqaleni. Zonke ezinye ife." Awu, kanjani, ubani okunqumelayo na? "Awu, esekuqaleni." Ngabe yiyo ezoba ngaphambili; iqanda lokuqala elingaphambili, nembewana esekuqaleni na? Qhabo, qhabo.

350 Kungahle kube yiqanda elilodwa; lithi ngqu liye emuva, ngemuva, phakathi nesidoda, kuzokhuphuka imbewana ihlangane nalo. Kukhombisa ukuthi ubuhlakani obuthize buyanquma ukuthi ngabe kuzoba umuntu onezinwele ezibomvu, izinwele ezimnyama; noma uzoba mncane, abe-mkhulu; isilisa noma isifazane. Niyabo? Ungeke, akukho okunye ongakwenza ngakho; ngeke kusebenze. Ungakuxuba ndawonye, nakho konke, ngeke kwenze nomncane umehluko. Kunqunyelwa nguNkulunkulu. Futhi emva kwesikhashana, imbewanyana eyodwa iyoshuma iyongena kuleyonsimu, iqanda. Okunomsidlana, okufana nawo, kukho, kushwibeshwibeka; kunciphe kancane kancane, futhi nakho kuqala umgogodla wengane.

351 Uyini-ke owesifazane na? Akana-nzalo. Unensimu yokwemukela inzalo. Ngakho i . . .

352 Niyabo, isitha esaphumayo. Kusaphume umhlwanyeli omuhle, ehlwanyela iMbewu enhle; nesitha siyafika emva kwakhe, sihlwanyela imbewu eyonakele. "Kodwa imvula inela abalungile nabangalungile; ilanga." Konke kufanele kumile.

353 UJesu wathi, "Kuyeke kukhule kanyekanye. Ngalolosuku kuyoboshwa inyanda, ukhula." Futhi luboshwa inyanda manje, ezinhlanganweni ezinkulu; kuzoba yinyanda enkulu, uMkhandlu wamaBandla oMhlaba. Futhi kwakuyini ukuphela na? Ngukushiswa. Kodwa uhlamvu luzosiwa enqolobaneni.

Niyabona na? Kuphi, kokubili kuphila ngento efanayo, amanzi afanayo, imvula efanayo.

354 Isihlahla sezithelo zohlobo lwezithelo ezifana namawolintshi, leso yi—leso yisihlahla samawolintshi, siyothela, siyofanele; siyothela kuso, uma sifakelwe kuso, ipomegranati. Siyothela ulamula. Siyothela uphaphamuzi. Niyabo? Kodwa ngeke kube yiwolintshi, kodwa siphila ngokuphila okufanayo isihlahla samawolintshi esikuvezayo.

355 Amahlelo ajovelwe eMvinini. Ngoba, uma ezisho ukuthi anga "maKristu," aphila ngawo. UKayafase wayenjalo; niyamazi ukuthi wayeyini, kodwa waze ngisho waprofetha. Niyabo? Niyabo, aphila ngawo.

356 O, ngifisa sengathi besingaba neviki, ebesingavele nje sifundisise sikhiphe lento, futhi siyenze icace kakhulu ni—ningakwazi ukuyigeja. Manje ngizoshiya ezinye zalezizinto.

357 Manje bhekisisani. Bukani, lezozandla zaqamba lokhu koMlobokazi waKhe oThandekayo, kuqanjwa ngothando olumnene kuMlobokazi waKhe.

358 Khumbulani ukuthi uMoya oNgcwele wehlela kuJesu, okungukuthi, uJesu wayeyingxenye yomhlaba. Ngani na? Imbewana kaNkulunkulu, ukuPhila kukaNkulunkulu, kwaqanjwa esizalweni sowesifazane (kunjalo na?), okwakungumhlaba. Kulungile. Kwase kuthi-ke ukuPhila kukaNkulunkulu kwangena, ngakho, "Wayengukuqala kokudaliweyo kukaNkulunkulu." Niyabo? Kwase kuthi-ke leloGazi likaNkulunkulu, elalilapho ngaleyombewana; ngenkathi lichitheka eKalvari, laconsela emuva phezu komhlaba. Likwenzelani na? Ukuhlenga umhlaba. Manje, usulungisisiwe; usungcwelisiwe; wabizwa, futhi wathathwa; futhi manje usuzokwemukela umbhaphathizo wawo woMlilo, futhi uhlanzelwe uJesu noMlobokazi waKhe.

359 Futhi nina niyilezi ezinye izingxenye edonswe yakhishwa kulomhlaba. Umhlaba, wena uyingxenye yomhlaba; umzimba wakho. Umphefumulo wakho uyingxenye kaNkulunkulu, ingxenye engahlukaniseki kaNkulunkulu, yavezwa obala lapha emhlabeni emzimbeni. Umzimba uzohlengwa.

360 Manje, umphefumulo uyahlengwa, ngoba wawusesonweni. Ngakho uNkulunkulu uyehla, ngendlela eqhubekayo yokulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, wase uhlenga umphefumulo wakho.

361 Futhi wena, uyingxenye yomhlaba, uhlengwa yilo. Ususendleleni eqhubekayo manje. Uyakhula. Umzimba wakho walungisiswa phansi kombhaphathizo kaNowa. Amen! Futhi, inyama yakho, ngenkathi Liconsela phezu kwalapho. Nomhlaba uzohlanzwa ngoMlilo, indawo enizohlala kuyo, nombhaphathizo kaMoya oNgcwele; iNdawo yokuhlala kaKristu noMlobokazi waKhe, iJerusalema eLisha.

362 Bhekisisani loMuzi; umhlaba, usuhlala emhlabeni. Manje ningabona ngokucacile njengoba ngishilo, i. . . loluguquko, umhlaba ufanele uguqulwe. Ungeke ubenaWo kanje. Ibandla belingeke liye. . . Noma, izwe belingeke liqhubeke njalo, emva kwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane, ngaphambi kokuthi liguqulwe. Niyabo? Ukuba libe neNdawo enje kulo, lizofanele liguqulwe.

363 Njenga nje, sifanele siguqulwe ngoMlilo waKhe ongcwele, siye esimweni futhi siMenzele indawo ukuba enele phakathi kwethu; lowo ngu, Moya oNgcwele.

364 Qaphelani manje, kuyoba khona indawo eningi eMhlabeni oMusha. Ehhe. Niyabo, eningi indawo! Iyolungiswa kabusha, yiqiniso lelo, ngoMlilo, kodwa ulwandle ngeke lusabakhona. Qaphelani, uMuzi uyisikwele esingamamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu.

365 Manje lalelisisani sisazidweba lezizilinganiso. Ngifuna ukwesula ibhlekbhode, okwesikhashana nje. [UMfowethu Branham wesula imifanekiso yakhe yasekuqaleni—Umhl.]

366 Nasi isambulo esijulile esivela kuNkulunkulu. Ngizoma nje. Akukho nakunye kwalezi ezinye. . . Ngizokukhuphula okunye okusele kwalokhu, iNkosi ithanda.

367 Qaphelani manje umhlaba u. . . Hhayi-ke, phenyani eNcwadini yeZambulo, ningabona ukuthi wawulinganisa kanjani ngezingalo namastadiyu. Amakhulu angamashumi amabili-nantathu. . . Ngakho manje sithola ukuthi u—uMuzi uyalinganiswa, isikwele "esingamamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu".

368 Niyazi ukuthi lokho kungafika kude kangakanani na? Ngikulinganisile, kuleliviki. Kungafika kusuka eMaine kuya eFlorida, nokusuka ogwini lolwandle ngasempumalanga kuya emamayeleni angamakhulu ayisithupha ukuqhubekela phambili, entshonalanga yeMississippi. Ngamanye amazwi, uhhafu weUnited States, okoMuzi wodwa nje.

Wena uthi, "Ayikho indawo."

369 Uma ulwandle lungasekho, ngoba kusondele impela ekutheni okune kuya kokuhlanu kwawo kusemanzini. Kunjalo na? Ukuqhuma komisa ulwandle, kuqekebula umhlaba. O, he! Khumbulani, isikwele esingamamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu, uMuzi onje pho! Futhi, kodwa, khumbulani, ulwandle alusekho.

370 "Nobubanzi nokuphakama kuyafana." Lokho kungawenza ube amamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu *ngapha*, amamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu *ngapho*; amamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu; ubude ngobubanzi ngokuphakama. Amamayela angamakhulu

ayishumi nanhlanu, ucabange nje, igolide elikhanya ngale. NoMuzi wawunogange oluwuzungezile.

371 Manje, manje, lokho empeleni akusho khona, ngokulingana . . . Lathi, "Nezingange nesisekelo kwakulingana," lokho empeleni akusho khona ukuthi uyisikwele nxazonke noma isikwele. Kukhona esinye isilinganiso sangokomumo womhlaba, ukuthi izilinganiso ngapha nangapha ziyafana, leso, yisivivane. Izinhlangothi ezine, "umi unezinhlangothi ezine," nezingange zazifana.

372 Ake ngiwudwebe. [UMfowethu Branham udweba imifanekiso ebhlekbhode—Umhl.] *Niyabo*, ubude, ububanzi, ukuphakama. Sizongena kokuthize, impela njengezwe nje. Niyabo? Qaphelani, izilinganiso ngapha nangapha zale*li*gumbi lifana nse, onke, ubude ngoku—ngokuphakama. Kukhona esinye isilinganiso, isivivane, esikufakazelayo.

373 Lokhu, njengoba kukanje, kuzosiphendula ncamashi isibonakaliso sikaEnoke eGibhithe, isivivane. Kuzosiphendula na? UEnoke, ngaphambi kokubhujiswa komhlaba ngamanzi, ngenkathi kuzongena ukulungisiswa, waveza isibonakaliso, futhi kulesisivivane kuyizitebhisi eziyisikhombisa eziya ekamelweni lenkosi. Bhekisisani isitebhisi sesikhombisa, uma senake nazifundisisa izilinganiso zangapha nangapha zesivivane, ukuthi yini ephumayo ukuthatha ofikayo, ukumethula enkosini. Bhekisisa ukuthi isikhundla sikabani omi lapho, futhi nizolubona usuku eniphila kulo, esivivaneni.

374 Manje, uNkulunkulu wenza amaBhayibheli amathathu. Manje, kukhona ukufundisa ngesivivane okungumbhedo, kodwa kukhona isivivane sangokoqobo. Niyabo? Qaphelani. Manje, uNkulunkulu, iBhayibheli lokuqala . . . Wenza amathathu. Kufanele kube khona yonke into ebuthathwini.

375 UJesu ufika kathathu. Uyafika, kanye, ukuhlenga uMlobokazi waKhe; okulandelayo, ukuthatha uMlobokazi waKhe; okulandelayo, noMlobokazi waKhe. Niyabo?

376 Manje qaphelani ukuthi kuhle kanjani. Niyabo? Futhi kulesisivivane kwakukhona izitebhisi eziyisikhombisa, bese kuba-ke yikamelo lenkosi. Futhi sisonyakeni webandla wesikhombisa, ngaphambi kokuba iNkosi ithathe isiHlalo saYo sobukhosi. Futhi, khumbulani, isivivane asizange size sibe netshe lokuvala phezulu kuso.

377 IBhayibheli lokuqala likaNkulunkulu lalisezibhakabhakeni, uMgamu wezulu eliphezulu; liqala lisuke bese lihamba yonke iminyaka. Okokuqala, ukuqala koMgamu wezulu eliphezulu, yintombi; Ufika kanjalo, kuqala. Isithombe sokugcina eMgamweni wezulu eliphezulu yiNgonyama ibhubesi; ukuFika kwesiBili. Ngaphambi nje kokuba kubekhona izinhlanzi eziphambene, okungunyaka womdlavuza; esiphila kuwo manje.

378 Kwabakhona isivivane emva kwalokho, uEnoke, esafakaza khona impela. Ngeke sibe nesikhathi sokungena kuso, kodwa, ngolunye usuku, ngokusizwa nguNkulunkulu, ngizonikhombisa, impela ncamashi kudweba isilinganiso sehora esiphila kulo. Niyabo?

379 Qaphelani, kodwa lesisilinganiso sangokokuma komhlaba esinaso manje, ozilinganiso zawo zangapha nangapha ziyafana, akusho khona ukuthi sifanele sibe yi—yisikwele nxazonke. Qaphelani, lokhu kuzophendula esaseGibhithe . . . noma isibonakaliso sikaEnoke eGibhithe.

380 Esikhathini somhlaba ohlanzwayo, ngombhaphathizo wawo woMlilo, kuyobakhona okwentabamlilo, njengalomhlaba uqhuma, futhi kuyophusha kuqhamuke iNtaba enjengesivivane. Niyabo? Kuyindawo eningi yokukwenza! Yonke lento iyoguqulwa. Lonke ingaphezulu liyoguqulwa. Nikutholile na? Kuyophusha iNtaba enjengesivivane.

381 Lokhu impela kuyoba kanye neZwi uma kuwenza, okuyokwenza. Manje qaphelani, ngokuba, kuIsaya 65:25, lapho ebesisanda kufunda khona, Wathi,

> *Aziyikulimaza* noma *zingachithi kuyo yonke intaba yami engcwele, isho iNKOSI*.

382 O! "Yonke iNtaba yaMi engcwele!" Khumbulani, kuhlala njalo kuyi "Ntaba."

383 Uma izingange zaziqonde ngqo phansi naphezulu, uMuzi wawungabonakala uma ungaphandle kuphela . . . noma uma ungaphakathi, isiHlalo sobukhosi singabonakala kuphela uma ungaphakathi; kodwa qaphelani wawungabonakala uma ungaphakathi kuphela.

Kodwa manje sibona isithembiso sikaIsaya 4:5. Ake sikufunde nje.

384 Nijahile na? [Ibandla lithi, "Qhabo."—Umhl.] Qhabo, ningajahi manje. Si—si—siya e—entweni ethize manje, esiningi kakhulu—esiningi kakhulu isi—isikhathi enifanele niqonde ngaso khona lapha. Imbangela, ngifuna ukwenza lokhu kucace. Kothi-ke uma sesibuyela kukho futhi, ngizo—ngizonikhombisa-ke lapho esi—lapho esikhuluma khona ngakho, ukuthi kuyini, ekufundisiseni kwethu okulandelayo ngalokhu, ngesinye isikhathi.

385 O, ayibongwe iNkosi uJesu! Bhekisisani lapha, ukuthi amazwi angeke ahluleke kanjani. Manje bhekisisani lapha kuIsaya. Nginakho kubhalwe phansi lapha, uma ngingakuthola futhi, umzuzu nje. Isaya 4:5. Manje lalelani, ukhuluma ngokuFika kweNkosi, ukuthi abesifazane bayoziphatha kabi kanjani. O, wathi, "Abesifazane abayisikhombisa . . . " Lalelani. Asikufunde nje. Bukani lapha.

*Ngalolosuku abesifazane abayisikhombisa bayakubamba indoda inye, bathi, Siyakudla isinkwa sethu, sembathe izingubo zethu: masibizwe kuphela ngegama lakho, ususe ihlazo lethu.*

386 Leso yisikhathi sokugcina, esiphila kuso manje; umshado, isehlukaniso, nobufebe, nanoma yini.

*Ngalolosuku ihlumela leNKOSI liyakuba-lihle libe-nenkazimulo,. . .izithelo zomhlaba ziyakuba-nodumo nobuhle kwabaphunyukileyo bakwaIsrayeli.* (Ukuthi niphunyuke kanjani kukho konke lokho-kulahlwa! Niyabo?)

*Kuyakuthi, yena oshiyiwe eSiyoni, naye o*yinsali *eJerusalema, bathiwe*. . .(Ake sibone.). . .*eJerusalema, bathiwe bangcwele, bonke abalotshelwe ukuphila eJerusalema*, niyabo:

*Lapho iNkosi igezile insila* yendodakazi *aseSiyoni*, (khumbulani, lowo kuhlala njalo kunguMlobokazi, niyabo). . .*nalapho isihlanzile igazi laseJerusalema* (leyo yinsali yamaJuda, kuhlangene noMlobokazi, niyabo). . .na*phakathi kwalo* no*moya wokwahlulela*, umlilo. . .

387 Lokho kuhlala njalo kungukwahlulela kukaNkulunkulu, uma Esenza ukwahlulela kwaKhe kokugcina. Uyakubiza, akulungisise, futhi akulethe ekuhlengweni; bese-ke ukwahlulela kwaKhe kubhobokela phezu kwakho, noMoya oNgcwele noMlilo kusihlanze sisuke isono. Khona-ke usungowaKhe.

388 Into efanayo Ayenza emhlabeni, uma Elihlambulula ngoMlilo, "nangomoya wokushisa." Manje bukani. Lalelani! Senilungele na?

*INKOSI iyakudala phezu kwayo yonke indawo yentaba yaseSiyoni, naphezu* komhlangano, *yayo ifu nomusi emini, nokukhanya kwe*. . .*lomlilo ebusuku: ngokuba phezu kwayo yonke inkazimulo kuyakuba-khona isivikelo*.

389 [UMfowethu Branham ukhombisa ngomfanekiso ebhlekbhode—Umhl.] "INkosi, ngalolosuku, esiqongweni sayo, iyakudala uMlilo wokuKhanya ukuba ushise emini." Futhi kuyaqhubeka bese kuthi, "Kuyakuba ngumthunzi, ukuphumula, isiphephelo." Qaphelani, kwenza khona impela ukukhuluma kweBhayibheli, khona impela. Izingange zaziqondile phansi naphezulu, wawungeke uwubone. Wawufanele wencike. "Yonke iNtaba yaMi eNgcwele i. . . "Iyakudala lokhu ukuKhanya phezu kwaleNtaba, futhi iyakuba ngeyesivikelo." O, sicula leloculo:

O, lowoMuzi eNtabeni iSiyoni,
Njengesihambi, nokho ngisawuthanda;
Manje nangaleyominyaka,
Uma sengifika kulowoMuzi oseGqumeni. Niyabo?

390 Qaphelani, iNtaba yaseSinayi kwakulapho uNkulunkulu ehlela khona esiqongweni sayo, ngenkathi Ekhuluma kuIsrayeli eseNsikeni yoMlilo. Wehlela esiqongweni sentaba, iNtaba yaseSinayi.

391 ENtabeni yokuGuqulwa isimo, ngenkathi Ememezela, "Le iNdodana yaMi ethandekayo; Yizweni," Wehla eseNsikeni yoMlilo futhi ikhanya ngokukhazimulayo, phezu kwesiqongo sentaba, phambi kukaPetru, uJakobe, noJohane. Futhi, phakathi lapho, Wayemelwe yibo bobabili uMose noElija; owathathwayo, nofileyo owavuswayo. Udumo!

392 UMuzi oMusha noMhlaba oMusha; okudaliweyo okusha; uMuzi oseGqumeni, unesiHlalo sobukhosi esiqongweni sawo. [UMfowethu Branham udweba imifanekiso ebhlekbhode, emaparagrafini ambalwa alandelayo—Umhl.] IsiHlalo sobukhosi phezulu *lapha*, esiqongweni; nabahlali, bonke phansi naphezulu, kuleNtaba.

393 Nogange oluzungeze lokhu, lwalunezisekelo eziyishumi nambili. Futhi ngalunye lwazo lwalunetshe lasesifubeni elalikuAroni, okwakumele izizwe eziyishumi nambili zakwaIsrayeli.

394 Futhi, emasangweni, zazinamasango amane ebekwe efana nje nse nethempeli ehlane, njengoba lalinjalo ithende ehlane. Qaphelani ngalunye, lwaluna—lwalunabaphostoli, bebathathu ohlangothini ngalunye, abaphostoli abayishumi nambili. Ngakunye. . . Futhi lwaluphakeme ngezingalo eziyikhulu namashumi amane-nane. Izingalo eziyikhulu namashumi amane-nane zingamafidi angamakhulu amabili neshumi nesithupha ncamashi, kwenza ngalinye lalawomatshe amakhulu acishe impela abe ngamafidi angamashumi amabili ubude, isihlangu sesifuba kulelosango, senza lologange luphakame olwaluzungeze uMuzi.

395 Manje wona, uMuzi, awuhlezi esiqongweni sogange, ngoba umuzi, ongamamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu, wawungeke ukwenze lokho. Wugange *lapha* ongena kulo, njengamasango eJerusalema elidala. Wawungena ogangeni, ungene kulokho.

396 Futhi ngalunye lwalezi, lwalunezisekelo eziyishumi nambili, futhi ngalunye lwalunesimaragidu namatshe ehlukene, ayemele izizwe eziyishumi nambili zakwaIsrayeli.

397 Nabaphostoli, ngamunye, ngaphezu kwalelo elikhulu, isango elilodwa eliyiparele uqobo, linegama lomphostoli. Futhi akashongo yini uJesu ukuthi, "Niyohlala ezihlalweni

zobukhosi eziyishumi nambili, nahlulela izizwe eziyishumi nambili zakwaIsrayeli"? Ubani owayehlezi esangweni, ukuba ehlulele, uma bengena eMzini na? O, he! Nakho lapho okhona. Amakhosi omhlaba engena eMzini, iza phambi komahluleli ongumphostoli, njengoba uJesu ethembisa. O, he!

398 KulesisiHlalo sobukhosi, esiqongweni sawo, amamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu ukuphakama, umhlaba wonke jikelele uyobona ukuKhanya kwezwe, uJesu, ehlezi esiHlalweni sobukhosi esiqongweni sezwe, esiqongweni seBandla, esiqongweni seNtaba yaseSiyoni; engamamamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu, uhhafu wosayizi weUnited States, futhi iphakame iqonge uze uMbone ezweni lonke, amamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu ukuphakama.

399 Nakho konke phansi naphezulu *lapha*, kuyoba ngabaHlengiweyo. Kuyobakhona izindlu zegolide elicwengekileyo. Kuyobakhona imigwaqo ephahlwe yizihlahla, namapaki, nezingadi. NoMfula wokuPhila uza, ugeleza ngokungajahi uvela esiHlalweni sobukhosi, futhi wehla ngemifantu emincane, futhi, o, phezu kwezindawo ezilungisiweyo ezichitha ngaphezu kodonga. NoMuthi wokuPhila uyobe uqhakaza kuwo onke amayadi; futhi uthela izithelo zaWo, kashumi nambili ngonyaka, isithelo esishintshile njalo ngenyanga.

400 Namakhosi omhlaba ayongena kuwo futhi alethe ubukhosi bawo. "Namaqabunga angawokuphulukisa izizwe," uma amakhosi esehleli ngokuthula phandle lapho. Uma ephuma, ayokha umuthi, akhe iqabunga *kanjalo*. Njengejuba libuya, ukuthi ulaka lukaNkulunkulu seluqediwe, futhi laletha iqabunga lesihlahla esinamaqabunga angawohloki ahlabayo nezinhlamvu ezibomvu emkhunjini. Ngakho uma inkosi isuka, ngokuletha ubukhosi bayo ekamelweni loMlobokazi lapha phakathi eMzini, iyophatha iqabunga iye enkosini engumakhelwane wayo, futhi, "Sesinokuthula njalonjalo." Amen! Ukuphulukiswa kwesizwe! "Konke sekuqediwe. Ngesinye isikhathi sake salwela amagazi omunye nomunye, mfowethu. Futhi siphathane kahle, futhi sampongoloza; futhi sadubula, futhi sashisa abantwana, konke. Kodwa manje sekukhona ukuthula, ukuphulukisa." Akusikho ukuphulukisa izifo; konke sekuphelile. Ukuphulukiswa kwesizwe! Amen!

401 UMuzi onesiHlalo sobukhosi esiqongweni. ISambulo 21:23, "Futhi abadingi ukukhanya, ngokuba iWundlu neNkosi uNkulunkulu ingukuKhanya kuwo." Niyabo? INkosi uNkulunkulu iyileyoNsika yoMlilo eyalandela abantwana bakwaIsrayeli bedabula ehlane. Futhi Seyenyukele esiHlalweni sobukhosi, kuleso soMbuso ophelele . . . lapho isikhathi . . . "uMbuso uJesu azowunikela kuBaba, ukuze uNkulunkulu abeyikho konke, nakukho konke." UJesu uhlezi esiHlalweni saKhe sobukhosi lapha, njengoJosefa wethu. NeNkosi

iyilokho kuKhanya okuyoba sesiqongweni seNtaba yaseSiyoni, nokuKhanya kwaKhe okungcwele kuyogcwalisa uMuzi wonke. Haleluya.

402 Amamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu ukuphakama, nesikwele esingamamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu, namaparadesi kaNkulunkulu akhiwe kuwo wonke lowoMuzi; imigwaqo, imigwaqo ephahlwe yizihlahla! Funda iZambulo 21 zakho, ubone ukuthi akunjalo yini. Niyabo, "Abadingi ukukhanya lapho, ngokuba iWundlu lingukuKhanya." Futhi esiHlalweni sobukhosi kuyabonakala, kuhleziwe, amakhulu ayishumi nanhlanu emayela.

403 Awukhuphuki uqonde ngqo *kanje*. Uyatsheka, njengesivivane. Uma ubungaba nguhhafu webanga, khona-ke ubuzokhuphuka *kanje*, niyabo, usuka komunye umuzi uya komunye...manje uma uzoqaphela, ukusuka kolunye uhlangothi loMuzi kuya kolunye.

404 Ngingathi ukuphosa okuncane lapha uma nifuna ngikwenze. Nike naliqaphela iqembu elincane lapha na? Lithi nje alibe yileyongxenye, ubude bebanga lokuzungelezwa ngaphandle elibuthathayo. EGeorgia, eCalifornia, kuya eSaskatchewan; ukusuka eKansas, kuya ogwini olubiye ngamadwala lwaseMaine; yilokho elikuqoqile. Lokho kuthi akube yilokho okuwumele khona lapha, cishe isikwele esingamamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu.

O, bavela eMpumalanga naseNtshonalanga,
Bavela ezweni elikude;
Ukuzodla idili neNkosi yethu; ukuzodla...(Ini na? "AkuSinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso." NgeSinkwa, iZwi!)...ukuzodla njengezimenywa zaKhe;
Zibusiswe kakhulu kanje lezizihambi!

Ezweni, ngizothi, angikaze ngibabone abantu abanjengabo.

O, bebuka ubuso baKhe obungcwele
Inkazimulo enokuKhanya kobuNkulunkulu;
Abahlanganyeli ababusisiweyo bomusa waKhe,
Njengamatshana ayigugu emqheleni waKhe bayokhanya.

O, uJesu uyeza masinyane,
Izinkathazo zethu ziyobe seziphelile-ke.
O, uma-ke iNkosi yethu kulomzuzwana ingahle ifike?

405 Akusekude. Yonke into ingokuphelele. Ngokomumo womhlaba, iSodoma, izithunywa; yonke into ihlezi ngokuyikho nje. Niyabo? Kusho ukuthini na? Cabangani nje, siza kuleliTabernakele elilodwa elincane, isikwele esingamamayela

angamakhulu ayishumi nanhlanu, kusukela esilinganisweni esifanayo ngapha nangapha.

406 Kungani uNkulunkulu acabanga kanga futhi wayinakekela kakhulu kangaka leyondawo encane yasePalastine, niyabo, kanti iyindawana encane nje na? Kodwa khona lapho phakathi yilapho ithempeli libekwe khona. Yilapho iJerusalema eLisha eliyoqubuka khona, khona lapho. "UMnqumo, iNtaba yoMnqumo iyakuqhekezeka, yehlukane iye ngakwesokudla nangakwesokhohlo," impela, lapho iphusheka iya phezulu ivela ngaphansi. Akusikho, bathi, iphusha yehlukane *kanje*. Iphusha iya phezulu, "Ngalolosuku lapho Ema ngezinyawo zaKhe ezingcwele eNtabeni." Qaphelani, esiHlalweni saKhe sobukhosi, amamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu ukuphakama!

407 Khumbulani, uSathane wazama ukuMlinga, ngesinye isikhathi, esiqongweni sentaba. Niyabo?

408 UMuzi oMusha unezisekelo eziyishumi nambili, njengoba sedlule kukho, okhokho abayishumi nambili; izingalo eziyikhulu namashumi amane-nane; kuyisivikelo sesifuba sika-Aroni; amasango ayishumi nambili eparele, igama lababaphostoli abayishumi nambili.

409 UJesu umile, itshe eliyiNhloko, esiHlalweni sobukhosi, lapho abangcwele baKhe sebeMqhelise umqhele, "iNkosi yamakhosi, uMbusi wababusi." Futhi Uyitshe eliyiNhloko.

410 Angisiphethe isikhwama sami semali. Kodwa uma uzoqaphela esikhwameni sakho semali, uma unemali eyidola, banophawu lwaseUnited States; ukhozi ngakwelinye icala, lubambe imikhonto, ibheji, njengoba kwakunjalo; bese kuthi ngakwelinye icala, linesivivane, neso elibona konke esiqongweni saso. Niyabo, babengazi ukuthi babenzani. Futhi lapho kubhalwe ngesiLatini, futhi uzothola ukuthi kuyakusho, lolu "uphawu olukhulu." Babengazi ukuthi babenzani. Kanjalo noKayafase wayengazi ukuthi wayeprofetha.

411 [UMfowethu Branham ukhombisa ngomfanekiso ebhlekbhode—Umhl.] Nanto uPhawu oluKhulu. *Nanku*, niyabo, uMuzi. Awusiso nje isikwele esilingana nxa zonke *kanje*, niyabo, kodwa uncika ngokuya phezulu ukuze ubonakale. Futhi phezu kwaleNtaba engcwele yeNkosi, iNkosi iyakwehlela esiqongweni seNtaba yaYo; I*lapha*. Yingalesosizathu itshe lokuvala phezulu lingazange libekwe nguEnoke. Niyabo? Yingalesosizathu iTshe lokuvala phezulu lizofika manje. NeNtaba iyophusheka iye phezulu, futhi kuyoba yiNtaba yeNkosi.

412 Futhi phakathi *lapha* kuyohlala abaHlengiweyo. *Lena*, imigwaqo ephahlwe yizihlahla nemigwaqo emikhulu ekhululekile, njengoba kwakunjalo, amapaki, noMfula wokuPhila uyodonsa, ugeleze wedlule kuwo ngqo. Futhi zonke izindlu ziyokwakhiwa ngegolide elikhanya ngale. Nemigwaqo iyokwakhiwa ngegolide. Nemithi yokuPhila iyoba lapho, futhi

iyothela izinhlobo eziyishumi nambili zesithelo. Namakhosi nendoda ehloniphekile yomhlaba ayoletha ubukhosi bawo nodumo emasangweni. Namasango awayikuvalwa ebusuku, ngoba akukho-busuku lapho.

> KulowoMuzi lapho iWundlu lingukuKhanya khona,
> KulowoMuzi lapho ubusuku bungafiki khona;
> Nginendlu yobukhosi laphaya, engenakuhlupheka namnako,
> O, ngiya lapho leloWundlu lingukuKhanya khona.

413 Aniboni yini ukuthi amadolobha, imizi, izindlu, izindlu zokuhlala, zi—zikhuluma ngalokho njengamanje na? Zonke lezizinto zokwemvelo ziyisithunzi.

414 Thatha isithunzi, ebangeni eliqhelile, njengesandla sami. Ngaphambi kokuba kubekhona i—into uqobo lwayo . . . noma inegethivu, kufanele kubekhona into uqobo lwayo. Futhi, niyabo, lesosithunzi, sibukeka sengathi nginedazini leminwe, kodwa-ke uma usisondeza kanyekanye, sikhomba esisodwa phansi, bese kuthi isithunzi siphelele esandleni.

415 Futhi lokho kungukuthi, isikhathi esiningi, abantu ucabanga ukuthi kukhona oNkulunkulu abathathu noma abane. Ubuka emuva le kude ezinguqukweni zasekuqaleni. Niyabo? Yehla manje futhi, uthola, qondisa amehlo phakathi aze abe Yedwa. Kunjalo impela.

416 Munye uMlobokazi; hhayi idazini, amahlelo. Kodwa uMlobokazi oyedwa, lowo ngoKhethiweyo, ophuma kuwo wonke . . . ophuma—ophuma emhlabeni omiselwe ngaphambili kulokhu, labo abangayiqonda indawo yabo eMbusweni.

417 KulesisiHlalo sobukhosi, bukani, siphakeme kakhulu! UMuzi oMusha; unezisekelo; amasango ayishumi nambili; uJesu, itshe eliyiNhloko; abaphostoli, behlulela; izizwe eziyishumi nambili.

418 Isivivane sikaEnoke asivezi-thunzi noma ngasiphi isikhathi sosuku. Sengike ngaba seGibithe, ezivivaneni. Simiswe ngobukhulu ubuciko bomumo womhlaba, futhi ezilinganisweni ngapha nangapha zalesisithombe sokulinganisa ubukhulu bezinto; ukuthi, akunandaba ukuthi ilanga likuphi, asikho nhlobo isithunzi kuso sonke isivivane. Niyabo ukuthi sinjani na?

419 Futhi abusoze bubekhona ubusuku lapho. Yena esesiqongweni seNtaba, uyichichimisa ngenkazimulo yaKhe. UkuKhanya kweNkazimulo yaKhe kuyoba lapho ngaso sonke isikhathi. Angeke bubekhona ubusuku lapho. UJesu, itshe eliyiNhloko!

420 Manje qaphelani. Ngakho, abaHlengiweyo bayohamba ekuKhanyeni. Siyacula manje, "Sizohamba ekuKhanyeni, lokho

kuKhanya okuhle." Kukhona into ethize kithi ememezayo. "Wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Yingoba lokho kulindile. Niyabo? Yilokho okuyingxenye, esikuzwayo.

421 Qiniso, lokhu yi . . . Senilungele na? Lona nguMuzi uAbrahama ayewubhekile. Niyabo? Engumprofethi, wayazi ukuthi lowoMuzi wawukhona ndawo ndawo. IBhayibheli lasho njalo. Futhi washiya umuzi ayehlala kuwo, futhi wawela; bukani ukuthi wayaphi, khona impela lapho ozobakhona. Niyabo? "Wayebheke uMuzi Omakhi nomenzi wawo kwakunguNkulunkulu," niyabo, engumprofethi.

422 UJesu uyowulungisa, ngezandla ezinobuNkulunkulu, uMuzi onobuNkulunkulu; iSazi esinobuNkulunkulu sokwakha izindlu, wabantu abathengiwe abanobuNkulunkulu, wabantu abamiselwe ngaphambili. Uyowulungisa.

423 UAbrahama wayewubhekile. "Futhi wavuma ukuthi wayeyisihambi nomfokazi, ngokuba wayebheke UMuzi Omakhi nomenzi wawo nguNkulunkulu." Lowomprofethi, azi ukuthi wawundawo ndawo! UJohane wawubona wehla, kodwa uAbrahama wacabanga ukuthi ufanele ukuthi ususemhlabeni ngaso lesosikhathi. Ngani na? Wahlangabeza uMelkisedeki, iNkosi yawo, futhi uMnika okweshumi. "Owayengenayise, engenanina. Wayengenakuqala kokuphila engenakuphela kokuphila." UAbrahama waMhlangabeza, futhi bathatha isidlo khona lapho endaweni yangempela lapho uMuzi uzovuswa khona, iNtaba engcwele yeNkosi, lapho abaHlengiweyo bezohlala khona. O, he!

424 Lesosikhathi asimi nje. Qhabo, sisesikhathini; emva kwesikhashana siyoya ePhakadeni.

425 O, iNtaba engcwele! Kuyobakhona imigwaqo yegolide elikhanya ngale, imigwaqo ephahlwe yizihlahla; nezindlu, namapaki. Uma ufuna ukukufunda lokhu, iSambulo 21:18. UMuthi wokuPhila uyoba lapho; izinhlobo eziyishumi nambili zesithelo, esisodwa inyanga ngayinye, siyothela kuwo. Abantu abadla lezizithelo, bayoshintsha ukudla kwabo okukhethekileyo njalo, njalo ngenyanga.

426 Futhi ku—kuvela . . . ngowabanqobi kuphela. Niyakwazi lokho na? Awusiwo owamahlelo.

Wena uthi, "Usho njalo, Mfowethu Branham na?"

427 Asiphenye eZambulweni 2, umzuzu nje, futhi sikuthole. IZambulo 2:7. Asithole manje ukuthi kuliQiniso ngempela yini noma qha. IZambulo 2:7 kufundeka kanje.

Futhi *onendlebe, makezwe lokho uMoya . . .*

428 Manje, khumbulani, Akakhulumi namaJuda manje. Leli yiBandla, oweZizwe.

*Onendlebe, makezwe lokho akushoyo uMoya emabandleni; Onqobayo, ngiyakumnika ukuba adle*

*kuwo umuthi wokuphila, ophakathi neparadesi likaNkulunkulu.*

429 "Abanqobi kuphela, abanqoba isilo, abanqoba uphawu lwaso," lobo ubuKatolika, ubuProtestane, ubuhlelo, "abanqoba isilo, uphawu lwaso, uhlamvu lwegama laso." "Uyoba nelungelo eMthini wokuPhila, lokungena emasangweni lapho okungekho lutho olungcolisayo olungake lungene khona." Niyabo? Kucabange. Manje, umzuzu nje manje, njengoba sithi ukuqhubeka kancanyana nje. UMuthi wokuPhila uyoba ngowabanqobi kuphela.

430 Amaqabunga ayoba ngawokuphulukisa izizwe. Lokho kungukuthi, amakhosi ahlala phakathi lapho, eletha ubukhosi bawo phakathi, uma eletha ubukhosi bawo phakathi futhi abubeke phambi kwesiHlalo sobukhosi sikaNkulunkulu. Njengaphandle nje, ishumi . . . izizwe eziyishumi nanye zaletha phakathi, zonke okweshumi kuLevi, niyabo. Uma eletha ubukhosi bawo e . . . evela ezweni elibusisiweyo, phakathi kulowo, ayofika eMthini wokuPhila, ephule iqabunga lesihlahla esinamaqabunga angawohloki ahlabayo nezinhlamvu ezibomvu . . . noma iqabunga loMuthi wokuPhila, futhi ayophuma ahambe ndawonye. Ayisekho impi. Yonke into inokuthula. Amaqabunga angawesikhumbuzo, sokuphulukisa isizwe.

431 UMuthi ofanayo, hhayi njengoAdamu, u . . . Kwakukhona uMuthi wokuPhila ensimini yase-Edeni, ayefanele adle kuwo ukuba wayengawanga. LowoMuthi wokuPhila wamkhumbuza, ngaso sonke isikhathi, ukuthi okusha kwakhe . . . ubusha bakhe babulokhu buqhubeka njalo. Niyabo?

432 Kuyobanjalo nasezizweni. Amaqabunga ayoba ngawokuphulukisa izizwe; qaphelani, akusikho ukugula manje. Uyoba namalungelo afanayo uAdamu ayenawo, njenge le- . . . juba lineqabunga lesihlahla esinamaqabunga angawohloki ahlabayo nezinhlamvu ezibomvu, konke ku . . . inkosi ngayinye ithatha iqabunga.

433 Qaphelani, uMfula wokuPhila, mhlawumbe imifudlana eminingi emincane yenza wona. Manje, kulomhlaba . . .

434 Ngizovala emizuzwini embalwa nje. Kulomhlaba . . . Noma, ngizoma nje. *Angako-ke* amanothi onawo, manje sekungamakhasi cishe angamashumi amathathu. Yebo. Bukani.

435 Kulokhu—kulokhu ukuphila, akaze ngibone lutho oluqeda ukoma kangaka kunokuba sezintabeni futhi uthole, njengoba ngashumayela ngakho ngobunye ubusuku, lowomfudlana uphethuza, amandla awo anikeza ukuphila. Kuthi uma ukhathele futhi womile, uwe phansi ngasemfudlaneni omuhle; phansi le lapho amagciwane engayi khona, phansi le amakhulu amafidi emhlabeni, kuphethuza acwebile, angokoqobo, amanzi anikeza ukuphila. Siyakuthokozela lokho. Lokho kuncane.

Manje, umhlaba unemifudlana yawo eminingi enamanzi ahlumelelisanayo. Uma woma futhi ufa, uthola esihle, isiphuzo esibandayo kulawo, ayo—ayokusiza ukuba uphile.

436 Kodwa bukani ukuthi Lona uvelaphi. EsiHlalweni sobukhosi, kulapho la uthola khona amandla awo anikeza ukuPhila. Uphuma phansi kwesiHlalo sobukhosi sikaNkulunkulu, lapho uNkulunkulu ehlezi khona.

437 Konke okwawo, konke okwalomhlaba, lomhlaba lapha esiphila kuwo manje; sonke, nomangabe umKristu noma umhedeni, unamathempeli. Senake nacabanga ngalokho na? Amabandla, onke.

438 Kodwa Lona awunalo. IBhayibheli lathi, "Futhi kwakungekho-thempeli lapho. Kodwa iNkosi uNkulunkulu neWundlu iyiThempeli lawo." IWundlu lingukuKhanya. IWundlu liyiThempeli. IWundlu liyisiHlalo sobukhosi. IWundlu lingukuPhila. LiyileloThempeli. Niyabo, onke lamathempeli anento abayikhonzayo; kodwa, kuloMuzi, Yilo eliyinto. Linabantu baLo. UkuKhanya kwalo koMoya kuchichima uMuzi oyisivivane.

439 NjengoPetru noJohane, bephezulu esiqongweni sentaba. UkuKhanya kwasibekela isiqongo sentaba, nePhimbo lakhuluma, lathi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo."

440 ESambulweni 21:3 nele 4, "Itabernakele likaNkulunkulu likumuntu." UNkulunkulu uzingenele etabernakele elingumuntu, ngokumhlenga, ngalezizindlela ezintathu eziqhubekayo. Manje uNkulunkulu uzohlenga umhlaba bese ehlala etabernakele elingumhlaba, nezikhonzi zaKhe zasemhlabeni, Aziveza emhlabeni. Futhi ngesono wawa, kodwa i . . . Wafanele awuyeke uqhubeke. Kodwa manje Wathuma uJesu ukuba ahlenge lowomhlaba owile, esiyingxenye yawo thina. "Akukho nolulodwa unwele lwekhanda lenu oluyobhubha." UJesu washo njalo. Wathi, "Ngiyokuvusa futhi ngomuhla wokuphela." Niyabo? Ngani na? Niyingxenye yomhlaba.

441 Niyaqaphela, nganginehlaya elincane ngomkami engitshela ukuthi sengilahlekelwe yizinwele zami. Ngamtshela ukuthi ngangingalahlekelwe nangolulodwa.

Wathi, "Ziphi pho?"

442 Ngathi, "Zazikuphi ngaphambi kokuba ngizithole." Noma yikuphi lapho ezazikhona, into; noma yikuphi lapho zikhona, zingilindele. Niyabo? Kunjalo. Ngiyoya kuzo, ngelinye ilanga.

443 Lomzimba omdala, oshwabanayo nowayo, nonciphayo emahlombe nobuhlungu emadolweni, no—nokuhoshoza emphinjeni. Kulungile. Ungawungcwaba olwandle, kodwa iCilongo liyongivusa! . . . ? . . . Yebo, mnumzane. Sizoguquka, ngolunye lwalezizinsuku. Ngiyingxenye yalelizwe

elihlengiweyo. Nisezweni, kodwa akusikho okwe*kosmos*. Nisohlelweni olwehlukile, uhlelo oluhlengiweyo.

444 Qaphelani, "Itabernakele likaNkulunkulu liyoba kumuntu." Qaphelani, "Okokuqala kudlulile." Lokhu, lento, isidlulile. Lokhu kusho ukuthi iZulu lehlile ukuba lihlale nomuntu. Niyabo? IZulu nomhlaba kuyasingathana.

445 Ngakho impela nje ngenkathi iJuba lehlela phezu kwengxenye yomhlaba, okwabe kunguJesu; Wayewuthuli lomhlabathi, umuntu. UNkulunkulu, evela kuleyombewana yokuPhila encane eyodwa, ngamandla adalayo. NaleloGazi elalikulelo . . . UkuPhila okwakukuleloGazi kwenyuka kwabuyela kuNkulunkulu, kodwa iGazi laconsela emhlabeni, ukuba awuthathe ube ngowakhe. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kaningana—Umhl.]

446 Ngenxa yegazi elalethwayo, elivela engqamuzaneni lembewana elavela kuKayini, niyabo; manje Uyabuya ngamandla adalayo njengoba Enza uAdamu, edala uAdamu, nangu uAdamu wesiBili. Futhi ngalelongqamuzana elephulayo lapho, khona (isono) uKayini walephula lelongqamuzana legazi phezu kolungileyo, niyabo, manje leliNgqamuzana leGazi . . . Ngoba, wabulala uAbela, kodwa uAbela wazalwa ngobulili.

447 Kodwa Lona akazalwanga ngobulili. "Kwakungokudaliweyo kukaNkulunkulu, ukuqala kwakho," futhi Kwahlenga umhlaba. Futhi konke okwekhalsiyamu isakhamathambo, ipotashi isivundisamhlabathi, ipetroliyamu uketshezi olusamafutha kapetroli, ukukhanya komhlaba nezulu, owenziwe ngakho wena, kuhlengiwe. "Akukho nolulodwa unwele oluyolinyazwa. Futhi Ngiyokuvusa futhi ngomuhla wokuphela."

448 Bese kuba yini-ke na? UNkulunkulu uyehla ukuba ahlale emhlabeni. Okungukuthi, Uyingxenye yawo, umzimba waKhe uQobo. Wawuvusela ukulungisiswa kwethu, futhi silungisiswa ngokukholwa yilokho futhi semukela lokho. Qaphelani emifanekisweni, uJesu uba . . . Emfanekisweni, uJesu uba umuntu; uNkulunkulu . . . noma wamisela ngaphambili ukuthatha indawo yakhe, ukusihlenga, ukwenza zonke lezizinto zenzeke.

Qaphelani, ngaphandle kwezingange zawo ezinhle, zaloMuzi.

449 Manje seninawo "uMuzi"? Niyabo, uyiNtaba engcwele. [UMfowethu Branham ukhombisa ngomfanekiso ebhlekbhode—Umhl.] "Akukho lutho oluyolimaza noma lubhubhise kuyo yonke iNtaba yaMi engcwele, isho iNkosi." UMuzi awusiso isikwele esilingana nxazonke. UyiNtaba. Futhi u—ubukhulu ngobubanzi ngokuphakama, kuyalingana, niyabo; amamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu *ngapha* amamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu *ngapho*, amamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu macala onke;

namamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu ukuphakama. Ngakho nje yiNtaba enkulu, njengesivivane, noMuzi useNtabeni. Udumo!

450 Nakho lapho okhona, nanko amaparadesi kaNkulunkulu, ukuKhanya kwezwe, lowoMbuso ophelele. Hhayi usuku lwesikhombisa; owaPhakade! Niyabo? Hhayi isikhathi seminyaka eyiNkulungwane; uMhlaba oMusha! Niyabo?

451 Ngenkathi usedlula esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, wedlula ezindleleni zawo eziqhubekayo ezingcwelisayo, kodwa nokho usadinga ukushiswa. Niyabo? Okungukuthi, iGazi lahlenga abantu, kukhombisa lesisikhumbuzo ukuthi okwawo . . . intengo isikhokhiwe, leyominyaka eyinkulungwane. Kodwa-ke ufanele uhlanzwe ngoMlilo; njengoba wawunjalo nje wena, izithunywa zaKhe zaloMuzi, iviyo lamanxusa.

452 Ngakho uma ufa noma uma uphila, kwenza mehluko muni na? Uma Efika namhlanje, noma Efika ekhulwini leminyaka, noma enkulungwaneni yeminyaka, kuphela ngiyophumula kuze kufike ukuguqulwa kwami.

453 Ngakho, khehla nesalukazi, ningadumazeki. [UMfowethu Branham ukhombisa ngomfanekiso ebhlekbhode—Umhl.] Uma ungomele phezulu *lapha*, kulengxenye kaNkulunkulu; *lokhu*, uNkulunkulu; uma unakho, uma umelwe *lapha*, ungeke wa . . . UsePhakadeni. Futhi uma uwelile kulolosuku lwesikhombisa, wangena kwelesishiyagalombili, wangena ePhakadeni ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, ufakiwe ku*Lokhu*. Manje, uma nje wethembele emadlingozini, noma ukugxuma phansi phezulu, noma, "Ngenza *lokhu*. Ngigcina usuku lwami lwesikhombisa. Angiyidli inyama," nezinto ezinjalo, lokho kuzobhubha, empeleni. Niyabo? Kodwa *Lokhu* kuyiPhakade. Niyabo? Lokhu yiPhakade, uMkhosi emva komkhosi wamadokodo. Niyabo?

454 Umkhosi wamadokodo wawungumkhosi wokugcina, umkhosi wesikhombisa. Siyakhonza manje phansi komkhosi wamadokodo, unyaka webandla lesikhombisa.

455 Esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, siyoba phansi komkhosi wamadokodo, futhi, ngosuku lwesikhombisa.

456 Kodwa, ngalesosikhathi, emva kosuku lwesikhombisa, sinoMhlangano oNgcwele, sibuyela ePhakadeni. Kanjani na? NgaLowo oPhakade owafika futhi wasihlenga futhi wasithatha wasibuyisela emuva, esenza siqonde ukuthi sasiyingxenye ya*Lokhu*.

457 Manje wazi kanjani ukuthi uyingxenye na? Ngoba, ukuthi, iZwi lehora, isithembiso sosuku. Siyini na? Ukubuyiselwa kubuyelwe osukwini lokuqala, okokuqala. "Futhi uyakubuyisela izinhliziyo zabantwana zibuyele koyise," eletha ukubuyiselwa futhi kwepentekoste yangokoqobo, hhayi amadlingozi; futhi

kuyobonakalisa ukuKhanya kwakusihlwa, iNdodana efanayo eyabonisa ukuKhanya kwasekuseni, njengoba kwathenjiselwa usuku. Amen futhi amen!

458 Sikuphi, bangane, sikuphi na? Nje silindile manje ukuba sisuke endleleni, ukuze iZambulo 11 zenziwe ukuba. . . zazeke kumaJuda; kunjalo, uHlwitho lufika.

459 Bhekisisani, ngaphandle kwamasango ezingange, kusabalele uMhlaba oMusha, izizwe ziyohlala ngokuthula okuPhakade. Manje yini na? Amakhosi ahlonishwayo ayoletha inkazimulo yawo kuwo. Akukho-sono esingaba lapho. Ngeke besabakhona abesifazane abaphungule izinwele abayongena kulowoMuzi. Ngizonigarantela lokho. Ngeke kusabakhona ukugqoka izikhindi, ukubhema usikilidi. Izihlobongi, izifebe, noma abaqambimanga, abakhonza izithombe, noma ngabe babeyini, ngeke bangene kulowoMuzi. Qhabo, kuyobe sekuphele konke. Isono siyobe sesihambile. "Akukho lutho olona ubungcwele bawo oluyongena lapho." Yilokho Akushoyo. "Konke sekwedlulile, ingunaphakade."

460 Buka phandle ezinkundleni zawo nakuwo onke amacala amasango awo:

> Ibhere liyothoba, impisi iyothamba;
> Nengonyama iyobuthisa kanye newundlu;
> Nesilwane sasendle, siyoholwa ngumntwana;
> Ngiyoguqulwa esidalweni engiyiso.

461 Nalokhu ukufa kusebenza emzimbeni wami osazokufa, ukuguga kungena, ngiyoguqulwa.

462 Nilizwile iculo na? "Ibhere liyothoba. Impisi iyothanjiswa." Ayiyikugxuma iye phezulu, futhi iphakame futhi izame ukukubulala. Iyohamba nawe yehle ngezindlela.

Ubani ozoba yindlalifa yawo na? AbaHlengiweyo. Kuyoba ngubani na?

Qaphelani, ngingafundisa imifanekiso yami kuphela manje. Qaphela, Mfowethu Lee.

463 Ubani ophumela emhlabeni omusha noNowa umprofethi na? Labo abangena naye emkhunjini. Kunjalo na? Yilowo ohamba kuwo. Niyabo? Labo abangena noNowa, ngomlayezo wakhe, nguye owaphuma wahamba emhlabeni omusha emva kombhaphathizo wawo wamanzi.

464 Lowo ongena kanye noJesu manje. Ungena kanjani kuYe na? NgaMoya munye; futhi UyiZwi. Uba yingxenye yaKhe. Iyiphi ingxenye yaKhe wena oyiyo na? IZwi eliphilayo lalelihora, eliqondayo. Uyophuma uhambe naYe esikhathini seminyaka eyiNkulungwane. Kungaleyonkathi ophuma uhambe ngayo. Qaphelani, hhayi isizukulwane esisha. Ukugxumeka!

Wena uthi, "O, Mfowethu Branham!" O!

465 Qaphelani, uma uNkulunkulu akwazi ukuvusa uElija futhi amkhuphule, eminyakeni engamakhulu angamashumi amabili-nanhlanu eyedlula, ukuba abuye azomgxumeka emhlabeni futhi, ukuba abe ngumprofethi kumaJuda, kungakanani-ke Angakwenza kuMlobokazi!

466 Emva kokuba uNowa esephumile emkhunjini, qaphela ukuthi kwathiwani kuNowa emva kokuba esephume kuzamcolo, njengoba kwakunjalo nje kuAdamu ngaphambili. Emva kokuba esephumile, phezu komhlaba omusha; kwathiwa, "Yanda ugcwalise umhlaba," emva kukazamcolo. Qaphelani, "kwakungukuba azale, agcwalise umhlaba," njengoAdamu ekuqaleni.

Manje ningabona impela lapha. Manje lalelisisani impela.

467 UAdamu wayezo "kwandisa futhi agcwalise umhlaba." Kunjalo na? UNowa wayezokwenzenjalo, emva kwelisha, (izwe labhujiswa), wayezo "kwandisa agcwalise umhlaba." Niyakuthola na? Manje aniboni ukuthi "inzalo" yenyoka iyini na? Yini eyagcwalisa umhlaba na? Niyakuthola na? Kulungile. Niyabona ukuthi uSathane wangena kanjani kuEva manje. Yingakho ukufa kubuse emhlabeni kusukela lapho. Futhi amazulu, umhlaba, isilo, umoya owemboze umhlaba jikelele, konke kuqalekiswe nguNkulunkulu ngenxa yayo. Leso yisiqalekiso, ngoba uSathane wangena kulokhu kuqala.

468 UJesu wafikela ukuzowuhlenga ubuyele kuBaba. Ukuze enze lokhu, Waba yingxenye yawo; njengoba ngisanda kwedlula kukho nje. Futhi kulo lona lolothuli (ingxenye uJesu ayeyiyo, qobo lwaKhe) engohlengiwe, ngaYe zonke ezezingxenye zikaNkulunkulu zihlengwe kanye nomhlaba.

469 WayeyiZwi elikhulunyiwe. Thina esihlengiweyo kuyingxenye yaKhe. Manje-ke uma ningaqonda! Niyabo?

470 AbaFarisi babezisho ukuthi babeyiyo. Kodwa, niyawubona umfanekiso wami wokuqala, babeyilokho kuphela ngokuhlakanipha. Abakwazanga ukuliqonda iZwi ngenkathi Libonakaliswa phambi kwabo ngqo. Bathi, "Lomuntu ungumoya omubi."

471 Manje, namhlanje, sibizwa ngabaprofethi bamanga. Sibizwa ngayo yonke into engcolile esingabizwa ngayo, ngabantu abakholwayo, niyabo, yindoda enkulu nenetalente. Niyabo, ukuthi nje abaqondi. Niyabo?

472 Umbhaphathizo wawo wamanzi wawungenele ukuwuhlanza; kanjalo nowabo. Ukungcwelisa, kweGazi, kwawubuyisa, wathathwa. Kodwa umbhaphathizo woMlilo wawuhlanza; njengoba wenza uMlobokazi waKhe. Njengokulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele.

473 Akazange ethembise ukuvusa isizwe esisha, njengoba ngishilo, kodwa Wethembisa ukuhlenga abawileyo. Labo ababengaba—bamiselwe ngaphambili, badla ifa lawo njengoba Ethembisile. Futhi UnguNkulunkulu ongaguqulekiyo; siyakwazi lokho.

474 Khumbulani, uNkulunkulu wathatha uElija, emva kohlwitho, futhi wamthabatha, wabuye wamgxumeka phakathi kwabantu, ukuba athathe indawo njengomprofethi phakathi kwabantu bakhe; maduzane nje Uzokwenza lokho. Futhi umgcinile, ephila, leminyaka engamakhulu angamashumi amabili-nanhlanu. Uzobuye abonakale futhi.

475 Qaphelani futhi, Wavusa uMose kwabafileyo. Liphi ithuna lakhe na? Ukhona ongalithola na? Funda iNcwadi kaJuda. Niyabo? USathane. . . INgelosi enkulu iphikisana nengelosi enkulu, uSathane, yathi, lokotha. . . "iNkosi mayikujezise," bephikisana ngesidumbu sikaMose. Futhi lapha uPetru, uJakobe noJohane wayemi lapho embuka, eNtabeni yokuGuqulwa isimo, khona lapho ezweni lapho iNtaba izovuswa khona ukuba kuhlalwe kuyo. Niyabo?

Futhi Ufikela ukuzowuhlenga.

476 Niyabo, lalilapho-ke iBandla elihlwithwayo ngaleyonkathi, limelwe; babelapho labo ababelele, bemelwe. Kuphi na? [UMfowethu Branham ukhombisa ngomfanekiso ebhlekbhode, emaparagrafini ambalwa alandelayo—Umhl.] EMzini; phezulu esiqongweni sentaba. Niyabo?

477 Kwakukhona uPetru, uJakobe, noJohane, bebuka; abathathu, ufakazi. Kwakukhona uElija, uMose, noJesu; njengofakazi waseZulwini. Niyabo?

478 Futhi kwakukhona uMose, ofile, wayesevusiwe. Kwakukhona uElijah, uhlwitho, wayesaphila. Futhi bobabili babemelwe kulentaba engcwele.

479 Futhi, uJesu, uMhlengi. Ngenkathi uNkulunkulu, phezulu phezu kwaKhe *kanje*, waMsibekela, wathi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo."

480 Khumbulani, uJesu wathi, cishe kusasele usuku ngaphambi kwalokho, Wathi, "Ngiqinisile Ngithi kini, abanye bami lapha manje, abangeke bakubone ukufa, baze bawubone uMbuso kaNkulunkulu umiswa ngamandla."

481 Kwakuyini na? Abafileyo abavukile nabangcwele abahlwithiwe, ndawonye, bahlwithwa ndawonye ukuba bahlangane naYe emoyeni. NoNkulunkulu eMsibekela, noJesu emi lapho kulesisithunzi, ethi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo, eNgithokozile kuYo," uhlelo loMbuso oMusha. O, mfowethu, dadewethu!

482 Ukufa akukuguquli. Ukufa kuphela kuguqula indawo yakho yokuhlala. Niyabo?

483 Khumbulani, uSamuweli, ngenkathi esafa futhi wangcwatshwa sekwabayiminyaka emibili, wayeseParadesi. Nomlumbikazi wase-Endori wambiza wakhuphuka, noSawulu wamazi; naye wamazi, futhi, futhi wawa ngobuso bakhe. Wayengakaguquki, nakancane. Wayeselokhu enguye lowoSamuweli, emva kokuba sekuyiminyaka emibili afa, futhi wayesalokhu engumprofethi. Wathi, "Kusasa uzowa empini, indodana yakho nawe, futhi ngalesisikhathi kusasa ebusuku uzoba nami." Futhi yilokho nje okwenzekayo.

484 Niyabo? Futhi ngenkathi uMose esebuya, noElija, ngeZambulo 11, bayobe besalokhu bengabaprofethi. Haleluya! [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kathathu—Umhl.]

485 Futhi ngaphasheya laphaya, eZweni, uMuzi lapho iWundlu lingukuKhanya khona, ngiyokwazi, Mfowethu McKinney. Nginazi, bantu bami, magugu ami emqheleni. Lapho bevela eMpumalanga naseNtshonalanga, beya eMzini; lapho isikwele esingamamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu, uyobe ehlezi lapho, noMuzi wakhiwe waba yizinhlangothi ezine. Senihlezi nihlezi lapho eNtabeni engcwele, lapho uNkulunkulu ehlezi phezu kweNtaba, noJesu esesiHlalweni sobukhosi. Necilongo legolide liyakhala uma uJosefa esuka, ukuba ehle edabula eParadesi, nabantwana bakaNkulunkulu bawe ngamadolo abo baMkhonze, bazi ukuthi bahlengwa. Niyabo? Amen! Haleluya!

> Ngezinye izikhathi ngilikhumbula kakhulu iZulu,
> Nenkazimulo engiyoyibuka Lapho;
> Kuyoba yinjabulo enkulu lapho sengimbona uMsindisi wami,
> KulowoMuzi omuhle wegolide!
>
> Ngiqonde kulowoMuzi omuhle
> INkosi ewulungisele . . .
> [Akuqoshwanga—Umhl.]

486 UIsaya wathi, kuIsaya 9:6, "Nangokuthula kwaKhe nangobukhulu baKhe akuyikuphela. Umbuso uyakuba semahlombe aKhe; iGama laKhe liyakuthiwa uMluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla, uYise ongunaPhakade. Nombuso uyakuba semahlombe aKhe; nangobukhulu baKhe nangokuthula kwaKhe akukho kuphela." Ngisho nezilwane silapho. O, he!

> Ibhere liyothoba, nempisi iyothamba;
> Nengonyama iyobuthisa kanye newundlu,
> Nesilwane sasendle, siyoholwa ngumntwana;
> Kodwa ngizoguqulwa.

487 Ngiyoguqulwa kulesisidalwa engiyiso, uma sekufika loloSuku, ngokuba ngiya kulowoMuzi. Ngiqonde kulowoMuzi omuhle! Ngizwa Amandla ahlengayo enhliziyweni yami yonke manje.

488 Uma lokhu kungenjalo, kusho ukuthi-ke ngikuntshingile ukuphila kwami; ngifundise abanye izinto ezidukisayo. Kodwa uma ngibuka phansi futhi ngibone ukuthi isethembiso Asenzela lolusuku, futhi ngiSibone siqinisekiswa; futhi ngibuke lelibandla lesikwele esingamamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu lihlezi lapha, oKhethiweyo obizwe esemahlelweni nezinhlanga nezivumukholo nezinto, kubuthenwe ndawonye; njengoba ngibona iZwi Liziqinisekisa, ngiyazi, nangale ngisho kokukodwa ukungabaza, amagugu omqhele wami ayokhanya edlule konke okusezweni, ngaloloSuku.

489 Kuyofika isikhathi! Bantu, asibuthaneli ize lapha. Kuphela silindele lesosikhathi. Isikhathi sesihambe ngempela, ngempela, kodwa uJesu uselokhu eseduze ngempela, ngempela. Futhi, iNkazimulo yaKhe, iyamangalisa. "IGama laKhe liyakuthiwa uMluleki." LowoMuzi, ningawubona na? Kulapho la uMlobokazi noMyeni beyohlala khona, futhi akusophinde futhi ku . . .

490 Manje, uma ucabanga ukuthi liyisimangaliso uma sishayela amamayela angamakhulu ukuba sihlale lapha futhi sizondle ngeZwi laKhe, lokhu kuphela okuyisithunzi, kuyoba njani uma sesihlala eMzini kanye naYe! Uma sengihlala ngingumakhelwane wakho, futhi uma sesidla kuleyomithi, futhi siyohamba kuleyomigwaqo, uma senyuka ngaleyomigwaqo yegolide siya emthonjeni, siphuze emthonjeni, sihambe siyongena emaparadesini kaNkulunkulu, neziNgelosi zengama umhlaba, zihuba amahubo, o, kuyoba wuSuku olungakanani lolo! Kwenele konke. Umgwaqo ubukeka umagebhugebhu, ngezinye izikhathi kuba lukhuni, kodwa, o, kuyoba kuncane kakhulu uma sengiMbona, kuncane kakhulu. Ayoba yini amagama amabi nezinto abazishilo, kuyoba yini lokho uma sengiMbona kulowo omuhle, uMuzi omuhle kaNkulunkulu na?

491 Asikhothamise amakhanda ethu.

> Ngiqonde kulowoMuzi omuhle
> INkosi yami ewulungisele abaYo uQobo;
> Lapho bonke abaHlengiwe beminyaka yonke
> Behlabelela "Udumo!" bezungeze isiHlalo sobukhosi esiMhlophe.
> Ngezinye izikhathi ngihamba ngilikhumbule iZulu,
> Nezinkazimulo zalo engiyozibuka Lapho:
> Kuyoba yinjabulo enkulu lapho sengimbona uMsindisi wami,
> KulowoMuzi omuhle wegolide!

492 Esiqhingini sasePatmose, uJohane wawubona! [UMfowethu Branham ukhaliswa yinjabulo—Umhl.]

493 Jesu othandekayo, lelithemba, akukho lapho ithemba lami lakhelwe khona ngaphandle, kweNkosi. Lowo ngumama wenhliziyo yami; lowoMuzi, iNkosi enkulu. Nkulunkulu,

ungavumi kubhubhe noyedwa lapha, ngiyacela. Sengathi singahlola izimpilo zethu futhi, namhlanje, Nkosi, silinde ukuFika kweNkosi. Lapho khona, bonke labo abaHlengiwe, ngaphandle ngaleya kuleyondlu enkulu yezemidlalo eRoma, lapho amaKristu adliwa khona amabhubesi, uthuli luyoqhekezeka ngelinye ilanga!

494 Ngeke kubekhona-ndawo yamathuna emmangweni waseNkazimulweni. Akukho zingide eziyobamba umqhele wezimbali zomngcwabo. Akukho-nyembezi oluyociphizela kuwo. Qhabo, qhabo. Akukho-gade elenziwe indunduma. Akukho-ziphepho eziyowushaya. Kuyokhazimula konke lapho.

495 Sisize, Nkosi. Uma ekhona oyedwa lapha . . . obizelwe kulesiSidlo sakusihlwa soMshado weWundlu, leminyaka eyinkulungwane yokubusa esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, nokuba ngaleyonkathi angene eMzini emva kokuba sekuphele iHolide lokusanda kushada. Isikhathi seminyaka eyiNkulungwane siyiHolide nje labasanda kushada. Bese-ke Yena, uMlobokazi ethatha eyaKhe . . . UMyeni ethatha uMlobokazi waKhe amyise eKhaya. LingelaKhe. UMyeni waKhe; uMlobokazi, waKhe. O, Uyolungisa iNdlu, njengoba Usethembisile.

496 Sengathi singaba seqinisweni kuYe OyiZwi, ngokuba UyiZwi. Kungakhathaleki ukuthi abanye bazama kanjani ukusichwensa, basidedise kuLo; Nkosi, ngisondeze.

> Ngokuba ngezinye izikhathi ngilikhumbula kakhulu iZulu,
> Nenkazimulo yalo engiyoyibuka Lapho:
> Kuyoba yinjabulo enkulu lapho sengimbona uMsindisi wami,
> KulowoMuzi omuhle wegolide!

497 IKhaya lesikhathi esizayo loMyeni noMlobokazi! Uyabuya . . . [Akuqoshwanga—Umhl.] . . . eSidlweni sakusihlwa soMshado; sizoba yizinsuku ezintathu nohhafu. Bese eyabuya futhi, esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, eholidini lethu lokusanda kushada. Uzobe-ke E—Esewuveza obala uMuzi. Njengomyeni emangaza umlobokazi wakhe, ukuthi uma kanjani umlobokazi omncane lapho emangele lapho ebuka ikhaya lakhe lesikhathi esizayo! Futhi ngokukholwa, namhlanje, Nkosi, siyalibona ngaleya. Lizobakhona lapha kulomhlaba. Wakwethembisa.

498 IBandla laKho lizohlengwa ngokuphelele, ngolunye lwalezizinsuku. Bese kuthi-ke izwe laKho lihlengwe, zonke izintwanyana. Kodwa kuqala Uhlenge abantu baKho, imizimba yabo owenziwe ngezwe.

499 Sisize, Nkulunkulu. Uma ekhona oyedwa lapha ongaqinisekile nje ngempela ngalokho, Nkosi, sengathi bangakwemukela njengamanje.

500 Ngiyazi sesibeside isikhathi futhi kushisa, kodwa, bantu, ngeke sime lapha njalo. Ngeke ngibe umfundisi wenu njalo. Asiqiniseke ngakho.

"Ikhona indlela, Mfowethu Branham?"

501 Yebo, yiba yingxenye yeZwi, ingxenye yeZwi lanamuhla. Ngeke waba yingxenye yeZwi losuku lukaMose; leyongxenye seyenziwe, lezo kwakuyizinyawo. SesiseNhlokweni manje. Lona nguKristu. Akusiso isikhathi sezingalo, emuva kuLuther, qhabo. Lesi yisikhathi seNhloko. UKristu, itshe eliyiNhloko, liza eMzimbeni.

502 Uma nje ungezwa ukuthi kuyikho du, noma yikuphi la ungakwazi khona, ungasiphakamisa isandla sakho ukuze nje ngibone. Bonke abanye abantu ababe belokhu bekhothamise ikhanda labo. UNkulunkulu akubusise.

503 Thana, "Ngikhumbule emkhulekweni, Mfowethu Branham. Ngifuna kabi kabi ukuba lapho! A—angifuni ukuwugeja, Mfowethu Branham. Ngi—ngiyahlola, ngenza konke engingakwenza, kodwa ngikhulekele manje, uzongikhulekela na?" UNkulunkulu akubusise.

504 Usacabanga ngakho manje, vele nje ukhuleke, uthi, "Nkulunkulu . . ." Kusenhliziyweni yakho uqobo. Uyabo, uma uzwa into ethize idluthula, inkeneza enhliziyweni yakho, yilokho-ke. Kuyileyongxenye izama ukuzibika yona.

Ngiqonde kulowomuzi omuhle
INkosi yami ewulungisele abaYo uQobo;
Lapho bonke abaHlengiwe beminyaka yonke
Beyohlabelela "Udumo!" bezungeze isiHlalo sobukhosi esiMhlophe.
Ngezinye izikhathi ngilikhumbula kakhulu iZulu,
Nezinkazimulo engiyozibuka Lapho;
Kuyoba yinjabulo enkulu lapho sengimbona uMsindisi wami,
KulowoMuzi omuhle wegolide!

505 Baba waseZulwini, sithathe manje, Nkosi. Makuthi uMelusi wezimvu oMkhulu, uMelusi wezimvu oMkhulu oHlengayo, uMelusi oMkhulu Owashiya iNkazimulo, azi ukuthi ezinye zezingxenye yayilahlekile kulezozigodi ezinkulu zesono, lapho izimpisi nezi—zilwane zazizothi ngokushesha zigwinye leyomvu encane; kodwa Washiya amaphasiji egolide, wehlela emhlabeni futhi wenziwa wabangomunye wethu, ukuze Asibikele uthando lukaNkulunkulu. Wazithola lapho, ezinye zazo zisemahlelweni, ezinye zazo zisendlini yabangenasimilo, ezinye zazo zisemigwaqeni, ziphuphuthekile, ezinye zazo zisezintangweni nasemgwaqeni omkhulu, kodwa wazihlenga zonke uBaba ayeMmisele ukuba azihlenge.

506 Futhi Wasiyala, ukuthi sasizophila lengxenye yeZwi eminyakeni yethu. Futhi sibona enkulu inguquko kaLuther, kulowonyaka; nekaWesley; nePentecostal. Manje sibheke itshe eliyiNhloko yoMuzi. O Nkulunkulu, siyawazi unyaka nesethembiso esinikwa sona salolusuku, ukuthi Lokhu kuzobuyiselwa kanjani futhi. "UkuKhanya kwakusihlwa kuzovuthwisa isithelo sawo. Kuyofezeka ukuthi kuyobakhona usuku olungayikuba yimini noma ubusuku, olungabizeka, kepha kothi ngesikhathi sokuhlwa kubekhona ukuKhanya.

507 LeyoNdodana kaNkulunkulu efanayo enenkazimulo, Izibonakalisa enyameni yomuntu phezulu lapha emhlabeni, yenza isethembiso siziphilele sona ncamashi, yaphuphuthekisa amehlo abaFarisi nabaSadusi noHerodi, nokunjalo.

508 Nanamhlanje kuyaphinda futhi, iZwi libonakaliswa njengoba Lalinjalo nje. IZwi, lazi izimfihlo zenhliziyo, ngayo impela indlela okwakuyiyo, njengoba kwasho umBhalo, ongenakwephulwa. Sisize, Nkulunkulu, ukuba sikuqonde.

509 Basize laba manje abaphakamise izandla zabo. Sengathi bangazibopha kuthi ukuqina kancane; bagqoke iVangeli lokuthula; bahlome ngazo zonke izikhali zikaNkulunkulu; badonse isigqoko sithi ngxi; bathathe isihlangu sokukholwa; bamashe baqonde phambili, kusukela namuhla kuqhubeke kanjalo. Siphe khona, Nkosi.

510 Okwesikhashana nje, sizomenywa, bese-ke kufika uHlwitho. Iqenjana elincane impela nje, njengoEnoke, liyothathwa liyiswe phezulu.

511 Bese-ke, "insali yenzalo yowesifazane, egcina imiyalo kaNkulunkulu," abaJuda, "benobufakazi bukaJesu Kristu," oweZizwe, bayozingeliswa okwezinja, "futhi bayonikela ngokuphila kwabo ngenxa yobufakazi babo."

512 Bese-ke, ngokunye ukusa okukhulu, ukuqala kwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane, ngokuba i—ngokuba iHolide labasanda kushada liyoqala.

513 "Kwase kuthi ababesele kabaphila yaze yaphela iminyaka eyinkulungwane." Bese kuthi-ke, ekupheleni kweminyaka eyinkulungwane, kwabakhona ukwaHlulela, kukhombisa ukuthi uHamu wayesemkhunjini. NoHamu usekhona lapho ensalini. Labo abaLizwayo futhi baLenqaba bayofanele behlulelwe.

514 Manje, siphe khona, Nkosi, ukuba singabalwa kanye nabo, kodwa siyobe simenyelwe esiDlweni sakusihlwa soMshado. Ngokuba, siyamqonda uJesu ephakathi kwethu namhlanje. Singena naYe; siphuma ezweni, singene kuYe. Asihambe siyongena kulowoMuzi, siphume naYe.

515 Sengigugile, Nkosi. Angisenazo ezinye izintshumayelo eziningi zokuthi ngizishumayele. Kodwa ngeqiniso ngethemba

Wena. Ngibheke lowoMuzi, njengoba kwenza ubaba wami uAbrahama. Kukhona Into ethize kimi engitshela ukuthi uyeza. Ngizama ndawo zonke, Nkosi, ukusabalalisa ukuKhanya futhi ngibabize. Ungavumi ukuba oyedwa walaba, Nkosi . . .

516 Kube kuhle kanjani, esikhashaneni esedlule, Ungembulele lokho. Ubude bebanga lokuzungelezwa kwamamayela athi awabe amakhulu ayishumi nanhlanu, oyedwa nje *lapha* na*laphaya*, bahlezi ndawonye namhlanje, ababuthene endawaneni eyodwa encane, balindele lowoMuzi ukuba uqhamuke. Sizisho ukuba siyizihambi nabafokazi. Siyizilahlwa. Umhedeni, izwe, uyahleka futhi ahlekise; amahlelo ezenkolo ayajivazana; kodwa asinyakaziswa yizinto ezinjalo. Senze sibe yingxenye yeZwi, Nkosi, singanyakaziswa. "Kuyofezeka ngezinsuku zokugcina." Sengathi kungaba yithina, Nkosi, sengathi singabalwa phakathi kwabo. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

517 [UMfowethu Branham uthi ukuthula kancane—Umhl.] Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."] Asiphakamise izandla zethu *kanje*.

> Ngiqonde kulowoMuzi omuhle
> INkosi yami iwulungisele abaYo uQobo;
> Lapho bonke abaHlengiwe bayo yonke iminyaka
> Beyohlabelela "Udumo!" bezungeze isiHlalo sobukhosi esiMhlophe.
> Ngezinye izikhathi ngilikhumbula kakhulu iZulu,
> Nezinkazimulo engiyozibuka Lapho;
> O, ukuyoba yinjabulo enkulu sengimbona uMsindisi wami,
> KulowoMuzi omuhle wegolide!

518 Manje, uma sizohlala kulowoMuzi ndawonye, xhawulana nomunye nje, uthi, "UNkulunkulu akubusise, sihambi. Ungowaphi na? ELouisiana, eGeorgia, eMississippi? Ngiyisihambi, nami. Ngibheke lowoMuzi."

519 Ngibheke lowoMuzi, Mfowethu Neville. Ngiya laphaya e . . . ? . . . Amen. Mfowethu Capps, ngibheke lowoMuzi, namanje, kulobubusuku. [UMfowethu Branham uqala ukumumuza elithi *Akukho-kuDumala*—Umhl.]

> Nezinkazimulo zawo engiyozibuka Lapho;
> Kuyoba yinjabulo enkulu sengimbona uMsindisi wami,
> Kulowomuzi omuhle wegolide!
>
> O, ibhere liyothoba, nempisi iyothamba;
> Nengonyama iyobuthisa ngasewundlwini, o, yebo;

Nesilwane sase . . . siyoholwa ngumntwana;
Futhi ngiyoguqulwa, ngiguqulwe kulesisidalwa engiyiso, o, yebo.

O, kuyoba nokuthula esigodini okungokwami ngelinye ilanga;
O, kuyoba nokuthula esigodini okungokwami. (Kunjalo! Yebo!)
Ngeke lusabakhona usizi, kungabe kusabakhona ukudabuka, ingabe isabakhona inkathazo engiyoyibona;
Futhi kuyoba nokuthula esigodini okungokwami.

520 INkosi yethu engabonakali, kulokhu ukusa, iyobonakaliswa. Futhi angiyikumbuka uBill Dauch engoneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala. Awuyikungibuka ngingonamashumi amahlanu. Kodwa ngiyoguqulwa, ngaloloSuku.

Nalapho isilwane sasendle, siyoholwa ngumntwana;
Kodwa ngiyogulwa, ngiguqulwe kulesisidalwa engiyiso.

521 Aniyikujabula na? Izinwele ezimhlophe ziyobe zingasekho; amahlombe aqhothile. Kodwa omuhle, ongasenakufa, uyoma efana naYe, ukuba akhanye okwedlula ilanga. O, kuyamangalisa!

. . . kwami, O Nkosi, ngiyakhuleka;
Ngeke kusabakhona ukudabuka, lungabe lusabakhona
usizi, ingabe isabakhona inkathazo engiyoyibona;
Futhi kuyoba nokuthula kwami esigodini.

522 Yilokho esikukhonela lapha. Bangaki kini abadinga amandla ohambo na? UNkulunkulu akasiphe wona! Bangaki kini abagulayo emzimbeni wenu, amasosha alimele na? Idazini, noma ngaphezulu. Niyakholwa ukuthi Ilapha, iNkosi engabonakali na? Izinto ezibonakalayo; ezingabonakali ziyabonakaliswa ngokubonakalayo. Nguyena izolo, namuhla, naphakade, kuphela umzimba womuntu. Manje, uma lona kunguMoya waKhe oshumayele lokhu ngami, Uzokwenza imisebenzi Ayenzayo ngenkathi Eselapha. O, kumangalisa kakhulu!

Ngiqonde ezweni lesethembiso,
Ngiqonde ezweni lesethembiso;
O, ubani ozoza ahambe nami na?
Ngiqonde ezweni lesethembiso.

Phezu kwawo onke lawomathafa endlaleke
kabanzi
Kukhanya olulodwa uSuku lwaPhakade;
Lapho uNkunkulu iNdodana ubusa phakade,
Futhi uxosha ubusuku.

O, ngiqonde ezweni lesethembiso,
Ngiqonde ezweni lesethembiso;
O, ubani ozoza ahambe nami na?
Ngiqonde ezweni lesethembiso.

523 Amakhulu amahlanu ehamba eyongena emfuleni ngaleya, usuku lokuqala iNgelosi yeNkosi yabonakala iqhamuka, ukuqinisekisa, njengoba Yenza eNtabeni yaseSinayi, engangihlangane naYo. Ngahamba ngayongena emfuleni, namakhulu ecula leloculo elifanayo lombhaphathizo. Nansi Ifika, yehla, leyoNsika yoMlilo efanayo eniyibonayo esithombeni lapho; yehlela phansi, khona phansi lapha emfuleni, yase ithi, "NjengoJohane umBhaphathizi wathunyelwa ukwandulela ukufika kwaKhe kokuqala, loMlayezo uzokwandulela ukuFika kwesibili." Niyabo? Nakho lapho okhona, niyabo.

O, ubani ozoza ahambe nami na?
Ngiqonde ezweni lesethembiso.

524 LeyoNsika yoMlilo efanayo ilapha kanye nathi. Niyiqaphele na? Yenzele abanye bethu into eyodwa, nabanye okunye. Uma nizothi, kungekho-kungabaza okukodwa, nikholwe ukuthi Ikhona phakathi kwendlu, ngikholwa ukuthi IzoZifakazela kini. Kuzonenelisa na? Uma ngingafinyeleli kuwo wonke umuntu . . . Sekuya kwelesibili nqo, kodwa uma ni . . . Sekwedlule kancane kwelokuqala, njalo. Uma nizokholwa, niYivumele yehlele phansi phezu kwethu! Kuphi ukukholwa kwethu na? Niyabo, nifanele nikukholwe lokho. Uma ningakungabazi, nakancinyane, kuzosebenza.

525 Ngi—ngiyabuqonda uBukhona bobuNkulunkulu boBuntu bukaKristu, OyiZwi. NeBhayibheli lathi, "IZwi li . . . namandla kunenkemba esika nhlangothi zombili, futhi Lisika kuze kuyofika emnkantsheni wethambo, bese lehlulela imicabango o—osenhliziyweni, lembula imfihlo yenhliziyo."

526 Bukani. Ngani, ngangingazazi lezozinto, eminyakeni eyedlula. Futhi ngenkathi ngikusho, ngingakwazi, bukani ukuthi Yenzeni. Yathi, "Manje uzobamba abantu ngesandla sabo, futhi, ungacabangi lutho, vele nje ukhulume lokho okutshelwa yingxenye. Uthi yithumba, noma ngabe kuyini." Yase ithi, Kuyofezeka uyobe ungasadingi ukuthi wenze lokho." Niyabo? Niyabo? "Kuyokwehlukanisa yona umpela into ekubo." Besinazo zonke izinhlobo zezilingiso, siyakwazi lokho, cishe impela zidukise abaKhethiweyo uma kungenzeka. Bhekisisani ukuthi yonke enye into ihambisana kanjani neZwi, khona-

ke nizokwazi ukuthi kuyikho noma qha. Kodwa, noma kunjalo, uJesu ulokhu enguye izolo, namuhla, naphakade.

527 Bangaki phakathi lapha kogulayo, futhi uyazi ukuthi angikwazi? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngi—ngiyazi ukuthi awungazi." O, nje ku, ngiqagele, kusezindaweni zonke. Into kuphela ofanele uyenze ngukuba nje ukukholwe.

Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
Konke kungenzeka, kholwa kuphela;
Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
Konke kungenzeka, kholwa kuphela.

528 UJesu wathi, "Njengokwenzeka ezinsukwini zaseSodoma, kuyoba-njalo mhla iNdodana yomuntu seyambulwa phezu komhlaba ngosuku lokugcina. Mhla iNdodana yomuntu iyokwembulwa, noma, izembule Yona ngosuku lokugcina." Manje, hhayi izinsuku zakuqala, izinsuku zaphakathi nendawo; usuku lokugcina, niyabo, Yayizokwembula. Namanje sesisezinsukwini zokugcina. ISodoma ihlezi nje ngqo, yonke into, izithunywa, ngokufanayo nje.

529 Kwenzekani e—ensalini encane eyabizelwa ngaphandle neqembu lika-Abrahama na? Kwabakhona Oyedwa ofika phakathi kwabo, esenyameni yomuntu; emelwe enyameni yomuntu, edla nabo, ephuza nabo, ukudla okufanayo nabakudlayo, yonke into. Wama phakathi kwabo, washo uMlayezo. Wayesethi-ke, "Ngizokwenza lento enkulu."

530 NoAbrahama wayelokhu efundisisa, "Ngabe yikho lokhu na? Bengibheke uMuzi. Yiyo iNkosi lena na?"

531 Yayisithi, "Ukungabazeleni uSara lokhu na?" Esethendeni, emva kwaYo.

532 UAbrahama wathi, "Nkosi Nkulunkulu, Elohim!" Imbangela, Wehlulela imicabango kaSara.

533 UJesu wathi kuyophinda futhi lapho Eyokwembulwa khona ngosuku lokugcina, itshe eliyiNhloko lizongena eMzimbeni. Ukuhlenga u . . . Lowo ngohlengiwe, ezothatha abaKhe uQobo. Ulapha kanye nathi.

534 Manje, kukhona cishe kuphela izandla eziyidazini, noma ngaphezulu, eziphakamile. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu anganiphilisa nonke. Kunjalo. Ngikholwa ukuthi niyaphiliswa. Angikholwa ukuthi umuntu ngempela angahlala endaweni enje anga . . . kuloluhlobo lwesikhathi, nakulesisimo, engazi, aqonde okuthize.

535 Ngifuna nikhuleke. Ngifuna nithole ukuthi yini engalungile kini, e—e—enhliziyweni yenu, niyabo, bese-ke niqala ukukhuleka, nithi, "Nkosi Jesu, yembula lokhu. Ngi—ngikhuluma kuWe ukuthi yini engalungile kimi. Namanje Wena thumela uMoya waKho oNgcwele kuMfowethu Branham, ukugcwalisa ukuthi lokho akushilo kuyiQiniso, kuloMlayezo

awukhulumile namhlanje ngaWe, ngiyazi ukuthi kuzoba yiQiniso. Manje, ngembulele khona, Nkosi. Khuluma kimi."

536 Manje kuhlakazekile, kuthi nje ukuba lapha nasemaceleni. Ngakho nje khulekani, futhi nje nikholwe ngenhliziyo yenu yonke, ukuthi uNkulunkulu uzokupha. [UMfowethu Branham uthi ukuthula kancane—Umhl.]

537 Manje ngifuna ningibheke, futhi nikhuleke. NjengoPetru nje noJohane bathi, "Sibheke." Wayefuna okuthize, futhi usezokwemukela nje. Nawe ufuna okuthize, futhi ngikholwa ukuthi usuzokwemukela nje. Wathi, Sibheke."

538 Wathi, "Isiliva negolide, anginalo; kodwa enginakho, ngizokupha khona."

539 Manje, ukuphilisa, anginakho. Konke lokho kukuKristu. Kodwa enginakho, isiphiwo sikaNkulunkulu, nginipha sona, ukukholwa ukuba niMkholwe. Manje, eGameni likaJesu Kristu, nonke philiswani. Kukholweni. Niyabo? "Uma ukholwa!"

540 Inenekazi elihlezi lapho, elingibukayo. Belikhala, emizuzwini embalwa edlule, likhuleka. Lihlushwa yindlala yegilo elilikhathazayo. Angikwazi. Uyisihambi kimi. Yiqiniso lelo, akusilo yini. [Udadewethu uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Awusuye owalapha. UngowaseChicago. Nkk. Alexander. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho. Manje buyela eChicago futhi usinde.

541 Wathintani na? INto efanayo lowo wesifazane onomopho ayithintayo, umphetho wengubo yaKhe, hhayi owami.

542 Nanti inenekazi elincane lihlezi khona phansi phakathi kwesixuku, uma ngingalenza lingiqonde. Wena ophakamise ikhanda lakho wabheka eceleni. Angikwazi. Uyisihambi kimi, kodwa uphethwe yisisu. Umyeni wakho uhlezi eceleni kwakho. Unokuthize okungalungile endlebeni yakhe. Igama lakho ungu Czap. Niyizihambi kimi. Anisibo abalapha. NingabaseMichigan. Uma lokho kunjalo, vayizelisani izandla zenu. Buyelani eMichigan, senisindile. Ukukholwa kwenu kuyanisindisa. "Uma ukholwa, konke kungenzeka."

543 Inenekazi elincane lapho eliphethwe umphimbo, lihlezi khona lapha ngemuva ekugcineni, elaseGeorgia, ligqoke ingubo emhlophe. Buyela emuva, ezansi eGeorgia, ususindile. UJesu Kristu uyakusindisa. Uyakukholwa na?

544 Inenekazi elihlezi lapho, elingibukayo, khona ekugcineni kwesihlalo. Liphethwe amankanka. Lizokukholwa, uNkulunkulu uzoliphilisa. Nkk. Brown, kholwa ngenhliziyo yakho yonke, uJesu Kristu uzokwenza. . . Uyisihambi kimi, kodwa Yena uyakwazi. Ehhe. Uyakukholwa na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile.

545 Olele lapha kuloluhlaka lombhede. Mtshele abheke ngapha. Ubegula, kuyaqhubeka. Uma ngingamphilisa, bengingakwenza,

mnumzane. Angikwazi ukuphilisa. Akasuye owalapha; uvela kude. UngowaseMissouri. Izinkathazo zakho zingaphakathi. Kodwa uma uzokholwa ngenhliziyo yakho yonke, futhi ungangabazi, uJesu Kristu angakuphilisa; futhi ungabuyela eMissouri, ususindile, futhi unikeze ubufakazi bakho. Uyakukholwa na? Kwamukele-ke, futhi uthathe uhlaka lwakho lombhede uye ekhaya. UJesu Kristu uyakusindisa.

546 Uyakholwa na? Leyo yinkomba yoBukhona beNkosi yaPhakade. Usuyakukholwa manje, ngenhliziyo yakho yonke na? Manje, Usenze indingilizi ngempela, kuyo yonke indawo yalendlu. Uyakukholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uyakukholwa ukuthi useBukhoneni baKhe na?

547 Manje, uyakholwa futhi uyakwemukela ukuthi ungomunye weviyo lezithunywa zaloMbuso na? Phakamisa isandla sakho. UJesu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela bonke abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, basinde." Singomunye nomunye; uyingxenye yami, ngiyingxenye yakho; sonke siyingxenye kaKristu. Manje, kanyekanye, asibeke izandla zethu phezu komunye nomunye.

548 Khona lapha, owesifazane osohlakeni lombhede usesukumile, uyahamba hamba, ubuyela ekhaya ukuba asinde. Amen.

549 Nina, nonke, seniphilisiwe, uma nikukholwa. Manje bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, futhi niyilengxenye kaKristu. Khulekela umuntu obeke izandla zakho phezu kwakhe, ngendlela ofuna ngayo nje.

550 Nkosi Jesu, siyaKuqonda lapha. UyiNkosi yethu; Uzibandakanya Wena phakathi kwethu. SiyaKubonga ngalobuBukhona. Futhi, Nkosi, Wathi, "Uma uthi kulentaba, 'Suka,' ungakungabazi; ukholwa ukuthi okushilo kuyakwenzeka, ungaba-nakho, ungaba-nakho okushilo."

551 Manje-ke, ekulaleleni lomyalo, ekulaleleni iZwi likaNkulunkulu elingenakwehluleka, thina njengezithunywa zaKho ezivela esikweleni esingamamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu, njengoMuzi, sithi kuSathane, udeveli ohluliwe, "Ukuphela kwakho kungukuba ushiswe. Siyiviyo lezithunywa ezivela eMzini onezinhlangothi ezine, uMuzi lapho iWundlu lingukuKhanya khona. Siyingxenye eveziweyo kaNkulunkulu uSomandla, uJesu Kristu ayihlengileyo ngomusa waKhe."

552 Sathane, phuma, futhi uyeke wonke umuntu ogulayo ophakathi lapha, eGameni likaJesu Kristu. Izandla ezingcwele esihlengiweyo, ngoba bayalikholwa iZwi futhi bayizingxenye zomcabango kaNkulunkulu, manje lezozandla siphezu komunye nomunye. Ungeke usababamba. Phuma, eGameni likaJesu Kristu!

553 Manje, eGameni leNkosi uJesu, manje, Ulapha. IZwi laKhe lithi Ulapha. Ubukhona bakho nokukholwa kuyakhuluma, kokuthi, ungomunye weviyo lezithunywa. Ngisho nesilinganiso sangokomumo wezwe esingasikhombisa, siyiso. Ningakuqonda ukuthi ningamadodana namadodakazi kaNkulunkulu ahlengiweyo na? Niyaqonda ukuthi *leli* yiKhaya lenu na? *Leli* yilapho eniya khona.

554 Yingakho niza lapha, yingakho niza kuKristu, nizondla ngeZwi laKhe. Futhi uma ningaba nesikhathi esinjengalesi, lapha, njengezingxenye zaKhe eziveziweyo nje, kuyobanjani uma sesingena eBukhoneni baKhe na? O, kuyomangalisa! Yilowo nalowo wenu unelungelo lokuphilisa abagulayo, ubeke izandla zakho phezu kwabagulayo. Yilowo nalowo wenu unelungelo lokubhaphathiza.

555 Uma kukhona olapha ongakabhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu, ichibi livuliwe.

556 Yileyondlela kuphela ozokwenza ngayo, ehhe, kunjalo, kungukulalela lonke iZwi. Khumbulani, umusho owodwa omncane weZwi, ekuqaleni, wabangela sonke isono emhlabeni. UJesu wathi, "Oyosusa iZwi elilodwa kuLeli, noma enezele izwi elilodwa kuLo, angeke angene." Igama lakhe liyasuka eNcwadini, ngokushesha nje ekwenza.

557 Futhi akukho-ndawo eBhayibhelini lapho umuntu ake abhaphathizwa khona, eBandleni, ngenye indlela kunaseGameni likaJesu Kristu. Uma ungakabhaphathizwa ngaleyondlela, bekungcono ukwenze.

558 "O," wena uthi, "akwenzi-mehluko." Kwawenza kuEva.

559 USathane wathi, "O, impela, uNkulunkulu, niyazi uNkulunkulu . . . " Kodwa, Wakwenza. Washo njalo.

560 Unika uPetru izihluthulelo kuwo uMbuso, futhi okwaboshwayo ePentekoste kuboshiwe kuze kube phakade. Yingalesosizathu uMlobokazi eza ekubeni aphinde abonwe lokho ayoba yikho, okwesibili; kuzobakhona iBandla elibizelwa ngaphandle losuku lwamuva, njengoba lalikhona osukwini lokuqala, impela nse. IsiHlahla sisuke ezimpandeni zaso, sakhula saba YisiHlahla soMlobokazi, njengoba senza ngalesosikhathi; umsebenzi wobuciko omkhulu kaNkulunkulu futhi, njengoba ngasho emaSontweni amabili edlule, ukuba usiwe eMzini.

UNkulunkulu anibusise. "Manje ngiyakholwa."

561 USathane wehluliwe. Uyazi. Usemhlabeni, uyahamba njengengonyama ebhodlayo. Akusekude aze use, o, usephelile. Uyasazi isikhathi sakhe. Uyahamba njengengonyama ebhodlayo.

562 Kodwa, khumbulani, iNkosi yokuThula imi eduzane; Leyo eNkulu enobuNkulunkulu. ISazi sokwakha mina, iSazi

sokwakha izindlu Esangakhayo ngaba yilokhu engiyikho, Esakha wena waba yilokhu oyikho, silapha. Uma iSazi sokwakha izindlu, Esaziyo ukuthi ihlanganiswa kwanjani indlu, indawo yayo efanele, ubani owazi kangcono ukwedlula iSazi sokwakha izindlu na? Futhi Silapha ukukufakazisa, qobo lwaSo, Silapha.

563 Manje kwesekeleke phezu kokukholwa kwakho. Kholwa, kholwa kuphela!

Ngiqonde kulowoMuzi omuhle
INkosi yami ewulungisele abaYo uQobo;
Lapho abaHlengiwe beminyaka yonke
Beyohlabelela "Udumo!" bezungeze isiHlalo sobukhosi esiMhlophe.
Ngezinye izikhathi ngilikhumbula kakhulu iZulu, (uma konke lokhu sekuphelile),
Nenkazimulo engiyoyibuka Lapho:
Kuyoba yinjabulo enkulu lapho sengimbona uMsindisi wami,
KulowoMuzi omuhle wegolide!

564 Khumbulani, ebandleni, kulobubusuku, bazonikezela isidlo. Uma nilapha edolobheni, namanje, nithanda ukuza, sizothanda ukuba nani. Kuyisikhumbuzo salokho esizokudla, ngolunye lwalezizinsuku, naYe.

565 Ngiyanithanda. Angazi ukuthi ngingakuveza kanjani. Ngicabanga ukuthi ningusawoti womhlaba. Futhi ngiyezwa ngokuziphatha kwenu ngaphandle phakathi kwezwe, manje-ke lokho kunginika ithemba elikhulu kini.

566 Kodwa, cabangani, leliqembu elincane liyoba njalo, lithandeka njengoba sinjalo, lizophulwa, ngolunye lwalezizinsuku. Siyophupha ngalokhu. Kodwa uma omunye wethu kwenzeka ashone ngaphambi kokuthi siphinde sibonane futhi, siyo . . .

Ngiyohlangana nani ekuseni, ngaseceleni komfula okhazimulayo,
Lapho zonke izinsizi sezimukile;
Ngiyobe ngimi ngasesangweni elihle isimanga, lapho amasango evuleka kakhulu,
Ekupheleni kosuku lwempilo olude, nolukhandlanayo.
Ngiyohlangana nani ekuseni, ngaseceleni komfula okhazimulayo,
Ngihlala njalo . . . ? . . . ngasemfuleni futhi, nohlwitho, ukwazana okudala sekwenziwe busha, (ngiyonibona ngalesosikhathi, nginazi.)

Niyongazi ekuseni, ngokumamatheka enginakho,
Ngiyohlangana nani ekuseni, eMzini, uMuzi owakhiwe waba yizinhlangothi ezine.

567 Niyawuthanda na? "Size sibonane!" Manje asisukumeni. *Hamba NeGama LikaJesu*, sinike indlela.

568 NiyaMthanda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Akamangalisi na? ["Amen."] Niyakholwa ukuthi leli yiQiniso na? ["Amen."] Niqonde ngakuleyondlela, ngomusa kaNkulunkulu na? ["Amen."] Size sifike lapho:

Wena hamba neGama likaJesu,
Njengesihlangu kubo bonke onoxhaka;
Futhi uma izilingo zikuzungeza macala onke,
Vele nje uphefumule leloGama elingcwele ngomkhuleko.

Yilokho kuphela okufanele kwenziwe, size siphinde sinibone futhi. Kulungile.

Hamba neGama likaJesu,
Mntwana wok'dabuka nosizi;
Liyokunika injabulo nenduduzo,
Lithathe noma uyaphi.

Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

569 Manje, ngidingeke ukuthi ngeqe uMlayezo wami. Ngelinye ilanga, iNkosi ithanda, ngiyobuya futhi ngithathe le "migwaqo ephahlwe yizihlahla," futhi ngikucoshe, niyabo, lapho khona esingaba nesikhathi esiningi. Benikhalaza ngokungahlali isikhathi eside ngokwenele. Sinaso, namhlanje. Kuyashisa. Kodwa, manje, uNkulunkulu anibusise. Ngiyakuthanda lokho kucula.

570 Umakhelwane lapha, wathi, ngobunye ubusuku ngenkathi bekhumula umbhobho ongaphandle, wathi, "Ngiwujabulele kakhulu uMlayezo, kodwa ukunqamuleleni lokho kucula okumnandi, niyabo, ngaphandle na?" Ngakho, makhelwane, uma ulalele kulokhu ukusa, ngicabanga ukuthi sinomakhelwane abahle ukubedlula bonke kokhona eJeffersonville. Sipaka izimoto zethu phambi kwezindlu zabo nakho konke okunye; abasho-lutho ngakho; siyaqhubeka nje. Ngakho, siyababonga manje.

571 O, Umangalisa kakhulu! UNkulunkulu abenani manje.

. . . Gama, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

Size sibonane . . .

572 Asikhothamise ikhanda lethu. Umfundisi uzosikhipha, emizuzwaneni embalwa nje. UNkulunkulu abe nani!

> . . . sibonane ezinyaweni zikaJesu, (eMzini omkhulu, esiHlalweni sobukhosi),
> Size sibonane! size sibonane!
> UNkulunkulu abe nani size sibonane.

